ISIFUNDO SABANTU
ABADALA SESIKOLE
SESABATHA



3 UKWENZELA UNKULUNKULU ABANGANE:

INTOKOZO YOKUBA NESABELO EMSEBENZINI WAKHE

Revival
&REFORMATION

Read Scripture with the global Adventist community.

Engage with prayer needs from around the world.

Discover spiritual resources to help you grow.

REVIVALANDREFORMATION.ORG

Okuqukethwe

1	Sizofakazelani?-*Nhlangulana 27-Ntulikazi 3*	4
2	Ofakazi Abakhangayo: Amandla Obufakazi Bakho-*Ntulikazi 4-10*	12
3	Ukubona Abantu Ngamehlo KaJesu-*Ntulikazi 11-17*	20
4	Amandla Omthandazo: Ukuthandazela Abanye-*Ntulikazi 18-24*	28
5	Ukufakaza Okuqhutshwa NguMoya-*Ntulikazi 25-31*	36
6	Amathuba Angenamkhawulo -*Ncwaba 1-7*	44
7	Ukwabelana NgeZwi-*Ncwaba 8-14*	52
8	Ukusebenza NjengoJesu-*Ncwaba 15-21*	60
9	Ukuba Nomqondo Wempumelelo-*Ncwaba 22-28*	68
10	Indlela Ethathekisayo Yokuzibandakanya-*Ncwaba 23-Mandulo 4*	76
11	Ukwabelana Ngendaba kaJesu-*Mandulo 5-11*	84
12	Isigijimi Esifanelekile Ukwabelana Ngaso-*Mandulo 12-18*	92
13	Igxathu Lokukholwa-*Mandulo 19-25*	100

Ihhovisi Labahleli:
12501 Old Columbia Pike
Silver Spring, MD 20904

Sivakashele ku Web Site yethu:
http://www.absg.adventist.org

Umbhali Obe Negalelo Elikhulu:
Ngu Mark Finley

Umhleli:
Clifford R. Goldstein

Uzakwabo:
Soraya Homayouni

Umphathi Wezokushicilela
Lea Alexander Greve

Umsizi Womhleli
Sharon Thomas-Crews

Umxhumanisi Wase Pacific Press®
Tricia Wegh

Imidwebo:
Lars Justinen

© 2020 General Conference of Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Ayikho ingxenye yesifundo Sesikole seSabatha (Esejwayelekile) engaguqulwa, ilungiswe, ikopishwe, noma ihunyushwe, yinoma ubani ngaphandle kokuthola imvume ebhaliwe kwi General Conference yama Seventh-day Adventists. Amahhovisi eGeneral Conference yama Seventh-day Adventist® agunyazisiwe ukwenza amalungiselelo okuhunyushwa kwesifundo Sesikole seSabatha ngaphansi kwemibandela ethile. Ubunikazi bamalungelo alezo zihumusho nezincwadi ezishicilelwe kuyohlala njalo kungokwe

Okuqukethwe: Ukwenzela UNkulunkulu Abangane
General Conference. Igama elithi "Seventh-day Adventist," "Adventist," kanye nophawu lwelangabi, yizimpawu zokuhweba ezibhaliswe ngokomthetho egameni leGeneral conference yama Seventh-day Adventists® kanti akuvunyelwe ukusetshenziswa kwazo ngaphandle kwemvume yeGeneral Conference.
Isifundo sabadala sesikole seSabatha sihlelwe yihhovisi le Adult Bible Study Guide lase General Conference yama Seventh-day Adventists. Ukuhlelwa kwezifundo kwenzeka phansi kweso elibukhali le Sabbath School Publications Board, okuyisigungu esincane seGeneral Conference Administrative Committee (ADCOM), okuyiyona esabalalisa izifundo. Isifundo esisatshalalisiwe siwumphumela wekomiti elicwaningayo nokwamukelwa yiSabbath School Publications Board, ngaleyo ndlela ke isifundo asiwona umbono wababhali kuphela.

AmaBhayibheli Okucashunwe Kuwo
Izicaphuno zeBhayibheli , ngaphandle kwezithathwe kwi King James Version ngemvume kulesisifundo esejwayelekile, sekota yesithathu ku 2020, zimi kanje: NKJV. New King James Version®. Copyright © 1979, 1980, 1982 by Thomas Nelson, Inc. Zisetshenziswe ngemvume. Onke amalungelo agodliwe.

Ukwenzela UNkulunkulu Abangane:
Intokozo Yokuba Semsebenzini KaNkulunkulu

Kunezikhathi lapho ukuqonda umcabango owodwa kwenza umehluko omkhulu ezimpilweni zethu. Iminyaka eminingi eyedlule, ngangihlezi emhlanganweni wabefundisi kanye nabanye ozwakwethu. Ingxoxo yaphendukela ngokwabelana ngokukholwa, ukufakaza, novangelo. Omunye umhlobo wami wabeka lomcabango: "Uvangelo lungumsebenzi kaNkulunkulu. Usebenzisa zonke izinsiza zezulu ukusindisa lomhlaba. Owethu umsebenzi ukubambisana naYe sithokoza kulomsebenzi wokusindisa iningi labantu." Kwaba sengathi kusuke umthwalo osindayo emahlombe ami. Akusiwo umsebenzi wami ukusindisa umhlaba odukile. OkaNkulunkulu. Okwami ukuthi ngisebenzisane naYe kulokho akwenzayo vele.

Umqondo wokuthi umsebenzi wovangelo okaNkulunkulu uchazwe kulo lonke iBhayibheli. USolomoni uwubeka kanje: "Ubekile nokuphakade ezinhliziyweni zabo" (UMshumayeli 3:11). Uma umuntu ezalwa kulomhlaba, uNkulunkulu ufaka ukulangazelela okwaphakade ekujuleni kwezibilini zalowo muntu. Njengoba u-Augustine wake washo: "Nkosi, sadalelwa Wena, izinhliziyo zethu ngeke zikuthole ukuphumula zize zithole ukuphumula kuWena." Ngokwevangeli likaJohane, uJesu ukukhanya okukhanyisa wonke umuntu ozelwe kulomhlaba (Johane 1:9). UNkulunkulu akagcinanga-nje ngokufaka ngaphakathi kwethu ukuthi simlangazelele, kodwa usithumela uMoya waKhe oNgcwele ukuthi asidonsele kuYe.

Yileso naleso sifiso sokwenza okulungileyo, konke ukuqondiswa ngesono, kuqhutshwa uMoya oNgcwele. Sonke isifiso sokuhle nokutshekela ekutshengiseni isihawu nokungazicabangeli, kuqhutshwa uMoya oNgcwele. Yize noma singekuqondisise, uMoya

oNgcwele uyasebenza ezimpilweni zethu, esidonsela kuJesu (Johane 16:7-15). Kodwa uJesu uqobo yisona sipho esikhulu kunazo zonke.

Mhla isizwe sabantu sicwila esonweni ngokungenathemba, siphansi kwesigwebo sokufa kwaphakade, uthando lukaNkulunkulu lwathatha isinyathelo kuqala. ULuka ubhala athi: " 'Ngokuba iNdodana yoMuntu ize ukufuna nokusindisa okulahlekileyo' " (Luka 19:10). Umphostoli uPawulu wenezela athi: "Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwaKhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKrestu wasifela" (Roma 5:8). UNkulunkulu wasukuma kuqala ukuze sisindiswe. UKrestu washiya inkazimulo yasezulwini, weza kulomhlaba osebumnyameni besono ukuzowusindisa.

Ngaphambi kokuba sithathe nesinyathelo esilinganiswa nesomntwana esiya kuYena, wathatha igxathu elikhulu ukuza kithina. Ngaphambi kokuthi simnike izimpilo zethu, wasihlinzeka ngosindiso ngokufa kwaKhe. Sasiyizitha zaKhe, kodwa waba umngane wethu. Samufulathela, kodwa wabhekisa ubuso baKhe kithina. Sasingamnakile, kodwa wayesinake kakhulu kabi.

KuLuka 15, ubonakaliswa njengomalusi olungileyo ocinga imvu yakhe elahlekile ngokuzinikela okukhulu, owesifazane ophequlula yonke indawo efuna uhlamvu lwesiliva olulahlekile ayeluthole ngomshado wakhe, aphinde afaniswe nobaba osemdala egijima ngokunganaki lutho, eyohlangabeza indodana yakhe ebeyilahlekile.

U-Ellen G. White ukhuluma lamazwi esidinga ukuzindla ngawo: "Icebo losindiso elikhulu lahlelwa ngaphambi kokwesekwa komhlaba. UKrestu wayengeyedwa kulomsebenzi omangalisayo wokuhlengwa komuntu. Emikhandlwini yasezulwini, ngaphambi kokudalwa komhlaba, uBaba neNdodana bavumelana ukuthi uma umuntu engase enze ukungethembeki kuNkulunkulu, uKrestu, emunye noBaba, uyothatha indawo yesoni, athwale isijeziso esasizowela phezu komuntu."—The Advent Review and Sabbath Herald, November 15, 1898.

Ake uzindle ngayo lento umzuzwana. Sinelungelo elimangalisayo kanye nomsebenzi omkhulu, kanye nentokozo yaphakade yokuba nesabelo noKrestu, sibambisane naYe emsebenzini waKhe. Iyona le ingqikithi yalezi fundo kulekota.

Ngokuzalwa engowase Connecticut, e-USA, uMark Finley, umvangeli owaziwa emazweni ngamazwe, wayekade eyiphini likamongameli eGeneral Conference kusukela ngo 2005-2010. Ngemuva kokuthatha umhlalaphansi waba ngumsizi kamongameli weGeneral Conference. UMfundisi Finley nomkakhe uErnestine, banezingane ezintathu nabazukulu abahlanu.

Isifundo 1

**Nhlangulana 27-Ntulikazi 3*

Sizofakazelani?

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Jakobe 5:19, 20; Luka 15:6; Zefaniya 3:17, Johane 7:37, 38; 1 Thim. 2:3, 4; 2 Korinte 5:14, 15.

Indimana Yekhanda:
"Lokhu kuhle, kuyabongeka emehlweni kaNkulunkulu uMsindisi wethu othanda ukuba abantu bonke basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso: (1 Thimothewu 2:3. 4).

Isifiso esikhulu sikaNkulunkulu ukuba abantu kuzo zonke izindawo basabele othandweni lwaKhe, bamukele umusa waKhe, baguqulwe ngoMoya waKhe, basindiswe embusweni waKhe. Akanaso isifiso esikhulu ngaphezu kokusindiswa kwethu. Uthando lwaKhe alunamkhawulo. Umusa waKhe awunakulinganiswa. Isihe saKhe asinasiphelo. Intethelelo yaKhe ayipheli. Amandla aKhe makhulu kakhulu. Ngokungafani nabonkulunkulu babahedeni, bona ababefuna imihlatshelo, uNkulunkulu wethu wenza okuyiwona mhlatshelo omkhulu kakhulu. Akukhathalekile ukuthi sifuna kangakanani ukusindiswa, uNkulunkulu ukulangazela ngaphezu kwalokho ukusindiswa kwethu. "Lokhu kuhle, kuyabongeka emehlweni kaNkulunkulu uMsindisi wethu othanda ukuba abantu bonke basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso (1 Thimothewu 2:3, 4). Ukulangazela kwenhliziyo yaKhe ukuthi wena nami sisindiswe.

Ukufakaza kuphathelene noJesu. Kuphathelene nalokho akwenza ukuze sisindiswe, ukuthi uziguqule kanjani izimpilo zethu, namaqiniso amangalisayo eZwi laKhe, asitshela ukuthi ungubani nobuhle besimilo saKhe. Sizofakazelani? Uma siqonda ukuthi ungubani, sazizwela ukumangalisa komusa waKhe namandla othando lwaKhe, asikwazi ukuthula. Sizofakazelani? Ngesikhathi sibambisene naYe, singena Enjabulweni yaKhe ngokubona abantu besindiswa ngomusa waKhe, beguqulwa ngothando lwaKhe.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNtulikazi 4.*

Ukuvula Amathuba Osindiso

UNkulunkulu uvula amathuba ebantwini zonke izinsuku, yonke indawo, ukuze bamazi. Uyasebenza ezinhliziyweni zabo ngoMoya waKhe oNgcwele. Uyazembula ngobuhle bendalo yomhlaba. Ububanzi, ukuhleleka, nokubumbeka kwamazulu konke kukhuluma ngoNkulunkulu omkhulu, onokuhlakanipha okungenamkhawulo, namandla amakhulukazi. Uhlela izimo empilweni yethu ukuze sidonseleke kuYe.

Nakuba-nje uNkulunkulu ezembula ngokusebenza kukaMoya waKhe, ubuhle bendalo, nezenzo zomusa, ukwembulwa kwaKhe obucace kunabo bonke kutholakala empilweni nomsebenzi kaJesu Krestu. Uma sabelana nabanye ngoJesu, sibanika ithuba elihle kakhulu lokuthi basindiswe.

Funda kuLuka 19:10, uqhathanise noJakobe 5:19, 20. Lifundisani ivangeli likaLuka ngenjongo kaKrestu yokuza lapha emhlabeni? Sibambisana kanjani noKrestu emsebenzini waKhe wokusindisa abalahlekile?

_____

_____

Ngokusho kukaJakobe, “Obuyisile isoni ekudukeni kwendlela yaso uyakusindisa umphefumulo wakhe ekufeni, asibekele izono eziningi” (Jakobe 5:20). Incwadi yabaseRoma iyenaba ngalomcabango. KwabaseRoma 1 no 2, bobabili, abezizwe ababone ukwembulwa kukaNkulunkulu ngemvelo kanye namaJuda athole ukwambulelwa ngeziprofetho zikaNkulunkulu eMibhalweni, balahliwe ngaphandle kukaKrestu. KwabaseRoma 3-5, umphostoli uveza ukuthi usindiso lutholakala ngomusa ngokukholwa kuphela. KwabaseRoma 6-8, uthi umusa olungisisa bonke abakholwayo uphinde ube umusa ongcwelisayo. KwabaseRoma 10, uthi noma ubani obiza igama leNkosi, uyosindiswa, (Roma 10:13), bese ephawula ukuthi akekho ongakhuleka uma engakholwanga, akekho ongakholwa uma engezwanga, futhi akekho ongezwa ngaphandle kokuthi kube khona omtshelayo. Singabaxhumanisi bakaNkulunkulu kulelicebo losindiso, ukufinyelela ebantwini abalahlekile nenkazimulo yevangeli.

Asifakazeli ukunika abantu okuyilona thuba elilodwa lokusindiswa. Sifakazela ukubanika okuyilona elihle kakhulu ithuba. Yini indima yethu kulelicebo likaNkulunkulu lokusindisa isizwe sabantu? Cabanga nangalokhu: bangaki abantu abake bezwa ivangeli liphuma ezindebeni zomlomo wakho uqobo?

_____

_____

Ukuthokozisa uJesu

Ukhona yini owake wakubuza ukuthi luhamba kanjani usuku lwakho? Abuze futhi athi: "Ngabe konke kuhamba kahle kuwena namhlanje?" Bekungaba njani ukuba bewungabuza uNkulunkulu leyo mibuzo? Ubuze uthi: "Nkulunkulu, luhamba kanjani usuku lwaKho?" Ucabanga ukuthi bewungathola impendulo ethini? Mhlawumbe beyingathi: "Usuku lwaMi belunzima kakhulu. Amehlo abegcwele izinyembezi ezinkambini zalabo abakhoselisiwe, kumakhaza, belambile, kunezingane ezikhalayo. Ngizulazule emigaqweni yamadolobha acinene ngabantu, ngakhala nalabo abangenamakhaya nabaswele. Inhliziyo yami iyadabuka ngokubona abesifazane abahlukunyezwayo, nezingane ezethukile zithengiswa ukuze zisetshenziswe njengezigqila zocansi. Ngibone incithakalo yempi, umonakalo wezinhlekelele, nobuhlungu bezifo ezibulala abantu." "Kodwa Nkulunkulu, kukhona yini okukujabulisayo? Ikhona yini into eletha intokozo enhliziyweni yaKho? Ikhona kodwa into ekwenza ucule?"

Funda kuLuka 15:6, 7, 9, 10 no 22-24, 32. Ziphetha kanjani lezindaba, futhi lokho kukutshelani ngoNkulunkulu?

Izulu lonke liyathokoza ngokutholakala kwabadukileyo. Emhlabeni ogcwele izifo, izinhlekelele, nokufa, singaletha intokozo enhliziyweni kaNkulunkulu ngokwabelana ngezindaba ezinhle zosindiso nabanye abantu. Enye yezinto ezinkulu ezikhuthaza ukwabelana ngothando lukaKrestu, ukwazi ukuthi ukufakaza kuletha intokozo enhliziyweni kaNkulunkulu. Sonke isikhathi uma sibonakalisa uthando lwaKhe, izulu lonke liyacula.

Funda kuZefaniya 3:17. Uphendula athini uNkulunkulu uma samukela umusa waKhe osindisayo na?

Ake ucabange ngalokhu. Ngenxa yokufakaza kwakho indoda ethile, noma owesifazane, noma umfana, noma intombazane ethile, yamukela uJesu njengoMsindisi wayo. UJesu uyajabula. Lonke izulu liyaqibuka ngeculo elimnandi, uMsindisi wethu ajabule, ahlabelele, ngenxa yalowo muntu. Yini enye ebeyingaba nomvuzo ongaphezu kokwazi ukuthi ukufakaza kwakho kuletha intokozo enhliziyweni kaNkulunkulu kulomhlaba ogcwele usizi?

Ukukhula Ngokuphana

ULwandle lukaSawoti (Dead Sea) isona isigodi esiphansi kunazo zonke emhlabeni. Lolulwandle lungaphansi kolwandle olwejwayelekile ngo 1 388 feet, okwenza lube yilona oluphansi kakhulu emhlabeni. Umfula iJordani ugeleza uphume oLwandle lwaseGalile, ugcwingcize njalo esigodini saseJordani, uze ugcine oLwandle lukaSawoti. Isimo esishisayo, esomile, nokubalela kwelanga, nogwadule, kwenza amanzi ahwamuke ngokushesha. Njengoba usawoti okulolulwandle ungamaphesenti angu 33.7, akukho lutho oluphilayo kulolulwandle. Akukho zinhlanzi, nokumilayo; kuphela-nje izinambuzane ezihlala ekujuleni kolwandle. Empilweni yethu yobuKrestu, uma umusa kaNkulunkulu ogeleza ungene kithina, ungagelezeli kwabanye abantu, sizofana noLwandle lukaSawoti lona olungenakuphila. NjengamaKrestu, akuyona indlela esifanele ukuphila ngayo leyo.

Funda kuJohane 7:37, 38 noLuka 6:38. Ngokuphambene nokoLwandle lukaSawoti, uma abakholwayo bamukela imihosha eqabulayo yamanzi okuphila avela kuKrestu, uyini umphumela ozenzakalayo?

_____

_____

"UNkulunkulu wayengayifeza injongo yaKhe yokusindisa izoni ngaphandle kosizo lwethu; kodwa ukuze sibe nesimilo esifana nesikaKrestu, kwadingeka ukuthi sibe neqhaza emsebenzini waKhe. Ukuze singene entokozweni yaKhe,--intokozo yokubona imiphefumulo isindiswa ngomhlatshelo waKhe,--kudingekile ukuthi sibambe iqhaza ekusebenzeleni ukusindiswa kwabanye."—Ellen G. White, The Desire of Ages, ikhasi 142.

"Labo abafuna ukunqoba abangazivaleli ngaphakathi; kanti okungukuphela kwento engenza lomsebenzi omkhulu ukuba nomdlandla omkhulu ekusindisweni kwabanye abantu."—Ellen G. White, *Fundamentals of Christian Education*, ikhasi 207. Sikhula ngokwabelana nabanye lokho uKrestu asenzele khona ezimpilweni zethu. Uma ucabanga ngalokho esikuphiwe nguKrestu, yini enye ngaphandle kobugovu obukhulu, engasivimbela ukuthi sabelane nabanye ngalokho esikuphiwe nathi? Kusenjalo, uma singabelani ngokukholwa kwethu, impilo yethu yobuKrestu izofadalala njengoLwandle lukaSawoti.

Athini amava akho ngokufakaza kwabanye, uthandaza nabo, ubasiza nangezinswelo zabo? Lamava abe nomthelela onjani kweyakho inkolo, nohambo lwakho noNkulunkulu?

_____

Ukwethembeka Emyalweni kaKrestu

Ukwethembeka kuKrestu kudinga ukuzimisela ukwenza intando yaKhe. Kudinga ukulalela imiyalo yaKhe. Kuba nomphumela wenhliziyo eshaya kanye neyaKhe ekusindiseni abalahlekile. Kubeka phambili okuyizona zinto eziphambili kuYena.

Funda ku 1 Thimothewu 2:3, 4 kanye no 2 Petru 3:9. Lezindimana zisitshelani ngenhliziyo kaNkulunkulu na? Yini ehamba phambili kuYena?

UNkulunkulu unentshisekelo ngokusindiswa kwabantu. Ayikho enye into ebaluleke njengalokho kuYena. Yisifiso senhliziyo yaKhe ukuthi "bonke" basindiswe, "bafinyelele ekulazini iqiniso" (1 Thim. 2:4). Engathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni" (2 Petru 3:9). I-*SDA Bible Commentary* yenanela kulendimana ngokuthi igama lesiGriki elisetshenziswe ukusho "ukuthanda" lithi boulomai, elisho "isimo somqondo 'sokufuna' noma 'ukufisa.' "Isinanelo bese sikhanyisa ngegama elincane u 'kodwa'. Igama lesiGriki elisho 'ukodwa' lithi alla. Lisetshenziswe lapha ukugcizelela umehluko phakathi kwendlela abanye abachaza ngayo uNkulunkulu, bethi angavuma babhubhe abanye, neqiniso elithi ufisa ukuba bonke basindiswe."—The SDA Bible Commentary, vol. 7, p. 615. Umyalo kaKrestu wokuthi omunye nomunye wethu sibe nesabelo emsebenzini waKhe njengofakazi bothando lwaKhe, umusa waKhe, neqiniso laKhe, kuwumphumela wesifiso saKhe sokuthi bonke abantu basindiswe.

Funda kuZenzo 13:47 uqhathanise noIsaya 49:6. Ekuqaleni yayiqondise kubani lendimana? Umphostoli uPawulu uyisebenzisa kanjani lapha na?

Kukhona izikhathi lapho isiprofetho seTestamente eliDala siba nezincazelo ezingaphezu kweyodwa. Lapha, umphostoli uPawulu uthatha isiprofetho esasikade siqondiswe kuIsrayeli kuqala, nakuMesiya (bheka uIsaya 41:8, Isaya 49:6, noLuka 2:32) bese uqondisa ebandleni leTestamente eliSha. Uma ibandla lingawunaki noma liwubukela phansi umyalo kaKrestu, kusho ukwehluleka kuleyonjongo eliyiphilelayo, lilahlekelwe ubizo lwalo lokuxwayisa umhlaba.

Ngokuqhutshwa Uthando

Kuleliviki sigxile ekuphenduleni umbuzo othi: “Sizofakazelani?” Sithole ukuthi ngokwabelana ngokukholwa kwethu, sithola intokozo yokusebenzisana noNkulunkulu emsebenzini waKhe oqonde ezweni. Ubufakazi bethu ngothando lwaKhe bunika abantu amathuba amakhulu okusindiswa, njengoba bezowubona ngokucacile umusa waKhe neqiniso laKhe. Khona manjalo, ukufakaza kungenye yezindlela zikaNkulunkulu yokusikhulisa enkolweni. Ukwehluleka ukwabelana ngalokho uKrestu asenzele kona nokukhonza abanye, kuminyanisa impilo yokukhonza. Ukufakaza kusixhumanisa nenhliziyo yaLowo olangazelela ukusindiswa kwabo bonke abantu. Ukusabela ngokulalela emyalweni waKhe. Esifundweni sanamhlanje sizofunda ngalokho okukhulu okusiqhubayo ukuthi sifakaze.

Funda ku 2 Korinte 5:14, 15, 18-20. Yini eyayiqhuba uPawulu ukuze akwazi ukumelana nezilingo, izinhlupho, nobunzima ngenxa yevangeli? Khona lokho kungasiqhuba kanjani thina ekusebenzeleni uKrestu?

_____

_____

Umphostoli uPawulu wayeqhutshwa uthando. Kukhona izinto ongazenza ngokuqhutshwa uthando, ongeke wazenza ngesinye isizathu. Uma umphostoli ethi “Ngokuba uthando lukaKrestu luyasiqhubezela,” wayekhuluma iqiniso laphakade. Igama elithi ukuqhubezela esiNgisini lisho ukunxusa, ukuqhuba, ukulawula, noma ukufaka umdlandla omkhulu.” Uthando lukaKrestu lwalulawula izenzo zikaPawulu, ubufakazi bakhe. Ngenjongo engenakwesaba, nokuzimisela komqondo, wabelana ngecebo losindiso kulo lonke elizungeze ulwandle iMediterranean. “Uthando maluhlale enhliziyweni. UmKrestu ohlelekile uthola ugqozi lokwenza izinto othandweni olujulile lweNkosi yakhe. Ngokusuka ezimpandeni zothando lwakhe ngoKrestu, kumpompoza uthando olungenakho ukuzicabangela lwabanye abantu.”—Ellen G. White, *The Adventist Home*, ikhasi 425. Uma siwubona ngempela umhlatshelo omkhulu esawenzelwa nguKrestu, siyamangaliswa uthando lwaKhe, sikhuthazeke ukwabelana nabanye ngalokho asenzele khona.

Lowo owadala yonke indalo (izinkanyezi, izingelosi, amazulu, eminye imihlaba) uYena owafa esiphambanweni ngenxa yethu. Kungenzeka kanjani ukuthi leliqiniso elimangalisayo lingenzi uthando lukaNkulunkulu ngaphakathi kwethu nokufisa ukwabelana ngalolo thando na?

_____

Ukujula Nomcabango:

Funda isihloko encwadini ka Ellen G. White, esithi "God's Purpose for His Church," amakhasi 822-828 ku *The Desire of Ages*. Ibandla ngesikhathi seTestamente eliSha labhekana nengozi yokwehluleka ukuqonda injongo yobukhona balo. U-Ellen G. White uyayichaza lengosi: "Ukuhlushwa okwafikela ibandla eJerusalema kwaba nomphumela wokufakwa kogqozi emsebenzini wevangeli. Ukushunyayelwa kwezwi kwakube nempumelelo kuleyo ndawo, kwaba nengozi yokuthi abafundi bangahlala lapho isikhathi eside, bangawunaki umyalo woMsindisi othi akuyiwe kuwo wonke umhlaba. Bekhohlwa ukuthi amandla okumelana nobubi atholakala ngokuhlasela emsebenzini, bacabanga ukuthi awukho umsebenzi abanawo obaluleke njengokuvikela ibandla laseJerusalema ekuhlaselweni yisitha. Esikhundleni sokufundisa abasanda kuzinikela ukuba bahambise ivangeli kulabo abangakalizwa, babesengozini yokulandela umgwaqo owawuzobaholela ekuthini beneliswe yilokho okwase kwenziwe."—*The Acts of the Apostles*, ikhasi 105.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Bhekisisa isicaphuno sika Ellen G. White esingenhla, kakhulukazi umugqa wokugcina. Kungani nathi namhlanje sidinga ukuqaphela yona leyo ngozi? Njengoba sibhekene nezinselele zokuvangela-nje, umqondo onjalo ungenziwa yini ube mubi ngendlela eyesabekayo?

2. Ucabanga ukuthi kungani zozine izincwadi zevangeli ziphetha ngomyalo ofanayo? Funda kuMathewu 28:18-20, Marko 16:15, 16, Luka 24:46-49, naku Johane 20:21. Kwakusho ukuthini lokhu kubazalwane bangomnyaka-khulu wokuqala, futhi kufanele kusitsheleni thina namhlanje?

3. Kungenzeka yini ukuthi ukufakaza nokukhonza kuthathe indawo yokukholwa okuqinisekile? Uma kunjalo, kanjani, futhi singenze njani ukuze sigweme lolo gibe?

4. Eklasini, xoxani ngempendulo yombuzo osekugcineni kwesifundo sangolwesiThathu, mayelana nokuthi ukufakaza nokukhonza kunamthelela muni kokwakho ukukhula enkolweni. Yiziphi ezinye izinto ozifundile ezingasiza abanye? Yimaphi amaphutha owake wawenza ongasiza abanye ukuthi bawagweme?

5. Ake ugxile kuleliqiniso elimangalisayo lokuthi uNkulunkulu usithanda sonke ngamunye ngamunye. Ukuzwa kanjani lokho? Kufanele leliqiniso elibaluleke kangaka emhlabeni libe namthelela muni endleleni ophila ngayo?

Isifundo 2

**Ntulikazai 4-10*

Ofakazi Abakhangayo: Amandla Obufakazi Bakho

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Marko 5:15-20, Marko 16:1-11, IZenzo 4:1-20, 1 Johane 1:1-3, Gal. 2:20, IZenzo 26:1-32.

Indimana Yekhanda:
"Ngokuba thina asinakuyeka ukukhuluma ngalokho esikubonileyo nesikuzwileyo" (IZenzo 4:20).

Kukhona amandla angavamile ebufakazini bomuntu oyedwa. Uma izinhliziyo zethu zifudunyezwe uthando lukaKrestu, saguqulwa ngomusa waKhe, sinokuthile okubalulekile esingakusho ngaYe. Into eyodwa ukwabelana ngalokho uJesu akwenzele omunye umuntu. Enye into ukwabelana ngalokho akwenzele wena uqobo.

Kulukhuni ukuphikisa umuntu ngalokho okwenzeke kuyena uqobo lwakhe. Abantu bangayiphikisa imfundiso yakho noma indlela ochaza ngayo iZwi, futhi bangahlekisa nangenkolo. Kodwa uma umuntu ekwazi ukuthi: "Ngangikade ngingenathemba, kodwa manje senginethemba; ngangihlushwa unembeza, kodwa manje nginokuthula; ngangingenanjongo, kodwa manje nginayo," ngisho nalabo abangabaza yonke into bayathinteka ngamandla evangeli.

Nakuba abanye abantu bengaphenduka ngesikhashana njengomphostoli uPawulu endleleni eya eDamaseku, izikhathi eziningi ukuphenduka kwenzeka uma umuntu ekhula ngokubona uJesu oligugu, ebona umusa waKhe omangalisayo, eba nokubonga okukhulu ngosindiso aluphiwa ngesihle. UKrestu ushintsha izimpilo zethu ngendlela emangalisayo. Yilobu bufakazi obudingwa kakhulu yizwe, futhi elibulangazelayo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ntulikazi 11.*

Ofakazi Abangajwayelekile

Funda ku Marko 5:15-20. Ucabanga ukuthi kungani uJesu athumela lendoda eDekapholi ukuyofakaza emndenini wayo nabangane kunokuba ayicathulise kulenkolo esanda kuyithola ngokuthi ayigcine iseduze naYe?

Igama elithi Dekapholi lakhiwe amagama amabili: deca, okusho ishumi, no polis okusho imizi/amadolobha. Isifunda saseDekapholi kwakuyindawo enamadolobha ayishumi agudle ugu lolwandle lwaseGalile ngomnyaka-khulu wokuqala. Lamadolobha ayehlanganiswe ukukhuluma ulimi olulodwa kanti namasiko ayefana. Lendoda eyayinamademoni yayaziwa kulendawo. Yayesatshwa ngenxa yezenzo zayo zodlame ezingalindelekile. UJesu wabona kulendoda umuntu olangazelele okungcono, ngakhoke wayikhulula ngendlela emangalisayo emadimonini ayekade eyihlupha.

Kuthe uma abantu basendaweni bezwa ukuthi uJesu uvumele amadimoni ukuba angene emhlanjini wezingulube, nokuthi izingulube lezo zahlanya, zakhalakathela olwandle, baphuma beza ukuzobana ukuthi kwenzekani. Ivangeli likaMarko lithi: “Base beza kuJesu, bambona lowo owayekade enelegiyona ehlezi, embethe, esemqondweni. Base besaba” (Marko 5:15). Lendoda yayiseyiphila futhi—emzimbeni, engqondweni, nasemphefumulweni. Ingqikithi yevangeli ukubuyisela abantu abaphoqozwe yisono ukuba bathole ukupheleliswa uKrestu abadalele kona.

Akekho owayefaneleke ngaphezu kwalendoda okwakhishwa kuyo amadimoni ukunikeza ngobufakazi bayo kuso sonke leso sifunda. U-Ellen G. White uyibeka kahle lendaba: “Njengofakazi bakaKrestu, kudingeka sikhulume ngesikwaziyo, lokho esikubonile thina uqobo, sakuzwa, sakuthinta. Uma besilandela uJesu isinyathelo ngesinyathelo, sizokuba nakho okushaya khona, esingakutshela abanye mayelana nendlela asihole ngayo. Singakhuluma ukuthi sizivivinyile izethembiso zaKhe, sazithola ziqinisekile. Singafakaza ngesikwaziyo ngomusa kaKrestu. Lobu ubufakazi obufunwa yiNkosi, nezwe elibhubha ngoba lingenabo.”—The Desire of Ages, ikhasi 340. UNkulunkulu uvame ukusebenzisa ofakazi abangalindelekile, abaguqulwe umusa waKhe ukwenza umehluko emhlabeni.

Ithini eyakho indaba; sisho indaba yokuphenduka kwakho? Ubatshelani abanye ngendlela owakholwa ngayo? Ungamnikani umuntu ongakaguquki ongase asizakale ngamava owabelana ngawo?

Ukumemezela uKrestu Owavuka

Kwakusekuseni ngosuku lokuQala, oMariya ababili bahamba ngokushesha beya ethuneni likaKrestu. Babengayi ukuyocela utho kuYe. Umuntu ofileyo wayengabaphani? Mhla begcina ukumbona, umzimba waKhe wawugcwele igazi, unemivimbo, namanxeba. Okwenzeka esiphambanweni kwakuqoshiwe ezingqondweni zabo. Manje babezenzela okuwumsebenzi wabo. Ngokudabuka, baya ethuneni ukuyogqumisa ngemithi isidumbu. Usizi lwalubhalwe ebusweni babo ngaleso sikhathi sobumnyama bokungabi nethemba. Ikusasa lalingaqinisekile, futhi lingabonakali ithemba. Kuthe befika ethuneni, bethuka ukulithola lingenamuntu. UMathewu ubhala ngezigigaba zalolosuku lovuko ngalamazwi: "Kodwa ingelosi yaphendula yathi kwabesifazane: 'Ningesabi nina; ngokuba ngiyazi ukuthi nifuna uJesu obebethelwe esiphambanweni; kakho lapha, ngokuba uvukile' " (Mathewu 28:5, 6). Abesifazane manje bakhungathwa yinjabulo. Ukudabuka kwabo kwancibilikiswa yilanga lokusa kosuku lovuko. Ubusuku babo bokudabuka kwase kwedlule. Injabulo yagcwala ebusweni babo, izingoma zenjabulo zathatha indawo yezinyembezi zabo zosizi.

Funda kuMarko 16:1-11. Wasabela kanjani uMariya uma ethola ukuthi uKrestu uvukile kwabafileyo na?

_____

_____

_____

_____

Ngemuva kokuthi uMariya esehlangene noKrestu ovukile, wagijima ukuyosabalalisa lendaba. Izindaba ezimnandi ezokwabelwana ngazo, naye-ke wayengakwazi ukuthula. UKrestu uyaphila! Ithuna laKhe alinamuntu; izwe malikwazi lokho. Nathi-ke uma sesihlangene noKrestu ovukile ezindleleni zasemhlabeni, asigijime simemezele leyondaba, ngoba izindaba ezinhle ezokwabelana ngazo.

Kuyamangalisa futhi ukuthi phezu kwazo zonke izikhathi uJesu ayebatshela ngokuzokwenzeka, ukuthi uzobulawa bese uyavuka, abafundi—labo ababekhethwe nguJesu—abavumanga ukukholwa ubufakazi bukaMariya. "Kwathi bona sebezwile ukuthi uyaphila nokuthi uboniwe nguye, abaze bakholwa" (Marko 16:11). Kanjalo-ke, noma abafundi bakaJesu bengakholwanga ngaleso sikhathi, asingamangali uma abanye bengawamukeli ngokushesha amazwi ethu.

Kwagcina nini ukwenzeka kuwena ukuthi ubufakazi bakho buhlangane nembibizane? Wenze njani, futhi wafundani ngalawo mava?

Impilo Eguquliwe Yenza Umehluko

“Kwathi bebona isibindi sikaPetru noJohane, beqonda ukuthi bangabantu abangafundile, bayimifunda nje, bamangala, babazi ukuthi kade benoJesu” (IZenzo 4:13).

Ibandla lesikhathi seTestamente eliSha landlondlobala ngokukhula. Kwabhabhadiswa izinkulungwane ezintathu ngePentekoste (IZenzo 2:41). Kwenezelwa ezinye izinkulungwane emasontweni alandelayo (IZenzo 4:4). Kungekudala, iziphathimandla zabona ukuthi kwenzekani. Labazalwane beTestamente eliSha babekade benoKrestu. Izimpilo zabo zaziguquliwe. Babeguqulwe ngomusa waKhe, abakwazanga ukuthula.

Funda kuZenzo 4:1-20. Kwenzekani lapha? Kwenzekani uma iziphathimandla zizama ukuthulisa uPetru noJohane? Baphendula bathini?

Labazalwane babebasha kuKrestu, futhi kwakudingekile ukuthi bayimemezele indaba yabo. UPetru, umdobi owayekhulumela futhi, waguqulwa ngomusa kaNkulunkulu. UJakobe noJohane, amadodana okuduma ababengakwazi ukubamba ulaka lwabo, baguqulwa ngomusa kaNkulunkulu. UThomase ongabazayo waguqulwa ngomusa kaNkulunkulu. Abafundi namalunga ebandla lokuqala bonke babenendaba abangayixoxa. Babengeke bakwazi ukuthula. Qaphela lamazwi anohlonze kaEllen G. White encwadini iSteps to Christ: “Masinyane-nje ngemuva kokuthi umuntu ehlangene noKrestu, kuba khona enhliziyweni yakhe ukufisa abanye ukuthi usethole umngane oyigugu kangakanani onguJesu; iqiniso elisindisayo nelingcwelisayo alikwazi ukuvalelwa enhliziyweni yakhe.”—*Ikhasi* 78. Qaphela futhi, ukuthi abaholi kwezenkolo bathini endimaneni ka 16. Basivuma ngokusobala isimangaliso esasenzekile—umuntu owayephulukisiwe wayemi phambi kwabo. Naphezu kwakho konke lokhu, benqaba ukuguqula imiqondo yabo. Kodwa, phezu kwalokho kunganaki, uPetru noJohane babengazimisele ukuhlehla ebufakazini babo.

Kunabudlelwane buni phakathi kokwazi uKrestu nokwabelana ngoKrestu? Kungani ukwazi uKrestu kudingeke kangaka kithina ukuze sikwazi ukufakaza ngaYe?

Ukwabelana Ngamava Ethu

KuZenzo 26, sithola umphostoli uPawulu eyisiboshwa, emi phambi kwenkosi uAgripha. Lapho, ekhuluma eqondise-ngqo enkosini, uPawulu wenza obakhe ubufakazi, ekhuluma ngempilo yakhe, kungeyona kuphela yalowo owayehlupha abalandeli bakaKrestu; kodwa futhi ngemuva kokuququka kwakhe, ekhuluma ngempilo yakhe njengofakazi kaJesu, nesithembiso sovuko kwabafileyo (IZenzo 26:8). Mhla uPawulu ephenduka endleleni eya eDamaseku, iNkosi yethu yakhuluma kuye yathi: "Ngibonakale kuwe ngalokho ukuba ngikumise ube yisikhonzi nofakazi walokhu engizakuzibonakalisa kuwe ngakho" (IZenzo 26:16). Ukwabelana ngokukholwa kwethu kuhlale kuyinto enamandla. Ukumemezela indaba yalokho uKrestu asenzele kona ngesikhathi esedlule, lokho akwenzayo ezimpilweni zethu namhlanje, nalokho azosenzela kona esikhathini esizayo. Ukufakaza akuphathelene nathi. Njalo-nje kuphathelene naYe. UnguNkulunkulu uthethelela ububi bethu, ophilisa izifo zethu, osiqhelisa ngothando nomusa, asenelise ngezinto ezinhle (IHubo 103:3-5). Ukufakaza ukwabelana ngendaba yethu yomusa omangalisayo. Ubufakazi bokuhlangana kwethu naloNkulunkulu onomusa omangalisayo.

Funda ku 1 Johane 1:1-3, uqhathanise namaGalatiya 2:20. Yikuphi okufanayo okubonayo? Amava kaJohane afana kanjani nakaPawulu?

_____

_____

Nakuba uJohane noPawulu babenamava angafani empilweni, bobabili bahlangana noJesu. Amava abo noJesu akusiwo lawo enzeka ngesikhathi esithile esedlule, bese kuyaphela njalo. Ayeqhubeka, zonke izinsuku bethokoza othandweni lwaKhe, behamba ekukhanyeni kweqiniso laKhe.

Singasho yini ukuthi ukuphenduka into yesikhathi esedlule kuphela? Ake ubuke lamazwi ka Ellen G. White mayelana nalabo ababecabanga ukuthi ukuphenduka kwabo esikhathini esedlule kwanele: "Kungathi njengoba kukhona ulwazi abake baluthola ngenkolo ngesinye isikhathi, abasadingi ukuphenduka nsuku zonke; kodwa sonke, zonke izinsuku, sidinga ukuphenduka."—Manuscript Releases, vol. 4, *ikhasi* 46.

Ngokungakhathalekile ukuthi ayenjani amava akho ngesikhathi esingaphambili, noma wawunamandla unyakazisa izintaba, kubaluleke ngani ukuba nobudlelwane neNkosi usuku ngosuku, uzwe ubukhona baYo nokulunga namandla aYo usuku ngosuku na? Woza nempendulo yakho eklasini ngeSabatha.

_____

Amandla Obufakazi Bakho

Ake siphinde sibuke uPawulu ephambi kuka Agripha. Umphostoli uPawulu umi phambi kwalendoda, engeyokugcina emakhosini amaJuda, amaMaccabees, futhi engowendlu kaHerodi. U-Agripha wayezibiza ngokuthi ungumJuda, kodwa enhliziyweni wayengumRoma. (Bheka iSDA Bible Commentary, vol. 6, ikhasi 436.) Lomphostoli osemdala, ekhandlekile ngenxa yokuhamba kwakhe evangela, emidwa-yidwa ngenxa yalempi ephakathi kokulunga nobubi, umile lapho, inhliziyo yakhe igcwele ukulunga kukaNkulunkulu. Noma ngabe kwakwenzekeni empilweni yakhe, noma wayehlushwe kangakanani, noma wayehlangabezene nobunzima obungakanani, angasho ukuthi uNkulunkulu muhle. U-Agripha uyangabaza, ikhanda liqinile, futhi akathintwa-nje ukulunga. Ngokuqhathanisa, uPawulu ugcwele ukukholwa, uzinikele eqinisweni, uyiqhawe lokuvikela ukulunga. Umehluko phakathi kwalamadoda amabili wawusobala. Ngesikhathi secala lakhe, uPawulu ucela imvume yokukhuluma ku Agripha, wavunyelwa.

Funda kuZenzo 26:1-32. UPawulu wafakaza wathini ku-Agripha? Singafundani emazwini akhe?

_____

_____

_____

Ubumnene buvula izinhliziyo kanti ubudlova buyazivala. UPawulu utshengisa umusa omkhulu kakhulu kuAgripha lapha. Umbiza ngokuthi “uyisazi sawo wonke amasiko nokuphikisana kwabaJuda” (IZenzo 26:3). Ngemuva kwalokho usengena engxoxweni yokuphenduka kwakhe.

Funda indaba yokuphenduka kukaPawulu kuZenzo 26:12-18, bese uqaphelisisa umthelela kuAgripha kuZenzo 26:26-28. Ucabanga ukuthi kungani uAgripha asabela ngendlela asebela ngayo? Yini eyamthinta ngobufakazi bukaPawulu?

_____

Ubufakazi bukaPawulu ngendlela uJesu aguqula ngayo impilo yakhe yaba nomthelela omkhulu kulenkosi engakholwa. Abukho ubufakazi obunamandla njengempilo eguquliwe. Ubufakazi bempilo eguqulwe ngempela bunomthelela omangalisayo kwabanye. Ngisho namakhosi angakholwa ayathinteka yimpilo eguqulwe umusa. Noma singenayo indaba ethathekisa njengekaPawulu, sonke sifanele ukwazi ukutshela abanye ukuthi kusho ukuthini ukwazi uJesu nokuhlengwa yigazi laKhe.

Ukujula Nomcabango:

Funda amakhasi 433-438 phansi kwesihloko esithi "Almost Thou Persuadest Me," encwadini ka Ellen G. White ethi *The Acts of the Apostles*. Ingqikithi yempilo yobuKrestu ubudlelwane noJesu obucebile nobugcwele okwenza sifune ukwabelana ngakho. Nakuba imfundiso ibalulekile futhi ifanelekile, ngeke ithathe indawo yempilo eguqulwe ngomusa nothando. U-Ellen G. White uyakucacisa uma ebhala ethi: "UMsindisi wayazi ukuthi akukho ngxoxo noma yenza umqondo kangakanani, engancibilikisa izinhliziyo ezilukhuni noma ifinyelele ebulukhunini bobuzwe nokuzicabangela. Wayazi ukuthi abafundi baKhe kudingeka bathole isipho sasezulwini; ukuthi ivangeli liyokuba namandla kuphela uma limenyezelwa yizinhliziyo ezifudumele, nezindebe eziphiwe ukukhuluma ngolwazi oluphilayo lwaLowo oyiNdlela, iQiniso, nokuPhila."—The Acts of the Apostles, ikhasi 31. Encwadini i-The Desire of Ages, uthasisela lomcabango onamandla: "Uthando lukaKrestu olumangalisayo luzoncibilikisa futhi luthambise izinhliziyo, lapho khona ukuphindaphindwa kwemfundiso kungenazithelo."—*Ikhasi* 826. Kukhona labo abacabanga ukuthi ukunikeza ubufakazi bakho kuphelele ekutsheleni abanye amaqiniso owathole eZwini likaNkulunkulu. Nakuba kubalulekile ngesikhathi esifanelekile ukwabelana ngamaqiniso eZwi likaNkulunkulu, ukufakaza kwakho kunokwenza kakhulu nokukhululeka kunembeza, ube nokuthula, umusa, ukuxolelwa, amandla, ithemba, nentokozo oyithole ngesipho sokuphila kwaphakade esisiphiwa nguJesu ngesihle.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Ucabanga ukuthi kungani ubufakazi bethu bunomthelela ongaka kwabanye? Ubufakazi okwenziwa abanye abantu kube nomthelela ongakanani kuwena?

2. Eklasini, xoxani ngempendulo yakho embuzweni wokugcina wesigaba sangolwesiNe. Kubaluleke ngani ukuba nobudlelwane bansuku zonke neNkosi, kungesikho ekufakazeni-nje kuphela, kodwa nasenkolweni yethu futhi?

3. Yebo, ubufakazi obunamandla kungaba nomthelela omkhulu. Kusenjalo, kungani ukuphila impilo yokukholwa kuyinxenye ebaluleke kangaka ekufakazeni kwethu?

4. Abelana neklasi ngobufakazi bakho. Khumbula ukuthi wabelana ngalokho uKrestu akwenzele kona, nokuthi usho ukuthini kuwena namhlanje. Wenza mehluko muni uJesu empilweni yakho?

Isifundo 3

**Ntulikazi 11-17*

Ukubona Abantu Ngamehlo kaJesu

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Marko 8:22-26; Johane 4:3-34; Johane 1:40, 41; Marko 12:28-34; Luka 23:39-43; IZenzo 8:26-38.

Indimana Yekhanda:
"Wayesethi kubo: 'Ngilandeleni, ngiyakunenza nibe ngabadobi babantu' " (Mathewu 4:19).

UJesu uYena ohamba phambili ekuzuzeni imiphefumulo. Ngokuqaphela indlela uJesu ayesebenza ngayo nabantu, singafunda ukuholela abanye ekwazini ngosindiso ngoJesu Krestu. Uma sihamba naYe emigaqweni eminyene yaseJerusalema, ezindleleni ezinothuli zaseJudiya, namagquma anotshani aseGalile, sizothola indlela ayembula ngayo izimiso zombuso ebantwini ababefuna iqiniso.

UJesu wabona bonke abesilisa nabesifazane bengazuzeka ukungena embusweni waKhe. Wayebabona bonke ngamehlo esihe sasezulwini. Wabona uPetru hhayi njengomdobi okhulumela futhi nongaphucuzekile, kodwa njengomshumayeli wevangeli onamandla. Wabona uJakobe noJohane hhayi njengezishoshovu ezinolaka, kodwa njengabamemezeli abanomdlandla bomusa waKhe. Wabona ukulangazela okujulile kothando lweqiniso nokwamukeleka ezinhliziyweni zika Maria Magdalena, owesifazane waseSamariya, kanye nowesifazane owayenomopho. Wabona uThomase hhayi njengomuntu ongabazayo, kodwa njengomuntu onemibuzo eqinisekile. Noma ngabe kwakungamaJuda noma abezizwe, abesilisa noma abesifazane, isela esiphambanweni, induna yekhulu, noma onamadimoni, uJesu wayebona okuhle kubona okuvela kuNkulunkulu, ababuke ngamehlo osindiso.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNtulikazi 18.*

Ukuthinta Kwesibili

Kukhona isimangaliso esisodwa vo kulo lonke iBhayibheli uJesu asenza ngezigaba ezimbili. Esokuphiliswa kwendoda eyimpumputhe eBetsayida. Lendaba isiphathele izifundo ezingagugi njengebandla likaKrestu namhlanje. Itshengisa icebo likaNkulunkulu lokusebenzisa yilowo nalowo okholwayo ukuletha omunye kuJesu. IBhayibheli lithi: "Bafika eBetsayida. Base beletha kuYe impumputhe, bamncenga ukuba ayiphathe" (Marko 8:22). Amagama amabili agqamile lapha nanka: "baletha" nelithi "bamncenga." Impumputhe ayizizelanga. Abangane bayo babona isidingo sayo, bayiletha kuYe. Kungenzeka ukuthi yayingenalo ithemba elingakanani, kodwa bona babenalo. Babekholwa ukuthi uJesu uzoyivula amehlo lendoda.

Zilinganiselwa ku 25 izimangaliso zokuphilisa ezenziwa nguJesu eTestamenteni eliSha. Kwezingaphezu kwesigamu, isihlobo noma umngane uletha umuntu ukuthi azophiliswa nguJesu. Abantu abaningi ngeke beze kuJesu ngaphandle kokuthi omunye onokukholwa, abalethe. Indima yethu "ukwazisa" abantu kuJesu, sibalethe kuYena. Igama lesibili esifanele sicabange ngalo kuMarko 8:22, elithi bamncenga. Lingash o "ukunxusa noma ukukhuthaza." Likhomba isicelo esimnene, somusa, esingafani nokumemeza kokufuna ngenkani. Abangane balendoda bacela uJesu ngesizotha, bekholwa ukuthi uyafuna vele ukuyisiza kanti unawo namandla okukwenza lokho. Kungenzeka ukuthi lendoda yona yayingakholwa ukuthi uJesu angayiphilisa, kodwa abangane bayo babekholwa. Ngesinye isikhathi sidinga ukuthwala abanye abantu sibayise kuJesu ngamaphiko okukholwa.

Funda kuMarko 8:22-26. Ucabanga ukuthi yini indaba aphilisa lendoda ngezigaba ezimbili? Lendaba isiphathele ziphi izifundo thina namhlanje njengofakazi bakaJesu?

_____

_____

Kungase kwenzeke yini ukuthi nathi, asibaboni ngokucacile abantu? Ngabe sike sibabone befana "nezihlahla ezihambayo" beyizithunzi esikhundleni sokuba abantu abanethuba lokungena embusweni kaNkulunkulu? Ucabanga ukuthi yini esenza ngezinye izikhathi singababoni ngokucacile abantu?

Ngaphandle kwesifundo esisobala sendlela uNkulunkulu asisebenzisa ngayo ukufinyelela ebantwini, yini enye esingayifunda kulendaba? Isibonelo, ingasifundisani ngokuthi ukuhlangayela kokwelapha kukadokotela nomthandazo kungaba neqhaza ekuphilisweni nasekusebenzeleni abadukile?

_____

Isifundo Ngokwamukeleka

Ngokuba yisibonelo sabo sokuthi kusho ukuthini ukubuka abantu ngendlela entsha, uJesu wafundisa abafundi baKhe ukubuka abantu ngamehlo ezulu. Indlela ayebuka ngayo abantu yayehluke kakhulu. Akabukanga into abayiyona, kodwa wabona abangase babe yikho. Kukho konke ukuxhumana kwaKhe nabantu, wabaphatha ngesithunzi nenhlonipho. Wayevame ukumangaza abafundi baKhe ngendlela ayephatha ngayo abantu. Lokhu sikubona kahle ekuxhumaneni kwaKhe nowesifazane waseSamariya.

I-Arcaeological Study Bible iphawula ngobudlelwane phakathi kwamaJuda namaSamariya: "Ukwehlukana okwakukhona phakathi kwamaJuda namaSamariya kwakusuka kude, emuva. Ku 2 Amakhosi 17 kuthiwa amaSamariya ayeyinzalo yabantu baseMesapotamiya, abaphoqwa yinkosi yase Asiriya ukuba bahlale emazweni asenyakatho nelakwaIsrayeli ngesikhathi sokuthunjwa okwenzeka ngo 722 B.C. Baxubanisa ukukhonzwa kukaJehova nemikhuba yezithixo."—The Arcaaeological Study Bible (Zondervan Publishing, 2005), ikhasi 1727. Ukwenezela lapho, bazikhethela abapristi ababezobangisana nabamaJuda, bazakhela nethempeli elibangisayo entabeni iGerizim. Uma bebheka lokhu kwehluka okungaka kwenkolo yamaSamariya, abafundi bakhungatheka uma uJesu ekhetha indlela enqamula eSamariya ngesikhathi eya eGalile. Bamangala ngokuthi uJesu akazange angene empikiswaneni yezenkolo. Wavele waqonda-ngqo ekulangazeleleni kowesifazane ukuthi amukeleke, athandwe, athethelelwe.

Funda kuJohane 4:3-34. UJesu wayiqala kanjani inkulumo nowesifazane waseSamariya? Yena wasabela ngokuthini kuleyo nkulumo kaJesu? Abafundi bakuthatha kanjani ukuxoxa kukaJesu nowesifazane waseSamariya, uJesu Yena wawenabisa kanjani umbono wabo?

_____

_____

Isifundo saphakade uJesu ayefisa ukusifundisa abafundi baKhe, nathi sonke, yilesi: "Labo abanoMoya kaKrestu bazobona bonke abantu ngamehlo anesihe sasezulwini."—Ellen G. White, *The Signs of the Times*, June 20, 1892.

Yibaphi abantu, okuthi ngenxa yendlela ophila ngayo neyomphakathi, ubabukela phansi? Kudingeke ngani ukuthi ushintshe umqondo wakho, futhi lungenzeka kanjani lolo shintsho?

_____

Qala Lapho Ukhona

Kukhona owake washo lokhu, futhi eqinisile: “Ekuphileni, okuyiyona indawo odinga ukuqala kuyo, yilapho ukhona ngoba ayikho enye indawo ongaqala kuyo.” UJesu walibethelela leliphuzu kuZenzo 1:8 lapho ethi: “Kodwa nizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, nibe ngofakazi baMi eJerusalema, naseJudiya lonke, naseSamariya kuze kube sekugcineni komhlaba.”

Umlayezo kaJesu kubafundi baKhe wawusobala kakhulu ukuthi bangawuqondi: qalani lapho nikhona. Fakaza lapho uNkulunkulu ekutshale khona. kunokuba uphuphe ngamathuba angcono, qala ngalawo akuzungezile. Buka ngamehlo ezulu izinto ezingenzeka eduze kwakho! Awudingi ukuba yisifundiswa, noma igagu, noma onamakhono. Nakuba engaba lusizo olungakanani amanye awo lawo makhono uma esetshenziswa kahle, okusalayo, okudingayo-nje ukuthanda uNkulunkulu nokuthanda imiphefumulo. Uma ufuna ukufakaza, uNkulunkulu uzokuvulela indlela ukwenza lokho.

Funda kuJohane 1:40:41, Johane 6:5-11, noJohane 12:20-26. Lezindimana zikutshelani ngokubuka kukaAndreya ngokomoya, nendlela ayebuka ngayo ukufakaza?

_____

_____

Okwenzeka kuAndreya kusho lukhulu kithina. Waqala emndenini wakhe. Waqala ukwabelana ngoKrestu nomfowabo, uPetru. Wakha ubudlelwane obuhle nomfanyana owagcina enike uJesu ukudla, kwenzeka isimangaliso, futhi uAndreya wayazi ukuthi enzeni ngamaGriki. Kunokuba aphikisane nawo ngezenkolo, wasibona isidingo sawo, wawayisa kuJesu.

Ubuhlakani bokuzuza imiphefumulo ubuhlakani bokwakha ubudlelwane obuhle nobunakayo. Cabanga ngabantu abasondelene nawe abangamazi uJesu. Bayambona yini empilweni yakho umuntu onesihe nonakayo? Bayakubona yini kuwena ukuthula abakulangazelelayo? Impilo yakho iyisikhangiso sevangeli yini? Sakhela uNkulunkulu abangane ngokwabelana ngoJesu. Baba abangane abangamaKrestu, bese kuthi ekugcineni, uma sabelana ngesigijimi sezinsuku zokugcina seqiniso leBhayibheli, babe amaSeventh-day Adventist nabo.

Kwenziwa yini ngesinye isikhathi kube lukhuni kangaka ukuholela abomndeni wethu nezihlobo kuKrestu? Uke waphumelela ukwabelana ngoKrestu nabanye bomndeni wakho noma abangane abasondele? Ake usho amanye amaphuzu iklasi elingasizakala ngawo.

_____

Ukusebenza Nabantu Abalukhuni

UJesu wayehamba phambili ekusebenzeni nabantu abalukhuni. Ngamazwi aKhe nezenzo, watshengisa ukwamukela. Wayelalela ngokucophelela izinkinga zabantu, abuze imibuzo, kancane kancane embule amaqiniso asezulwini. Wayekubona ukulangazela okungaphakathi nakuleyo nhliziyo elikhuni kakhulu, abone ubuhle obungavela nakuleso soni esibi kakhulu. KuJesu, akukho muntu owaye ngeke afinyelelwe ngevangeli. UJesu wayekholwa ukuthi "Akekho ophansi, nomubi ngendlela yokuthi angekuthole ukukhululeka kuKrestu."—Ellen G. White, The Desire of Ages, ikhasi 258. UJesu wayebuka abantu ngezibuko ezihlukile kunendlela esibuka ngayo thina. Wayebona emntwini ngamunye isibuko senkazimulo salokho okwakudaliwe ekuqaleni. Waphakamisa indlela yabo yokucabanga ukuze babone lokho abangafinyelela kukho, futhi abaningi bafinyelela kuleyo migomo yaKhe ngempilo yabo.

Funda kuMathewu 4:18, 19; Marko 12:28-34; noLuka 23:39-43. Yini oyithola ifana obizweni lukaKrestu kuPetru noJohane, ummbali esinganikwanga igama lakhe, nesela esiphambanweni? Funda ngendlela uKrestu akhuluma ngayo nalabantu. Yini oyibona igqamile?

Yonke indawo lapho uJesu waya khona wayebona okungenzekela inkolo; phansi kwezimo ezingathembisi, wayebona abantu abangase bangene embusweni kaNkulunkulu. Lelo khono silibiza ngokuthi "amehlo okukhula kwebandla." Lawo mehlo amehlo afunde ukubona abantu njengoba uJesu ebabona, abantu abangazuzeka embusweni kaNkulunkulu. Lokhu kubandakanya ne "zindlebe zokukhula kwebandla," okuyinto ephathelene nokulalela izidingo ezingaphinyiselwanga zalabo abasizungezile. Kusho ukulalela ukulangazelela kwezinhliziyo zabo okuthile abangenakho, yize noma bengazange bakuphimisele obala.

Cela uNkulunkulu ukuthi akwenze uthintwe ukusebenza kukaMoya oNgcwele ezimpilweni zabanye. Thandaza ukuthi uNkulunkulu akuthinte okwesibili, avule amehlo akho ubone amathuba akulethela wona usuku ngosuku, okwabelana ngokukholwa kwakho nabanye. Funa uNkulunkulu, akuphe iso elibonayo, inhliziyo elalelayo nenozwelo, nokuzimisela ukwabelana nabanye ngaloKrestu omaziyo nomthandayo, khona uzokuba sendleleni ethokozisayo empilweni yakho yonke. Impilo izoshintsha. Uzothola ukwaneliseka nentokozo ongakaze uyizwe ngaphambili. Yilabo kuphela abasebenzela imiphefumulo abazi ukweneliseka okutholakalayo.

Ukubona Amathuba Avulwe Yizulu

Incwadi yeZenzo igcwele yizindaba zokuthi abafundi bawasebenzisa kanjani amathuba okuqhubekisela phambili umbuso kaNkulunkulu. Kusukela ekuqaleni kuye ekugcineni, sifunda izindaba ezikhuthazayo ngebandla lokuqala nendlela elakhula ngayo nakuba lalibhekene nezinselele ngaphakathi nangaphandle.

Njengesibonelo, ku 2 Korinte 2:12, 13 umphostoli uPawulu ekhuluma ngokwenzeka kuyena eTrowa, uthi: "Kepha mhla ngifika eTrowa ukuba ngishumayele ivangeli likaKrestu, ngivulelwe umnyango eNkosini, angibanga nakuthula emoyeni wami, ngokuba ngingamfumananga uThithu umzalwane wami, kodwa ngavalelisa kubo ngaya eMakedoniya." UNkulunkulu wavulela uPawulu umnyango ngendlela eyisimanga ukuze ashumayele ivangeli ezwenikazi laseYurophu, futhi wayazi ukuthi iminyango evulwa nguNkulunkulu namhlanje, ingavalwa kusasa. Ngokusebenzisa lelo thuba, ebona nokungase kwenzeke, wathatha umkhumbi oya eMakedoniya ngokushesha.

UNkulunkulu weTestamente eliSha unguNkulunkulu womnyango ovulekile—uNkulunkulu osenzela amathuba ukuze sabelane ngokukholwa kwethu. Kuyo yonke incwadi yeZenzo, uNkulunkulu uyasebenza. Kukhona iminyango evulekile emadolobheni, ezifundazweni, nasemazweni, kodwa ngaphezu kwakho konke, nasezinhliziyweni zabantu ngabanye ngabanye.

Funda kuZenzo 8:26-38. Lezindimana zifundisani ngokuvuma kukaFilipu ukuhola kukaNkulunkulu nokusabela kwakhe emathubeni avezwe yizulu?

_____

_____

"Ingelosi yaholela uFilipu kulowo owayefuna ukukhanya, nowakulungele ukwamukela ivangeli, kanti nanamhlanje izingelosi zizoqondisa izinyathelo zalabo basebenzi abazovumela uMoya oNgcwele ungcwalise izilimi zabo, alungise nezinhliziyo zabo. Ingelosi eyathunyelwa kuFilipu yayingawenza yona uqobo umsebenzi wokushumayeza umTopiya, kodwa leyo akusiyo indlela uNkulunkulu asebenza ngayo. Kuyicebo laKhe ukuthi abantu basebenzele abanye abantu."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, ikhasi 109. Uma sinezindlebe zokuzwa, namehlo okubona, nathi singaholwa yizingelosi ezingabonwayo ukuthi sifinyelele kulabo abafuna amaqiniso ombuso.

Qaphela ukuthi iBhayibheli beligqame kangakanani kulendaba. Futhi, qaphela ukuthi kwakubalulekile ukuthi lowo owazi iBhayibheli enabe ngalo. Singathola zifundo zini lapha?

Ukujula Nomcabango:

Funda ngaphansi kwesihloko esithi "The Gospel in Samaria" encwadini ka Ellen G. White i-*The Acts of the Apostles*, amakhasi 103-111. Nxazonke sizungezwe abantu abafuna izinto zaphakade. Njengokusho kukaJesu: "Ukuvuna kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana" (Mathewu 9:37). Inkinga kwakungesona isivuno. Ngamehlo agcotshwe yizulu, uJesu wabona isivuno esikhulu lapho abafundi babebona ukuphikiswa. Kwaba yini isisombululo sikaKrestu kuleyo nkinga? "Ngakhoke nxusani eNkosini yokuvuna ukuba ithume izisebenzi, ziye ekuvuneni kwayo" (Mathewu 9:38). Isisombululo ukuthandaza ukuthi uNkulunkulu akuthume uye esivunweni saKhe. Yini ungathandazi lomthandazo: "Nkosi ngiyavuma ukusetshenziswa ukuze kukhuliswe umbuso waKho. Vula amehlo ami ukuze ngibone amathuba owavulayo phambi kwami usuku ngalunye. Ngifundise ngibe nozwelo ebantwini abangizungezile. Ngisize ngikhulume amazwi ethemba nenkuthazo, ngabelane ngothando lwaKho kanye neqiniso laKho nalabo engithintana nabo usuku ngalunye." Uma ungawuthandaza lomthandazo, uNkulunkulu uzokwenza izinto ezingavamile ngempilo yakho.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Uma wake wasebenza ukuletha imiphefumulo kuJesu, uyazi ukuthi akulula ngazo zonke izikhathi. Akunjalo na? Yebo, kunjalo. UNkulunkulu kuphela oguqula izinhliziyo, kodwa ekwazini kwaKhe, ukhethe ukusebenzisa thina ukuthi sibe yinxenye yalowo msebenzi. Ukusebenzela ngisho owodwa umphefumulo kuthatha isikhathi, umzamo, ukubekezela, nothando oluzelwe ngaphezulu. Yiziphi izinqumo ongazenza ezingakusiza kufe "umina" ukuze ube ufakazi kaKrestu onamandla?

2. Obani abanye babantu oxhumana nabo abangayazi iNkosi? Yini owayenza, noma oyenzayo, noma okufanele uyenze ukuze ufakaze kubona?

3. Cabanga ngoSawulu waseTarsu. Nangu umuntu okwakungabonakali nakancane ukuthi angaphendukela kuKrestu! Kodwa, siyazi ukuthi kwenzekani kuyena. Lokho kufanele kusitsheleni ngengozi yokushesha ngokwahlulela abanye ngokubonakala ngaphandle?

4. Usalokhu ugcine engqondweni indaba kaSawulu, sithini ngendimana efana noMathewu 7:6, ethi: "Ninganiki izinja okungcwele; ningaphonsi amaparele enu phambi kwezingulube, funa ziwanyathele ngezinyawo zazo, ziphenduke ziniklebhule?"

Isifundo 4

**Ntulikazi 18-24*

Amandla Omthandazo: Ukunxusela Abanye



NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:

ISamb. 12:7-9, Efesu 6:12, Heb. 7:25, Efesu 1:15-21, Dan. 10:10-14, 1 Johane 6:14-16.

Indimana Yekhanda:

"Ngakho, vumani izono omunye komunye, nikhulekelane ukuba niphulukiswe. Umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu" (Jakobe 5:16).

Ibandla lesikhathi seTestamente eliSha lasizwa isidingo salo somthandazo. "Kwathi sebekhulekile, kwazanyazanyiswa indawo lapho bebebuthene khona, bagcwaliswa bonke nguMoya oNgcwele, bakhuluma iZwi likaNkulunkulu ngesibindi" (IZenzo 4:31). Qaphela, abafundi bathandaza. Babegcwaliswe nguMoya oNgcwele, base bekhuluma iZwi likaNkulunkulu ngesibindi noma ngokuzethemba.

Kwakukhona ubudlelwane ubuthe ngqo phakathi kwemithandazo yabo, ukugcwaliswa nguMoya oNgcwele, nokumemezela iZwi likaNkulunkulu ngamandla. "Abafundi …abazicelelanga isibusiso. Babenomthwalo ngokusindiswa kwemiphefumulo. Baqonda ukuthi ivangeli kumelwe liyiswe emhlabeni, bacela lawomandla uKrestu ayewathembisile."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles,* ikhasi 37.

Uma sifuna uNkulunkulu, sinxusela nabanye, uNkulunkulu uyasebenza ezinhliziyweni zethu, asidonsele eduze naYe, asiphe ukuhlakanipha kwasezulwini, sibazuzele umbuso waKhe. (Jakobe 1:5). Uphinde asebenze ngamandla ezimpilweni zabo ngendlela esingeke siyibone noma siyiqonde ngokuphelele, ukubadonsela kuYe (1 Johane 5:14-17).

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ntulikazi 25.*

Impi Yasemkhathini

Qhathanisa iSambulo 12:7-9, abase-Efesu 6:12, no 2 Korinte 10:4. Lezindimana zinamthelela muni ekuqondeni kwethu umthandazo wokunxusela abanye?

IBhayibheli lisusa iveyili phakathi komhlaba obonwayo nongabonwa. Kukhona impi phakathi kokulunga nobubi, phakathi kwamabutho okukhanya nawobumnyama, phakathi kukaKrestu noSathane. Kulempi yasemkhathini, uNkulunkulu uyayihlonipha inkululeko yomuntu. Ngeke aze asebenzise umthelela waKhe noma aphoqe unembeza womuntu. Uthumela uMoya waKhe oNgcwele ukutshengisa abesilisa nabesifazane iqiniso (Johane 16:7, 8). Izingelosi zasezulwini ziyangena kulempi ukusiza abantu bakhethe okwaphakade (Heb. 1:14). NoNkulunkulu wenza amathuba ezimpilweni zabantu ukuze baholeleke kuYena. Into angeke aze ayenze uNkulunkulu ukuphoqa intando yomuntu. Ukuphoqa kuphambene nombuso kaNkulunkulu. Ukuphoqa akuhambisani nomthetho wothando, oyisisekelo sombuso kaNkulunkulu. Kulapha-ke lapho umthandazo ugqame khona. nakuba uNkulunkulu enza konke angakwenza ukufinyelela ebantwini singakathandazi, imikhuleko yethu ivulela amandla kaNkulunkulu amakhulu. Uyalihlonipha ilungelo lethu lokuzikhethela lokuthi sithandazelane, kanti angenza nokungaphezulu uma sithandaza kunokuba uma singathandazi, njengoba sikulempi ephakathi kokulunga nokubi.

Ake ubukisise lamazwi: “Kuyinxenye yecebo likaNkulunkulu ukuphendula umthandazo wokukholwa ngokusinika lokho abengeke asinika kona ukuba besingacelanga.”—Ellen G. White, *The Great Controversy,* ikhasi 525. Kulempi enkulu ephakathi kokulunga nobubi, umthandazo wenza umehluko. Uma sithandazela umuntu ongamazi uKrestu, kuvuleka imihosha yezibusiso zigelezele empilweni yakhe. UNkulunkulu uyasihlonipha isinqumo sethu sokumthandazela lowo muntu, asebenze ngendlela enamandla athe xaxa ukumsiza. Uma sikhuluma ngokunxusela abanye abantu, sidinga ukuvuma ngokuzithoba ukuthi asikuqondi ngokuphelele ukusebenza kukaNkulunkulu, kodwa lokho akungasivimbi ekungeneni njalo ezibusisweni esiziphiwa umthandazo thina nabanye abantu.

Ucabanga ukuthi kungani uNkulunkulu esebenza ngendlela enamandla kakhulu uma sithandaza ukwedlula uma singathandazi? Nakuba singaqondi ngokuphelele ukuthi kusebenza kanjani, kungani umyalo weBhayibheli othi asikhulekele abanye kufanele usuqhube ukuthi senze khona lokho na?

UJesu: UMncengeli Onamandla

Funda kuLuka 3:21, Luka 5:16, noLuka 9:18. Lezindimana zikutshelani ngobudlelwane phakathi kwempilo yomthandazo kaJesu namandla aKhe ekusebenzeni?

Impilo kaJesu kwakuyimpilo yokuhlala ngokuxhumana noYise. Ngesikhathi ebhabhadiswa, eqala umsebenzi waKhe njengeMesiya, wathandazela amandla ezulu ukuze afeze injongo yezulu. UMoya oNgcwele wamnika amandla ukuze enze intando kaBaba, afeze nomsebenzi owawungaphambi kwaKhe. Noma wayepha ukudla abayizinkulungwane ezinhlanu, ephilisa onochoko, noma ekhipha amadimoni, uJesu wayazi ukuthi, kulempi ephakathi kokulunga nobubi, umthandazo yisikhali esinamandla sokwehlula amabutho esihogo. Umthandazo indlela ekhethwe yizulu yokuhlanganisa ubuthakathaka bethu namandla kaNkulunkulu angenakulinganiswa. Indlela yokusiphakamisela kuNkulunkulu, okunguYena yedwa ongathinta izinhliziyo zalabo esibakhulekelayo.

Funda kuLuka 22:31-34 namaHeberu 7:25. Yisiphi isiqinisekiso esanikwa nguJesu kuPetru sokumlungiselela izilingo ayezobhekana nazo esikhathini esizayo? Yisiphi isiqinisekiso asinika thina ngabanye uma sibhekana nezilingo?

Abantu abazuza imiphefumulo ngempumelelo, abesilisa nabesifazane bomthandazo. UJesu wathandazela uPetru, embiza ngegama. Wamqinisekisa ukuthi ngesikhathi sokulingwa kwakhe okukhulu uyobe emthandazela. USathane wayekwazi kahle kamhlophe okungenziwa nguPetru ekuqhubekiseleni phambili umbuso kaNkulunkulu. Wahlela ukwenza konke angase akwenze ukuze ashabalalise umthelela omuhle kaPetru ebandleni lobuKrestu. Kodwa kuzo zonke izilingo zakhe, uJesu wayemthandazela uPetru, futhi nemithandazo yaKhe yaphendulwa. Lobo bumnandi bokwazi ukuthi uMsindisi uyasithandazela nathi. Uyasimema ukuba sihlanganyele naYe kulomsebenzi womthandazo wokunxusela abanye, sibaphakamisele phambi kwesihlalo saKhe sobukhosi ngamagama. Ukuphikelela kwethu emthandazweni kutshengisa ukuvuma ukuthi siyakubona ukwethembela kwethu ngokuphelele kuNkulunkulu kokufinyelela kulowo esimthandazelayo.

Uthandazela bani njengamanje? Kubaluleke ngani ukuthi ungayeki, noma isimo singabukeka sinzima kangakanani?

Imithandazo kaPawulu Yokunxusela Abanye

Umthandazo wokunxusela abanye uhambisana neBhayibheli. Kukho konke ukusebenza kwakhe, uPawulu wathandazela abasanda kuphenduka emabandleni ayekade ewamisele ekusebenzeni kwakhe konke. UPawulu wayekholwa ukuthi kukhona okwenzekayo uma ethandaza, okwakungeke kwenzeke ukuba wayengathandazi. Nakuba wayekude nabathandekayo kuyena, wabona ukuthi bangahlanganiswa ngezinhliziyo uma ebathandazela.

Funda kwabase-Efesu 1:15-21. Kulemigqa engenzansi, enza uhla lwezicelo ezehlukene ezenziwa nguPawulu kuNkulunkulu, enzela abase-Efesu. Ngokubalulekile, wacela ukuthi uNkulunkulu abapheni ?

Umthandazo uPawulu awenzela abase-Efesu uyamangalisa. Wathandaza ukuthi uNkulunkulu abaphe ukuhlakanipha nokukwazi ukwehlukanisa phakathi kokuhle nokubi, ukuthi akhinyise izingqondo zabo ngeqiniso lasezulwini, futhi abanike ithemba lokuphila kwaphakade. Futhi wathandazela ukuthi bezwe ukusebenza kwamandla kaNkulunkulu ezimpilweni zabo. LoNkulunkulu unamandla amakhulu, amakhulu ngendlela yokuthi wavusa uJesu ekufeni, okuyisigameko esiyisisekelo sethemba labo lokuphila okuphakade kuYena. Umthandazo wakhe uphetha ngokubakhumbuza “ngobucebi benkazimulo kaKrestu” “nefa laKhe.” Abazalwane base-Efesu kufanele ukuthi bagcwaliswa ukukhuthazeka ngokwazi ukuthi uPawulu uyabathandazela, nokuthi wayethandazela ini.

Funda kwabaseFilipi 1:3-11, uqaphele izwi lomthandazo kaPawulu. Ukuba bewuyilunga lebandla laseFilipi, wathola incwadi efana nalena ivela kuPawulu, engakutsheli kuphela ukuthi uyakuthandazela, kodwa futhi nokuqukethwe umthandazo wakhe, ubungazizwa kanjani, ngasizathu sini? Yiziphi izithembiso ezitholakala emazwini ayo? Kusenjalo, kunazixwayiso zini lapho?

Nanka amanye amazwi aphakamisayo nakhuthaza kakhulu eBhayibhelini, agcwele izithembiso nobizo lokugcwaliswa uthando nolwazi nokwehlukanisa okuhle kokubi, okuyinto efika ngokwazi uJesu ukuze sibe yikho konke lokho uNkulunkulu ahlose ukuthi sibe yikho kuYe.

Amandla Angabonakali Ayasebenza

Umthandazo wokunxusela abanye uyisikhali esinamandla kulempi ephakathi kokulunga nobubi esiyibiza ngokuthi "impikiswano enkulu." Okunye ukubonakala okusobala kakhulu balempi kukuDaniyeli 10. Uzokhumbula ukuthi umprofethi uJeremiya waprofetha ukuthi amaJuda ayokuba sekuthunjweni eBhabhiloni iminyaka engu 70. Ekupheleni kwempilo kaDaniyeli, lesikhathi sesiprofetho sokuthunjwa kwamaJuda sase sifika ekupheleni. UDaniyeli wayekhathazekile. Wayengakuboni ukugcwaliseka kwamazwi kaJeremiya. Abantu bakubo babesathunjiwe. IBhabhiloni lanqontshwa ngamaMede namaPheresiya, kodwa amaJuda ayelokhu ethunjiwe. UDaniyeli wazila ukudla, wathandaza amasonto amathathu. Wanxusela abantu bakubo. Ekupheleni kwamasonto amathathu, kwabonakala kuye ingelosi ekhazimulayo.

Funda kuDaniyeli 10:10-14. Yezwakala nini imithandazo kaDaniyeli, yabanjezelwa yini okwesikhashana?

Siyamangalisa lesicaphuno. Ukuze sisiqonde kahle, ake sihlonze abanye abathintekayo. Ubani isikhulu sasembusweni wasePheresiya? Ngokuqinisekile akusiye uKoresi. Uyinkosi yombuso wasePheresiya. Cishe ukuthi amazwi athi "isikhulu sasembusweni wasePheresiya" simele uSathane. UJesu wambiza ngokuthi "umbusi walelizwe" (Johane 12:31, Johane 14:30). UPawulu wambiza ngokuthi "umbusi wamandla omkhathi" (Efesu 2:2). Uma umbusi wasePheresiya emele uSathane, pho ubani uMikhayeli? Igama elithi Mikhayeli lisetshenziswe kahlanu eBhayibhelini (ISamb. 12:7; Juda 9; Dan. 10:13, 21; no Dan. 12:1). Uma ufundisisa kahle lezindimana uzothola ukuthi uMikhayeli (igama lisho "Ofana noNkulunkulu") elinye igama elichaza uJesu njengomkhuzi wazo zonke izingelosi ekulweni noSathane. UKrestu uyiNdodana kaNkulunkulu yaphakade, eyayikhona kwasekuqaleni, enamandla onke. Omunye umsebenzi waKhe njengomkhuzi wazo zonke izingelosi ukunqoba, bese kuthi ekugcineni, achithe uSathane.

UDaniyeli 10 usembulela impi phakathi kokulunga nobubi. Njengoba uDaniyeli ethandaza, uMikhayeli, uJesu onamandla, uyehla ezulwini ukuzoxosha amabutho esihogo. Nakuba singakuboni lokhu, uJesu uyasebenza ephendula imithandazo yethu yokunxusa futhi. UnguMsindisi onamandla. Akukho nowodwa umthandazo wethu angawunakile.

Uyibona kanjani lempikiswano enkulu kweyakho impilo? Lokho kufanele kukutsheleni ngohlobo lwezinqumo odinga ukuzenza?

Okugxilwa Kukho Emthandazweni

Kulo lonke iBhayibheli, kuyagcizelelwa ukuthi kuqondwe-ngqo uma kuthandazwa. Umthandazo akusona-nje isifiso esingabambeki somphefumulo. Uletha kuNkulunkulu izicelo eziqonde-ngqo. UJesu wathandazela abafundi baKhe ngendlela eqonde-ngqo. Umphostoli uPawulu wathandazela abas-Efesu, abaseFilipi nabaseKolose ngokuqonde ngqo. Wathandazela ozakwabo abasebasha, oThimothewu, uThithu, noJohane Marko.

Funda ku 1 Samuweli 12:22-24 noJobe 16:21. Lezindimana zinani olufanayo? Zisitshelani ngomthandazo wokunxusela abanye?

_____

_____

KuSamuweli nakuJobe kugcizelelwa isidingo sokunxusa okuqinisekile, okuphuma enhliziyweni, nokuthe ngqo. Amazwi kaSamuweli aqosheme. Uthi: "Makube kude nami ukuba ngone kuJehova ngokuyeka ukunikhulekela" (1 Samuweli 12:23). Sicishe sizwe ukunanelwa komthandazo kaSamuweli emazwini kaJobe athi: "O, sengathi bengingancengela umuntu kuNkulunkulu" (Jobe 16:21, NKJV). Ukuncengela abantu abangamazi uKrestu kuNkulunkulu umsebenzi wethu.

Funda ku 1 Johane 5:14-16. Kwenzekani uma sinxusela abanye?

_____

_____

Uma sithandazela abanye, siba umhosha wezibusiso zikaNkulunkulu eziya kubona. Uthulula umfula wamanzi okuphila avela esihlalweni sobukhosi sasezulwini, eze kubona. Onke amabutho kaSathane ayavevezela uma ezwa ukunxusa okuqinisekile. U-Ellen G. White uchaza amandla omthandazo ngalamazwi: "USathane akakwazi ukumelana nokubona abantu benxusa esitheni sakhe esinamandla, ngoba uyesaba avevezele phambi kwamandla nobukhosi bukaNkulunkulu. Ngokuzwakala komthandazo onamandla, yonke impi kaSathane iyathuthumela."—Testimonies for the Church, vol. 1, ikhasi 346. Umthandazo usixhumanisa noMthombo wamandla ezulu kulempi yabesilisa nabesifazane abadukile.

Funda kuMathewu 18:18, 19. Ihlobene kanjani lendimana nomthandazo wokunxusela abanye, futhi isikhuthaza kanjani ukuthi sithandaze nabanye ukuze kusindiswe labo abangamazi uJesu na?

Ukujula Nomcabango:

Funda phansi kwesihloko esithi : "The Privilege of Prayer" amakhasi 93-104, kweka Ellen G. White i*Steps to Christ;* nesihloko esithi "Work for Church Members" amakhasi 19-24, kuTestimonies for the Church, vol 7. Uma sithandazela abanye, uNkulunkulu uhlonipha ukuzinikela kwethu kuYena nokwencika kwethu emandleni aKhe ngokusebenzisa zonke izinsiza zasezulwini zokuguqula izimpilo zabantu. Uma imithandazo yethu ikhuphukela esihlalweni saKhe sobukhosi, izingelosi ziyashesha zenze lokho akushoyo. "Izingelosi ezikhonzayo zilindile eduze kwesihlalo sobukhosi ukulalela umyalo kaJesu Krestu wokuthi kuphendulwe yonke imithandazo eyenziwa ngokukholwa okuqinisekile nokuphilayo."—Ellen G. White, Selected Messages, book 2, ikhasi 377. Sinesiqiniseko sokuthi akukho nowodwa umthandazo olahlekayo, noma awukhohlwayo uNkulunkulu. Iyaqokelelwa ezulwini ukuze iphendulwe ngesikhathi nasendaweni eyaziwa uYena. Umthandazo wokukholwa awulahleki; kodwa ukuthi uyophendulwa ncamishi ngendlela nesizathu esisilindele, ukugagamela."—Ellen G. White, Testimonies for the Church, vol. 1, ikhasi 231. Lokhu kusinika inkuthazo enkulu uma sinxusela esiganene nabo abangamazi uKrestu, noma amadodana namadodakazi ethu, izihlobo, abangane, nozakwethu emsebenzini. Akukho nowodwa umthandazo oqinisile olahlekayo. Singezibone ngaleso sikhathi izimpendulo kulabo esibathandazelayo, kodwa uNkulunkulu uyasebenza ezinhliziyweni zabo ngezindlela esiyoziqonda kuphela uma sekufikwe embusweni.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Funda kwabaseFilipi 1:19; Kolose 4:2, 3; no 2 Thesalonika 3:1, 2. Ngesikhathi eboshiwe uPawulu, wayenasiqiniseko sini ngenxa yemithandazo yabaseFilipi na? Wacela ukuthi abaseKolose nabaseThesalonika bamthandazelele ini na? Zinabudlelwane buni nokuzuzwa kwemiphefumulo lezicelo zomthandazo wokunxuselwa?

2. Gxila eqinisweni lempikiswano enkulu nokuthi ithinta yonke into kulomhlaba esiphila kuwona. Lukusiza kanjani ulwazi lwakho ngalempikiswano ukuthi ubone ukubaluleka komthandazo? Yebo, uJesu wayinqoba impi, futhi siyazi ukuthi abangakuYena bayonqoba ekugcineni. Kodwa okwamanje, kubaluleke ngani ukuthi sithandaze futhi sizame ukwenza konke esingakwenza ukuze sihlale sethembekile kuYena, sisebenzele nokusindiswa kwabanye?

3. Yiziphi ezinye izihibe ezikhona ekuphileni impilo yomthandazo wokunxusa enamandla? Usebenzisa ziphi izaba (uma uzisebenzisa) ukuphunyuka ekuthandazeleni abanye abawudingayo umthandazo?

Isifundo 5

**Ntulikazi 25-31*

Ukufakaza Okuqhutshwa UMoya

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:

Johane 15:26, 27; IZenzo 2:41, IZenzo 18:8.

Indimana Yekhanda:

"Sebekhulekile, kwazanyazanyiswa indawo lapho bebebuthene khona, bagcwaliswa bonke nguMoya oNgcwele, bakhuluma izwi likaNkulunkulu ngesibindi" (IZenzo 4:31).

Ngesikhathi uJesu eyala abazalwane bokuqala ukuba "baye kuwo wonke umhlaba, bashumayele ivangeli," kufanele ukuthi kwabonakala njengento engenakwenzeka (Marko 16:15). Babengayifeza kanjani-nje lenselele engako? Babembalwa. Izinsiza zokusebenza zazingengakanani. Imvamisa yabo babengabantu abangafundile. Kodwa babenoNkulunkulu ongavamile, owayezobapha amandla okwenza umsebenzi ongavamile.

Kodwa uJesu wathi: "Kodwa nizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, nibe ngofakazi baMi eJerusalema, naseJudiya lonke, naseSamariya kuze kube sekugcineni komhlaba" (IZenzo 1:8). Ukunikeza kwamandla nguMoya oNgcwele kwakuzobenza babelane ngesigijimi sesiphambano ngamandla aguqula impilo, aguqula umhlaba. UMoya oNgcwele wenza ukuthi ubufakazi babo busebenze. Ngeminyaka embalwa-nje, ivangeli laselifinyelele emhlabeni wonke. EyeZenzo ithi labazalwane bokuqala "bagumbuqela umhlaba" (IZenzo 17:6, NKJV). Umphostoli uPawulu wenezela ngokuthi ivangeli lase "lishunyayelwe kuzo zonke izidalwa ngaphansi kwezulu" (Kolose 1:23, NKJV)). Kulesifundo saleliviki sizogxila ngokukhethekile kwindima kaMoya oNgcwele yokusinika amandla ekufakazeleni uKrestu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ncwaba 1.*

UJesu Nesithembiso sikaMoya oNgcwele

UJesu wahlangabezana nokukhathazeka kwabafundi baKhe esezobuyela ezulwini, ngokubanika isithembiso sikaMoya oNgcwele. “Kunilungele ukuthi ngihambe; ngoba uma ngingemuki, uMsizi akezukuza kini; kodwa uma ngimuka, ngizomthumela kini” (Johane 16:7, NKJV). Igama lesiGriki elisho “umsizi” lithi parakletos. Lisho lowo “ohambisanayo” ngenhloso yokusiza. Omunye wemisebenzi kaMoya oNgcwele ophambili, ukuhambisana nabo bonke abakholwayo, ukubapha amandla nokubaqondisa emsebenzini wokufakaza. Uma sifakazela uJesu, asisodwa. UMoya oNgcwele ukanye nathi ukusiqondisa kulabo abafuna iqiniso ngokuqiniseka. Ulungisa izinhliziyo zabo singakahlangani nokuhlangana nabo. Ulungisa amazwi ethu, alethe ukuqonda emqondweni walowo ofuna iqiniso, amuphe namandla okuthi asabele ekuncengeni kwaKhe.

Funda kuJohane 15:26, 27 noJohane 16:8. Lezindimana zisitshelani ngendima kaMoya oNgcwele ekufakazeni?

_____

_____

UMoya oNgcwele ufakaza ngoJesu. Umgomo waKhe omkhulu ukuholela abaningi ngokunokwenzeka, kuJesu. Umsebenzi waKhe ukukhazimulisa uJesu. Ngaleliqhaza, uqondisa bonke abakholwayo emsebenzini wabo wokufakaza. Uvula amehlo ethu, sibone okungenzeka ebantwini abasizungezile, asebenze engabonwa, ukuze kwamukeleke isigijimi sevangeli.

Ivangeli ngokukaJohane likusho ngokusobala lokhu. “Uyakuqondisa izwe ngesono” (Johane 16:8). Ngamanye amazwi, usebenza ezinhliziyweni ukutshengisa abantu ngokudeda kwabo kuNkulunkulu, nesidingo sokuphenduka. Ubuye aqondise izwe “ngokulunga.” UMoya oNgcwele akagcini ngokuveza isono, kodwa uyasifundisa endleleni yokulunga. Wembula ubuhle bokulunga bukaJesu uma kuqhathaniswa nokungcola kwethu. Indima kaMoya oNgcwele akusikho-nje ukusitshengisa ukuthi sibabi kangakanani; kodwa futhi ukwembula ukuthi uJesu ulunge kangakanani, unesihe esingakanani, unomusa ongakanani, nokuthi unothando olungakanani, aphinde asibumbe ngokomfanekiso waKhe.

Ngamanye amazwi, ukufakaza ukubambisana noMoya oNgcwele ukukhazimulisa uJesu. Ngamandla kaMoya, nokuholwa nguYe, sifakaza ngaloKrestu omangalisayo oguqule izimpilo zethu.

Ekulangazeleni kwethu ukusebenzela imiphefumulo, kudingeke ngani ukuthi sihlale sikhumbula ukuthi asikwazi ukuguqula abantu; uMoya oNgcwele kuphela okwaziyo?

Ibandla Eliphiwe Amandla

Incwadi yeZenzo ibizwa ngokufanelekile ngokuthi "IZenzo zikaMoya Ongcwele." Uhambo oluthathekisayo lokufakaza, ukumemezela ivangeli, nokukhula kwebandla. IZenzo indaba yabazalwane abazinikele, begcwele uMoya oNgcwele, benyakazisa umhlaba ngoKrestu. Babencike ngokuphelele kuMoya oNgcwele ekutholeni imiphumela eyisimanga. Bayisibonelo salokho uMoya oNgcwele angakwenza ngabesilisa nabesifazane abazinikele ngokuphelele kuYena.

Funda kuZenzo 2:41, 42; iZenzo 4:4, 31; iZenzo 5:14, 42; iZenzo 6:7; neZenzo 16:5. Yini ekuthinta kakhulu ngalezindimana? Mlayezo muni uLuka, umbhali weZenzo, afuna ukwabelana ngawo uma ebhala ngokukhula okushesha kangaka?

Inhloso kaLuka ngokubhala incwadi yeZenzo ukwabelana nomfundi ngamunye, umsebenzi kaMoya oNgcwele ebandleni lokuqala. Qaphela futhi, ukuthi akangabazi ukusebenzisa amanani ukutshengisa ukusebenza kukaMoya ngomnyaka-khulu wokuqala. Okusho ukuthi wayebala imibhabhadiso. KuZenzo 2:41, uqhakambisa ukuthi kwabhabhadiswa abangu 3 000 ngosuku olulodwa, endaweni eyodwa. KuZenzo 4:4, ukhuluma ngamadoda angu 5 000 abhabhadiswa. KuZenzo 5:14, Izixuku ziza kuNkulunkulu, zabhabhadiswa.

Noma kungumuntu oyedwa njengoLidiya, umgcini-ziboshwa waseFilipi, isigqila sentombazane enamadimoni, noma umthenwa waseTopiya, uLuka uyaqaphela, futhi abhale ukusebenza kukaMoya oNgcwele ezinhliziyweni zalabantu. Iphuzu elibalulekile lapha ukuthi ngemuva kwawo wonke lamanani amakhulu kukhona abantu abathile, abantwana bakaNkulunkulu abafelwa nguJesu Krestu. Yebo, siyawathanda amanani amakhulu, kodwa okusalayo, ukufakaza kujwayele ukuba umzamo womuntu eqondene nomuntu. Ukwelekelela isivinini sokukhula kwebandla ngesikhathi seTestamente eliSha, kwatshalwa amabandla amasha. Esinye sezizathu sesivinini sokukhula kwebandla kwakungukuthi ibandla lalilokhu livuseleleka ngokutshalwa kwamabandla amasha. Sibalulekile kithina namhlanje leso sigijimi.

Okuyiyona into emqoka ebandla lesikhathi seTestamente eliSha elaligxile kuyo, ukusebenza. Singaqiniseka kanjani ukuthi, phakathi kwakho konke esikwenzayo emabandleni ethu, ukusebenzela imiphefumulo kuhlale kuyingqikithi?

UMoya oNgcwele Nokufakaza

Kuyo yonke incwadi yeZenzo, uMoya oNgcwele wayekhona ngendlela enamandla. Wayesebenzela abazalwane, futhi esebenza ngabo njengoba babefakazela iNkosi yabo ngezindlela ezehlukene. Wabapha amandla okubhekana nezilingo nezinselele zokufakaza emhlabeni ongenabuhlobo. Wabaholela ebantwini abanezinhliziyo eziqinisekile nabafuna iqiniso. Walungisa izinhliziyo zabantu emadolobheni ngaphambi kokuthi bafike nokufika abazalwane. Wavula iminyango yamathuba ababengazange bawaphuphe, wafaka amandla emazwini abo nezenzo zabo.

Funda iZenzo 7:55; iZenzo 8:29; iZenzo 11:15; iZenzo 15:28, 29; neZenzo 16:6-10. UMoya oNgcwele wabasebenzela kanjani abafundi ababefakaza kuzo zonke lezigigaba ezibalwe kulezindimana? Ngamanye amagama, yiziphi ezinye zezinto ezenziwa nguMoya oNgcwele phansi kwalezimo?

Ukusebenza kukaMoya oNgcwele ngezindlela ezehlukene nomnyaka-khulu wokuqala kwakumangalisa ngempela. Lezigigaba ezingenhla yizibonelo-nje zokusebenza kwaKhe. Waqinisa uStefane ukuze afakazele iNkosi yaKhe ebhekene nesixuku esinesihluku nesingalawuleki esasimkhanda ngamatshe, simbulala. Waholela uFilipu ngendlela eyisimanga kumTopiya owayefuna iqiniso, ukuze izwekazi lase Afrika livuleleke ivangeli. Wanika uPetru isibonakaliso sokumqinisa ngesikhathi nabazalwane bezizwe bamukeliswa isipho sikaMoya oNgcwele. Wahlanganisa ibandla ngobunye ngesikhathi lapho kwakulula khona ukuthi liqembukelane ngenxa yodaba lokusoka, futhi wavula lonke izwekazi laseYurophu ukuze lizwe ukushunyayelwa kwevangeli ngumphostoli uPawulu.

UMoya oNgcwele wayesebenza ebandleni lesikhathi seTestamente eliSha, futhi usasebenza ebandleni nanamhlanje. Ulangazelela ukusipha amandla, asiqinise, asifundise, asiqondise, asihlanganise, asithumele emsebenzini okuyiwona obaluleke kunayo yonke emhlabeni—ukuholela abesilisa nabesifazane kuJesu neqiniso laKhe. Iphuzu esidinga ukulikhumbula ukuthi usasebenza nanamhlanje, njengoba wayesebenza ngesikhathi sabaphostoli nebandla lokuqala.

Yini esingayenza, usuku nosuku, ukuzenza sivuleleke futhi sithande amandla kaMoya oNgcwele kwezethu izimpilo? Yiziphi izinqumo ezifanelekile ezizomenza akwazi ukusebenza ngaphakathi kwethu, futhi asebenze ngathi na?

UMoya oNgcwele, iZwi, Nokufakaza

IZwi likaNkulunkulu laliyingqikithi yokufakaza kwebandla ngesikhathi seTestamente eliSha. Intshumayelo kaPetru ngosuku lwePentekoste yayithathelwa kakhulu eTestamenteni eliDala, ukutshengisa ukuthi uKrestu unguMesiya. Ubufakazi bukaStefane esefa, babulanda umlando kaIsrayeli eTestamenteni eliDala. UPetru wakhuluma "ngezwi elathunyelwa nguNkulunkulu kubantwana bakwaIsrayeli" (IZenzo 10:36) wase abelana ngendaba yovuko noKorneliyu. Umphostoli uPawulu waphindaphinda ekhuluma ngeziprofetho ezinkulu zeTestamente eliDala ezimayelana nokufika kukaMesiya, kanti uFilipu wachazela umTopiya owayefuna iqiniso ngokubaluleka kweziprofetho ngoMesiya kuIsaya 53. Kuzo zonke lezigigaba, abanfundi babememezela iZwi likaNkulunkulu, hhayi elabo. IZwi eliphefumulelwe nguMoya laliyingqikithi yamandla abo.Yena Lowo Moya oNgcwele owaphefumelela iZwi likaNkulunkulu, usebenza ngeZwi ukuguqula izimpilo zabantu. Kukhona amandla aphilisayo eZwini likaNkulunkulu ngoba, ngokusebenza kukaMoya, yiZwi likaKrestu eliphilayo.

Funda ku 2 Petru 1:21 namaHeberu 4:12. Kungani iZwi likaNkulunkulu linamandla kangaka ekuguquleni izimpilo zabantu?

"Lawo mandla okwadalwa ngawo umhlaba ngokukhulunywa kwezwi-nje, akhona eZwini likaNkulunkulu. Lelizwi linika amandla; lizala ukuphila. Wonke umyalo uyisithembiso. Uma wamukelwa, ungena emphefumulweni, uletha kanye nawo ukuphila kwaLowo ongenasiphelo. Uguqula isimo, adale ngokusha umphefumulo ngokomfanekiso kaNkulunkulu."—Ellen G. White, *Education*, ikhasi 126. Isizathu sokuthi iBhayibheli libe namandla angaka okuguqula izimpilo zabantu kungoba Yena loMoya oNgcwele owaphefumulela iBhayibheli ekuqaleni, uyasiphefumulela, asiguqule uma silifunda. Uma sabelana nabanye ngeZwi likaNkulunkulu, uMoya oNgcwele uyasebenza ukuguqula izimpilo zabo ngeZwi elaphefumulelwa nguYe. UNkulunkulu wethembise ukubusisa iZwi laKhe, hhayi amazwi ethu. Amandla aseZwini likaNkulunkulu, hhayi ekuhlakanipheni komuntu.

Amandla kaMoya oNgcwele Aguqula Impilo

Ngokufundisisa kahle incwadi yeZenzo kwembula uNkulunkulu ngoMoya waKhe esebenza izimangaliso ezimpilweni zabantu. IZenzo yisibonelo sokunqoba kwevangeli amasiko, kuguqulwe imikhuba yeminyaka, kufundiswe bonke abantu ngomusa kaKrestu neqiniso laKhe. UMoya oNgcwele uhlangabeza abantu lapho bekhona, kodwa akabashiyi lapho. Ngobukhona baKhe, bayaguqulwa. Izimpilo zabo ziyashintshwa.

Funda iZenzo 16:11-15, 23-34; iZenzo 17:33, 34; neZenzo 18:8. Lezi ezinye-nje ezimbalwa zezindaba zokuguquka kwabantu eziseBhayibhelini. Ngokwehlukana kwazo, zisifundisani ngamandla kaNkulunkulu okuguqula izimpilo zezinhlobo ngezinhlobo zabantu abavela emindenini nasezizweni ezihlukene?

Izinhlobo ezingako zabantu! ULidiya kwakungowesifazane ongusomabhizinisi onempemelelo, umgcini ziboshwa waseFilipi wayesebenzela umbuso waseRoma, ezimele kahle. UMoya oNgcwele angafinyelela kuwo wonke amazinga emphakathini. Amandla aKhe aguqulayo afinyelela abesilisa nabesifazane, izicebi nabampofu, abafundile nabangafundanga. Ababili bokugcina esizokhuluma ngabo nabo bayamangalisa. IZenzo 17:34 zikhuluma ngokuphenduka kuka Diyonisiyo wase-Areyophagu. Abase-Areyophagu baseAthene babeyinxenye yabahluleli kwezomthetho, ababethetha amacala ezinkantolo. Kwakungabantu abaphambili nabahlonishwayo emphakathini wamaGriki.

Ngamandla kaMoya oNgcwele, umsebenzi kamphostoli uPawulu wafinyelela nakubo abasezingeni eliphakeme emphakathini. UKrispu (iZenzo 18:8) wayengumphathi wesinagoge lamaJuda. Wayengumholi okholwayo, oqikelela izimfundiso zeTestamente eliDala. UMoya oNgcwele wamthinta, waguqula impilo yakhe. Lezindaba zibonakalisa ukuthi njengoba sifakazela uKrestu, sabelana nabanye ngeZwi laKhe, uMoya oNgcwele uyokwenza izinto ezimangalisayo ezimpilweni zazo zonke izinhlobo zabantu abanemilando eyehlukene, amasiko ehlukene, imfundo eyehlukene, nezinkolelo ezehlukene. Asinakho, futhi asifanele, siqagule ngokuthi ubani okungafinyelelwa kuyena. Umsebenzi wethu ukufakaza kunoma ubani, nabo bonke, esihlangana nabo. UNkulunkulu uyokwenza konke okunye.

Ukufa kukaKrestu kwakungokomhlaba wonke; okusho ukuthi, kwakungokawonke umuntu. Kufanele lisifundiseni leliqiniso elimqoka mayelana nokuthi singalokothi siqagule ukuthi umuntu othile ngeke afinyeleleke ngethemba losindiso?

Ukujula Nomcabango:

Funda isihloko esithi "The Gift of the Spirit," amakhasi 47-56, encwadini ka Ellen G. White ethi, "The Acts of the Apostles; nesithi, "Let Not Your Heart Be Troubled," amakhasi 667-672, ku *The Desire of Ages*. UMoya oNgcwele usebenzisana noBaba neNdodana emsebenzini wokuhlenga. Kukho konke ukusebenza kwethu kokufakaza, sihlanganyela naYe emsebenzini wokusindisa abantu. Uthinta izinhliziyo. Uvula iminyango yamathuba. NgeZwi laKhe, ukhanyisa izingqondo, embule iqiniso. Unqamula izizindlo ezimbi ezisigqilazayo, anqobe amasiko asisitha singaliboni iqiniso, asikhulule nasemaketangeni emikhuba emibi esibophile.Njengoba sifakaza ngoJesu, kumqoka ukukhumbula ukuthi sisebenzisana noMoya oNgcwele. Ukhona ngaphambi kwethu, elungisa izinhliziyo ukuba zamukele isigijimi sevangeli. Unathi, esebenza ezingqondweni uma senza izenzo zokusiza, sifakaza, senza izifundo zeBhayibheli, sinikeza ngepheshana eligcwele iqiniso, noma sibamba iqhaza kwezovangelo. Uzoqhubeka esebenza enhliziyweni yomuntu noma sesihambile, enza noma yini edingekayo ukuholela lowo muntu ekwazini ngosindiso.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Abelana namalunga esigungu sakho seSikole seSabatha isikhathi lapho wezwa khona ukusebenza kukaMoya oNgcwele okunamandla ngesikhathi ufakaza.

2. Wake wazizwa unovalo ngokwabela abanye inkolo yakho? Ukwazi ngomsebenzi kaMoya oNgcwele kukunciphisa kanjani lokho kwesaba, kukunike isiqinisekiso njengoba ufakaza?

3. Kulesifundo saleliviki, sikhulume "ngokusebenza" kukaMoya oNgcwele ekufakazeni kwethu. Ake usho izindlela ezehlukene uMoya oNgcwele asebenza ngazo nathi uma sifakaza. UMoya oNgcwele usihlomisa kanjani ukuze sifakaze, senze umsebenzi ezimpilweni zabanye njengoba sifakaza?

4. Isifundo sikhulume ngeBhayibheli njengengqikithi ekufakazeni. Kungani iBhayibheli liyinxenye ebaluleke kangaka yokukholwa nokufakaza kwethu? Singazigwema kanjani izihibe zalabo okuthi noma bethi bayalikholwa iBhayibheli, kodwa banciphise igunya lalo nokufakaza?

Isifundo 6

**Ncwaba 1-7*

Amathuba Angenamkhawulo

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
1 Korinte 12:12, Math. 3:16-18, 1 Korinte 12:7, 1 Korinte 1:4-9, Math. 25:14-30.

Indimana Yekhanda:
"Kepha Yena Lowo Moya usebenza zonke lezi zinto, ebabela yilowo nalowo ngamunye ngokuthanda kwaKhe" (1 Korinte 12:11, NKJV).

UNkulunkulu uyasibiza ukuthi simfakazele (iZenzo 1:8, Isaya 43:10). Ukufakaza akusona isipho sikaMoya esikhethekile esiphiwa abambalwa abakhethiwe. Ukufakaza ubizo lwasezulwini kumKrestu ngamunye.

IBhayibheli lisebenzisa izindlela ezehlukene uma lichaza ukubizwa kwethu phambi kukaNkulunkulu. Kufuneka sibe "ukukhanya kwezwe," "amanxusa kaKrestu," "nobupristi obungcwele" (Math. 5:14, 2 Korinte 5:20, 1 Petru 2:9). Yena loNkulunkulu osibiza ukuba sifakaze nokumsebenzela, uyasihlomisa ukuze sikwazi ukusebenza. Unika izipho zikaMoya kubo bonke abakholwayo. UNkulunkulu akabizi asebecijiwe. Ucija labo ababizile. Ngendlela efanayo anika ngayo usindiso ngesihle kubo bonke abakholwayo, unika noMoya waKhe ngesihle futhi.

Uma sizinikela kuNkulunkulu nomsebenzi waKhe, amathuba ethu okusebenza awanamkhawulo. "Awukho umkhawulo ekubeni lusizo kulowo othi ngokubeka umina eceleni, evumela uMoya oNgcwele ukuba asebenze enhliziyweni yakhe, ephila impilo enikelwe ngokuphelele kuNkulunkulu."—Ellen G. White, The Ministry of Healing, ikhasi 159. Kulesifundo saleliviki, sizofunda ngamathuba ethu angenamkhawulo okusebenza ngokuqhutshwa uMoya oNgcwele.

**Funda isifundo saleliviki ulungisela iSabatha lika Ncwaba 8.*

Sehlukene Ngezipho: Sihlangene Ngomsebenzi

Wake wacabanga ngokuthi babengafani kangakanani abafundi? Imvelaphi yabo, izimilo zabo, isizotha sabo, nezipho zabo kwakwehlukene kakhulu. Kodwa lokho kwakungelona ugibe ebandleni. Kwakulusizo. UMathewu, umbuthi wentela, wayengumuntu oqaphelayo ekusebenzeni, enakisisa. Uma siqhathanisa, sithola uPetru owayevame ukukhuluma aphahluke, enomdlandla namawala, kodwa futhi wayenezimpawu zemvelo zobuholi. UJohane wayenenhliziyo enesihe, kodwa ekhuluma ngokuphahluka. U-Andreya wayengumuntu wabantu, eqaphela okumzungezile, enozwelo ngabanye abantu. UThomasi ngokwemvelo wayebuzisisa, futhi wayenokungabaza. Omunye nomunye kulabafundi, nakuba babenezimilo neziphiwo ezingefani, wasetshenziswa nguNkulunkulu ekumfakazeleni.

Funda ku 1 Korinte 12:12, 13, 18-22. Yini esiyithola kulezindimana mayelana nokudingeka kwabantu abanezipho ezingefani emzimbeni kaKrestu oyibandla?

UNkulunkulu uyakujabulela ukuthatha abantu abanemvelaphi engafani, namathalente angefani, namakhono angefani, abaphe izipho zokumsebenzela. Umzimba kaKrestu akusona isixuku sabantu abafana ngayo yonke imikhakha. Akusona isigungu sokungcebeleka lapho kubuthana khona abanemvelaphi efanayo nabacabanga ngokufana. Kunalokho, liwumnyakazo wabantu abanezipho ezehlukene, abahlanganiswe uthando lwabo ngoKrestu nemiBhalo, futhi abazinikele ngokwabela abanye ngothando neqiniso (Roma 12:4, 1 Korenti 12:12). Amalunga omzimba kaKrestu anezipho ezehlukene, kodwa yilelo nalelo liyigugu; yilelo nalelo liyadingeka ukuze umzimba kaKrestu usebenze kahle. Njengoba amehlo, izindlebe, nekhala kunemisebenzi engefani, kodwa kuyadingeka emzimbeni, zonke izipho ziyadingeka ngokunjalo (1 Korinte 12:21, 22).

Uma ubhekisisa umzimba womuntu, ngisho nezicubu ezincane zinomsebenzi odingekayo. Bheka amashiya-nje. Bekuzoba njani ukuba besingenayo into enganakeke njengamashiya? Uthuli beluzosixhopha, lokho kube nomphumela ongelapheki. Ilunga lebandla elibonakala "linganakekile" nakancane, liyinxenye edingekayo yomzimba kaKrestu, linesipho esivela kuMoya oNgcwele. Uma sinikela lezi zipho ngokuphelele kuNkulunkulu, yilowo nalowo kithina angenza umehluko waphakade.

Akukhathalekile ukuthi unamathalente angakanani, yiziphi izinto ongenalo ikhono kuzona, kodwa abanye ebandleni abanalo? Lokho kufanele kukugcine uthobekile.

UNkulunkulu: Ophana Ngazo Zonke Izipho Ezinhle

Ngokubhalwe ku 1 Korinte 12:11, 18; Efesu 4:7, 8; noJakobe 1:17, uNkulunkulu unguMqambi wezipho zonke, futhi "sonke isipho esiphelele sivela kuYena." Kanjaloke singaqiniseka ukuthi uzosipha lezo zipho zikaMoya oNgcwele ezifanele izimilo zethu, asebenzise amakhono ethu ngendlela okuyiyona efanelekile umsebenzini waKhe, kudunyiswe igama laKhe.

Funda kuMarku 13:34 no 1 Korinte 12:;11. UNkulunkulu uzinika bani izipho zikaMoya na?

IBhayibheli licacile. UNkulunkulu unomsebenzi okhethekile wokuthi omunye nomunye kithina sabele abanye ngevangeli. Endabeni kaJesu yomninimuzi owashiya indlu yakhe nezisebenzi, wazitshela ukuba zinakekele yonke into, umninimuzi wanika izisebenzi zakhe imisebenzi (Marko 13:34). Kukhona umsebenzi womuntu ngamunye, kanti uNkulunkulu unika izipho zikaMoya kubo bonke ukuze bafeze umsebenzi abawubizelwe. Uma sinikela ngezimpilo zethu kuKrestu, sibe amalunga omzimba waKhe, ibandla, ngokubhabhadiswa, uMoya oNgcwele uphana ngezipho ukuze sikwazi ukukhonza umzimba, sifakaze emhlabeni. Ngo 1903, uEllen G. White wabhalela indoda ethile incwadi, eyikhuthaza ukuthi isebenzise izipho eziphiwe nguNkulunkulu ukumkhonza. "Sonke singamalunga omndeni kaNkulunkulu, sonke siphathiswe amathalente amakhulu noma amancane esiyophendula ngendlela esiwasebenzise ngayo. Noma ithalente lakho likhulu noma lincane, kudingeka ulisebenzisele ukukhonza uNkulunkulu, futhi asilamukele ilungelo lomunye umuntu lokusebenzisa izipho aziphathisiwe. "Masingalokothi sibukele phansi isipho somzimba, somqondo, nesomphefumulo noma sisincane kangakanani."—Letter 260, December 2, 1903.

Funda kuZenzo 10:36-38, Mathewu 3:16-18, neZenzo 2:38-42. Lezindimana zisifundisani ngesithembiso sikaMoya oNgcwele ekubhabhadisweni?

Ngendlela efanayo uJesu agcotshwa ngayo nguMoya oNgcwele ekubhabhadisweni kwaKhe ukumlungisa nokumhlomisa ngokuphelele ukwenza umsebenzi waKhe emhlabeni, sonke simthenjisiwe uMoya oNgcwele ngesikhathi sokubhabhadiswa kwethu. UNkulunkulu ulangazelela ukuthi sibe nesiqiniseko sokuthi uligcwalisile iZwi laKhe, wasipha izipho zikaMoya ukuze sibusise ibandla laKhe nomhlaba.

Inhloso Ngezipho ZikaMoya

Funda 1 Korinte 12:7 nabase-Efesu 4:11-16. Kungani uNkulunkulu epha bonke abakholwayo izipho zikaMoya na? Yini inhloso ngalezipho?

Izipho zikaMoya zinezinhloso eziningi. UNkulunkulu uzinikeza ukuqinisa nokucathulisa ibandla laKhe ukuze lifeze umsebenzi waKhe. Kuhloswe ngazo ukuthuthukisa ibandla elibumbene ukuthi likwazi ukwenza umsebenzi waKhe emhlabeni. Ababhali beBhayibheli basinika izibonelo zezipho zikaMoya uNkulunkulu azipha ibandla laKhe, njengokukhonza, ukushumayela, ukufundisa, ukukhuthaza, nokupha. Kubuye kukhulunywe ngesipho sokungenisa izihambi, umusa, ukusiza, intokozo, sibala ezimbalwa nje. Ukuze uthole uhla olubanzi, funda kumaRoma 12 no 1 Korinte 12.

Kungenzeka ube nemibuzo ngobudlelwane phakathi kwezipho zikaMoya namathalente emvelo. Izipho zikaMoya ziphiwa uNkulunkulu kubo bonke abakholwayo ukubacijisela umsebenzi wabo okhethekile ebandleni nasezweni. Zingabandakanya namathalente emvelo angcweliswe nguMoya oNgcwele nasetshenziselwa emsebenzini kaKrestu. Onke amakhono emvelo avela kuNkulunkulu, kodwa akusiwo wonke asetshenziselwa emsebenzini kaKrestu.

“Izipho ezikhethekile zikaMoya akuwona wodwa amathalente okukhulunywa ngawo emfanekisweni. Kuhlanganisa zonke izipho, noma esizifundele, noma ezemvelo, noma ezasenkolweni. Zonke mazisetshenziselwe umsebenzi kaKrestu. Ngokuba abafundi baKhe, sizinikela kuYe nakho konke esiyikho nesinakho. Lezipho uzibuyisela kithina sezihlanjululiwe, zenziwa zinhle, ukuze zisetshenziselwe udumo lwaKhe ukubusisa abanye abantu.”—Ellen G. White, *Christ’s Object Lessons*, ikhasi 328.

Futhi-ke, uNkulunkulu unezinye izipho ezikhethekile, njengesipho sokuprofetha nemisebenzi ethile ebandleni, okuhlanganisa nabefundisi, abadala, okuyibona abafundisayo emzimbeni kaKrestu ukwakha nokuhlomisa amalunga ukuze asebenze (bheka kwabase-Efesu 4:11, 12). Umsebenzi wobuholi bebandla ukusiza ilunga ngalinye ukuthi lisazi isipho salo sikaMoya, nokubafundisa ukusebenzisa lezo zipho ukwakha umzimba kaKrestu.

Yimaphi amanye amathalente emvelo onawo alusizo ekuphileni, angaba yisibusiso nasebandleni?

Ukwazi Izipho Zakho

Qhathanisa u 1 Korinte 1:4-9 no 2 Korinte 1:20-22. Lezindimana zisitshelani ngezithembiso zikaNkulunkulu, kakhulukazi izipho zikaMoya ngaphambi kokubuya kukaKrestu?

UNkulunkulu wethembisa ukuthi ibandla laKhe lizobonakalisa zonke izipho zikaMoya oNgcwele ngaphambi kokubuya kweNkosi yethu. Izithembiso zaKhe ziqinisile. Usinike ubufakazi bukaMoya oNgcwele ezinhliziyweni zethu ukusiqondisa ngabanye, sizazi izipho asinike zona. UNkulunkulu opha izipho, futhi uYena osembulela zona ngoMoya waKhe.

Funda kuLuka 11:13, Jakobe 1:5, noMathewu 7:7. Uma sifisa ukwazi izipho esiziphiwe nguNkulunkulu, usimema ukuthi senzeni?

Sithola izipho zikaMoya ngokuzinikela kuNkulunkulu, simcele ukuthi asitshengise izipho asinike zona. Uma izinhliziyo zethu zingenakho ukuzithathela udumo, okuhamba phambili empilweni kube ukukhonza uJesu, uMoya waKhe uzositshengisa izipho asibekele zona. "Abafundi abawamukeliswanga uMoya kwaze kwathi ngokukholwa nomthandazo bazinikela ngokuphelele ekusebenzeni kwaKhe. Kusuka lapho, ngendlela ekhethekile, okwasezulwini kwanikezwa abalandeli bakaKrestu….Izipho sezingezethu vele kuKrestu, kodwa ukuthi zize kithina kwencike ekwamukeleni uMoya kaNkulunkulu."—Ellen G. White, *Christ's Object Lessons*, ikhasi 327.

Izipho zikaMoya (bheka ku 1 Korinte 12:4-6) izimpawu ezinikezwa nguNkulunkulu ukuze simkhonze ngendlela enamandla. Imisebenzi ehlukene indlela esingabonakalisa ngayo izipho zethu, kanti kukhona nezenzo ezisinika ithuba lokusebenzisa izipho zethu zikaMoya. Izipho zikaMoya azizi sezithuthuke ngokuphelele. Uma uMoya oNgcwele elokhu ekutshengisa umkhakha othile wokukhonza, thandaza ukuthi akuholele emsebenzini othile-ngqo ukuze ukwazi ukusebenzisa isipho sakho ngokufinyelela kwabanye.

Yiziphi izipho zakho eziqonde-ngqo, kodwa okubaluleke kakhulu, ungazithuthukisa kanjani lezo zipho emsebenzini weNkosi?

Ukukhulisa Izipho Zethu

Funda umfanekiso wamathalente kuMathewu 25:14-30. Yimuphi umcabango ogqamile owubonayo kulendaba? Kungani izinceku ezimbili zokuqala zanconywa nguNkulunkulu kwathi esokugcina sasolwa? Lomfanekiso usitshelani ngokusebenzisa amathalente ethu? Ngokukhethekile, bheka uMathewu 25:29.

Umninimuzi wanika inceku ngayinye amathalente "njengamandla ayo" (Math. 25:15). Umuntu ngamunye wathola isamba esehlukile. Oyedwa wanikezwa amathalente amahlanu, omunye amabili, omunye elilodwa. Inceku ngayinye yayingakhetha ukuthi izowabekelela noma iwasebenzise kanjani amathalente enikwe wona. Okubalulekile lapha ukuthi abanikwa kona kwakungesikho okwabo. Kwakungokomunye umuntu owabayala ngakho.

Inkosi yabo yayingakhathazekile ngokuthi ubani othole amaningi noma amancane. Kwakungekona ukuthi inceku inikwe amathalente amangaki. Udaba kwakungukuthi umuntu wenzeni ngalokho akade ekunikiwe. UPawulu ubeka kanje ku 2 Korinte 8:12 (NKJV): "Ngokuba uma kukhona kuqala umqondo ovumayo, kuyamukeleka njengalokho umuntu enakho, hhayi ngalokho angenakho." KuNkulunkulu, okubalulekile akusikho ukuthi unani, kodwa kunalokho, ukuthi wenzani ngalokho onakho.

UNkulunkulu wancoma izinceku ezimbili zokuqala ngoba zazethembekile ekusebenziseni amathalente azo. Amathalente azo akhula uma elokhu esetshenziswa. Inceku "embi" ayiwasebenzisanga amathalente ewanikwe yinkosi, kanjalo-ke awabanga nenzalo. Kuyiqiniso laphakade ukuthi "Umthetho wokukhonza uphenduka ikhonco elixhumanisayo elisibophela kuNkulunkulu nakwabanye abantu." —Ellen G. White, Christ's Object Lessons, ikhasi 326. Inceku engathembekile yadlala ngethuba layo lokukhonza, yaze yalahlekelwa yikhono lokukhonza.

Uma sisebenzisa izipho esiziphiwe nguNkulunkulu ukudumisa Yena, zizokwanda, zikhule. Ungazazi kanjani izipho uNkulunkulu akuphe zona? Ngokuzithoba, cela uNkulunkulu akwembulele imikhakha afuna ukuthi ukhonze kuyona emsebenzini. Njengoba ezokwambulela, bamba iqhaza. Izipho zakho zizokhula uma uzisebenzisa, kanti uzothola ukweneliseka emsebenzini waKhe.

Cabanga ngalomfanekiso, uwusebenzise empilweni yakho. Yini, uma kukhona, okushiwoyo ngalokho okwenzayo ngamathalente owanikwe nguNkulunkulu? (Khumbula futhi ukuthi yonke into onayo iyisipho esivela kuNkulunkulu.)

Ukujula Nomcabango:

Funda eka Ellen G. White "Talents," amakhasi 325-365, ku *Christ's Object Lessons*. Ukuqonda ngendlela efanele imfundiso yeBhayibheli ngezipho zikaMoya kuletha ubunye ebandleni. Ukubona ukuthi yilowo nalowo kithina ubalulekile futhi uyilunga elidingekayo lomzimba kaKrestu, umcabango ohlanganisayo. Ilunga lebandla ngalinye liyadingeka ukuze kufezwe umsebenzi kaKrestu. Ilunga ngalinye liphiwe izipho zokusebenza. "Emntwini ngamunye, kunikezwe umsebenzi wokwenzela iNkosi. Ezincekwini zaYo zonke kunikezwe izipho ezikhethekile, noma amathalente. "Komunye wanika amathalente amahlanu, komunye amabili, komunye elilodwa; kuye wonke umuntu ngokwamandla akhe. Inceku ngayinye iphathiswe lokho ezoziphendulela ngakho; kanti futhi lokho esikuphathisiwe kuya ngamakhono ethu ehlukene. Uma uNkulunkulu ephana ngezipho zaKhe, akabandlululi. Uphana ngamathalente aKhe ngokwamakhono aziwayo ezinceku zaKhe, futhi ulindele inzuzo elingene amathalente lawo."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 2, ikhasi 282. Khumbula futhi ukuthi izipho zikaMoya zinikelwa udumo lukaNkululnkulu, hhayi olwethu. UNkulunkulu wazinikeza ukuze kuphakamiswe igama laKhe, kuqhutshelwe phambili umsebenzi waKhe.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Ake ugxile kulomcabango othi yilowo nalowo kithina uthole izipho kuNkulunkulu. Kunamthelela muni ebandleni lakho lokho? Kungenza mehluko muni ukubandakanyeka kwelunga ngalinye emsebenzini webandla?

2. Yabelanani eklasini ngendlela izipho zelinye ilunga zikubusise kanjani. Abelana neklasi ukuthi wena wazithola kanjani ezakho izipho zikaMoya. Ucabanga ukuthi yiziphi izipho zakho, futhi uzisebenzisa kanjani ukubusisa abanye?

3. Lesifundo siveze ukuthi izipho zethu zikhula ngokusetshenziswa. Ake ubuke eyakho impilo. Ungacabanga ngezipho oziphiwe nguNkulunkulu ezandile ngenxa yokuzisebenzisela udumo lwegama laKhe? Kusenjalo, zibuze futhi umbuzo oke wavela ekupheleni kwesifundo sangolwesHlanu, mayelana nokuthi wethembeke kangakanani ngalokho uNkulunkulu akunike khona.

Isifundo 7

**Ncwaba 8-14*

Ukwabelana NgeZwi

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
iHubo 119:105, Jer. 23:29, Heb. 1:1-3, 1 Thim. 2:14-17, 1 Johane 1:7-9, Umshumayeli 3:1, 2 Thim. 4:2.

Indimana Yekhanda:
"Liyakuba njalo izwi laMi eliphuma emlonyeni waMi: aliyikubuyela ze kiMi, lingakafezi lokhu engikufunayo, liphumelele kulokhu engilithumele kukho" (Isaya 55:11).

Uma sifakaza sikhuluma ngoJesu. Kodwa yini esingayazi ngoJesu ngaphandle kweBhayibheli? Eqinisweni, besingazi okungakanani ngempikiswano enkulu, uthando lukaNkulunkulu, ukuzalwa, impilo, umsebenzi, ukufa, uvuko, nokubuya kweNkosi yethu ukuba besingenayo imiBhalo? Nakuba-nje indalo itshengisa ubukhosi namandla kaNkulunkulu, ayilivezi icebo losindiso. UJesu, ngoMoya oNgcwele, "ukukhanya kweqiniso okukhanyisela wonke umuntu okwase kuza ezweni" (Johane 1:9). Futhi, ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu elisichazela ngokuphelele iqiniso lasezulwini, okwembulwa nguMoya oNgcwele ezinhliziyweni zethu akuphelele. IZwi likaNkulunkulu elibhaliwe yisona sambulo esicacile kakhulu nesiphelele ngoJesu, iZwi eliphilayo.

Nakuba abaholi bezenkolo babelifunda-nje iZwi likaNkulunkulu, abaningi babo baphuthelwa okuyiwona mlayezo walo omkhulu. UJesu wathi: "Nihlola imiBhalo ngoba nithi ninokuphila okuphakade kuyo; kanti iyona efakaza ngaMi" (Johane 5:39, NKJV). Uma liqondwa ngendlela efanele, kuzotholakala ukuthi zonke izimfundiso zeBhayibheli ziqhakambisa ubuhle besimilo sikaJesu. Uma sabelana ngeZwi likaNkulunkulu, injongo yethu enkulu akusikho ukutshengisa ukuthi sazi kangcono nokuthi omunye umuntu usephutheni, kunalokho, ukwembula uJesu kulo lonke iqiniso esabelana ngalo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ncwaba 15.*

Izifanekiso ZeZwi LikaNkulunkulu

Funda iHubo 119:105, Jeremiya 23:29, Luka 8:11, noMathewu 4:4. Yiziphi izifanekiso ezinhlanu ezisetshenziswe ukuchaza iZwi likaNkulunkulu kulezindimana? Ucabanga ukuthi kungani kwakhethwa lezifanekiso ukumela iZwi likaNkulunkulu?

Izifanekiso ezehlukene ezisetshenziswe kulezindimana zichaza eminye imisebenzi egqamile yeZwi likaNkulunkulu. Uma sabelana ngemiBhalo nabanye abantu, kufana nokukhanya okukhanyisa umphefumulo. UJesu "ukukhanya kwezwe," udabula ubumnyama bokungaqondi ukuthi ungubani uNkulunkulu nohlobo lwesimilo saKhe. Izingqondo ezifiphazwe ukungamqondi uNkulunkulu ziyakhanyiswa nguMoya oNgcwele ngeZwi likaNkulunkulu. Ngokubhala kukaJeremiya, iZwi likaNkulunkulu lifana nomlilo nesando. Liphelisa ukungcola kwesono ezimpilweni zethu, lithambise izinhliziyo zethu ezilukhuni. Uma sisiza abantu ukuthi babone inkazimulo kaJesu emiBhalweni, izinhliziyo zabo ezilukhuni ziyathamba, umlilo wothando lwaKhe udle ukungcola kokuzicabangela, ubugovu, inkanuko, nokuzazisa.

IZwi likaNkulunkulu futhi lifaniswa nembewu. Uphawu olugqamile lwembewu ukuthi inika ukuphila. Imbewu ithatha isikhathi ukuze imile. Izimbewu azimili ngesikhathi esisodwa zonke. Izitshalo azikhuli ngezinga elifanayo zonke. Kodwa ngaphansi kwezimo ezinhle, impilo engaphakathi kwembewu iyaqhuma emhlabathini kuvele ukuphila okusha. Uma sitshala imbewu yeZwi likaNkulunkulu ezinhliziyweni nasemiqondweni yabanye, ngeke sibone imiphumela esheshayo sonke isikhathi, kodwa imbewu iyakhula kuthulekile, nangesikhathi sikaNkulunkulu, uma besabela ekunxuseni kukaMoya oNgcwele, iyothela isivuno sombuso kaNkulunkulu. UJesu ufanisa iZwi laKhe nesinkwa esinomsoco. Njengoba abaningi bethu bazi, zimbalwa izinto ezenelisa njengesinkwa esibhakwe kahle. IZwi likaNkulunkulu lisuthisa ukulamba komphefumulo, londle nokulangazelela kwethu izinto zakwamoya okungaphakathi. Uma ulokhu wabelana ngezithembiso zeZwi nabanye, ubasiza ukubona ukuthi uJesu uyiZwi, izimpilo zabo zizoguqulwa ngokulunga kwaKhe, zithunjwe uthando lwaKhe, zimangaliswe umusa waKhe, zeneliswe ubukhona baKhe.

Futhi, cabanga ngamaqiniso esiwazela eBhayibhelini kuphela. Lokho kufanele kusitsheleni ngokubaluleka kwalokho elisifundisa kona?

Amandla Ezwi LikaNkulunkulu Okudala

Qhathanisa amaHeberu 1:1-3, Heberu 4:12, neHubo 33:6, 9. Lezindimana zisitshelani ngamandla eZwi likaNkulunkulu?

IZwi likaNkulunkulu liyiZwi eliphilayo. Linamandla okwenza lokho elikushoyo. Amazwi abantu angakhuluma ngokukhona, kodwa uNkulunkulu ukhuluma ngezinto ezingakenzeki, bese ezidala ngamandla eZwi laKhe. IZwi likaNkulunkulu liyiZwi elidalayo. IZwi elizwakalayo eliphuma emlonyeni waKhe linamandla okudala yonke into eliyimemezelayo.

Emlandweni wokudalwa kuGenesise 1, amazwi athi "uNkulunkulu wathi" ayaphindaphindwa (Gen. 1:3, 6, 11, 14, 20, 24, 26, 29). Amazwi akhulunywa nguNkulunkulu ayenamandla kangangoba wathi uma ekhuluma, kwavela umhlaba owomile, kwamila izitshalo, kwaqhakaza izimbali, kwathela izihlahla zezithelo, kwatshakadula nezilwane. Kukhona igama elithathekisayo lesiHeberu elisetshenziswe kuGenesise 1 uma kukhulunywa ngesenzo sikaNkulunkulu sokudala. Lelogama lithi bara. Ngendlela elisetshenziswe ngayo lapha, lisho ukwenza kukaNkulunkulu edala utho ngeze. Leligama lokwenza lisetshenziswe kuphela uma kunguNkulunkulu owenzayo. Okusho ukuthi, uNkulunkulu kuphela ongenza isenzo okuthiwa yi bara, futhi ukwenza lokho ngamandla eZwi laKhe alikhulumayo.

UNkulunkulu akagcinanga ngokudala lomhlaba ngeZwi alikhuluma, kodwa uwuphasa ngalo iZwi laKhe. Wona lawo mandla asezwini elakhulunywa nguNkulunkulu, asezwini laKhe elibhaliwe. Yena loMoya oNgcwele owayesebenza ekudaleni, wayesebenza ekuphefumuleleni imiBhalo. Unathi uma sifunda iBhayibheli noma sabelani ngalo nabanye. Kukhona amandla aphilisayo, aguqula impilo, nadalayo eZwini likaNkulunkulu. "Amandla okudala enza ukuthi umhlaba ube khona, akhona ezwini likaNkulunkulu. Lelizwi linika amandla; lizala ukuphila. Wonke umyalo uyisithembiso; okuthi uma samukelwa ngokuzithandela, singena emphefumulweni, silethe kanye naso ukuphila kwaLowo ongenakulinganiswa. Liguqula imvelo, lidale kabusha umphefumulo ngokomfanekiso kaNkulunkulu."—Ellen G. White, *Education,* ikhasi 126. Uma sizithathela izithembiso ezitholakala eZwini likaNkulunkulu, izimpilo zethu ziyaguqulwa, futhi uma sisiza abanye ukuba bathathe lezithembiso ezimangalisayo, uMoya oNgcwele uzoguqula izimpilo zabo, nabo.

Cabanga-nje: UNkulunkulu wakhuluma, kwaba khona. Singaqonda kanjani ukuthi kusho ukuthini lokhu? Leliqiniso elimangalisayo lisitshelani ngamandla aKhe? Kungani leliqiniso ngamandla kaNkulunkulu okudala liyinduduzo kithina?

Ukusizakala Ngokufunda iZwi likaNkulunkulu

Kukhona ukusizakala okuningi ngokufunda iZwi likaNkulunkulu. Umphostoli uPetru usitshela ukuthi ngezithembiso zemiBhalo, siba "abahlanganyeli nesimo sobuNkulunkulu" (2 Petru 1:4). UJakobe ukhuluma "ngezwi elitshaliweyo elinamandla okusindisa imiphefumulo yenu" (Jakobe 1:21). UPawulu wenezela athi: "izwi lomusa waYo... linamandla okwakha nokwabela ifa phakathi kwabo bonke abangcwelisiweyo" (iZenzo 20:32). IBhayibheli linenjongo yokusindisa. Ngokubona uJesu kulo lonke iBhayibheli, siyaguqulwa. Ngokumbona eZwini laKhe, siba njengaYe (2 Korinte 3:18). "Kuwumthetho wemvelo nowenkolo ukuthi ngokubuka, siyaguqulwa. Kancane, kancane, umqondo uba yileyonto ovunyelwe ukucabanga ngayo."—Ellen G. White, *The Great Controversy*, ikhasi 555.

Funda ku 2 Thimothewu 3:14-17 noJohane 17:14-17. Yikuphi okunye ukusizakala okutholakala ekufundeni iZwi likaNkulunkulu?

_____

_____

_____

Ebhalela uzakwabo osemncane, umphostoli uPawulu uyamnxusa ukuba ethembeke emiBhalweni, bese abelana naye ngokusizakala kokufunda iZwi eliphefumulelwe. Ngokusho kukaPawulu, iBhayibheli "lilungele ukufundisa." Lembula iqiniso, liveze okuyisiphosiso. Lichaza icebo likaNkulunkulu ngabantu. Likhuza izono zethu, lilungise ukucabanga kwethu okuphambukayo, lisiyale ngokulunga. ImiBhalo iveza ukulunga kukaKrestu. Isihola sisuke ebuwuleni bezono zethu, siye ebuhleni bokulunga kwaKhe. Uma sibona uthando lukaJesu olungenakuzicabangela, siluqhathanisa nokuzicabangela kwethu, siyamangala. Uma sibona emiBhalweni ukujula kwesihe nokunaka kwaKhe, izimpilo zethu ziyaguqulwa. Uma sabelana nabanye ngeZwi laKhe, nabo bayaguqulwa kakhulu. Ngokubona uJesu eZwini laKhe, siya ngokufana naYe. Ukufakaza akusikho ukwabelana ngalokho esikucabangayo, noma esikholwa yikho. Ukwabelana ngamaqiniso aphakade atholakala eZwini likaNkulunkulu. Uma iZwi likaNkulunkulu selibusise izimpilo zethu, sifanele ukutshela abanye ukuthi nabo lingababusisa kanjani.

Cabanga ngesikhathi esasinzima owake wabhekana naso, nendlela iZwi likaNkulunkulu elaba yinsika yamandla ngakhona kuwena. Wafundani kulokho?

_____

Ukusebenzisa iZwi likaNkulunkulu Empilweni

Kukhona othile owabala izithembiso ezingaphezu kuka 300 eZwini likaNkulunkulu. Yileso naleso sithembiso siphuma enhliziyweni kaNkulunkulu enothando, Yena "onamandla okwenza okukhulu kunakho konke esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi" (Efesu 3:20). Izithembiso zikaNkulunkulu yizibophelelo azenzela thina ngabanye. Uma sizithatha lezithembiso ngokukholwa, sifundise nabanye abantu ukuzithatha, izibusiso zezulu zigelezela ezimpilweni zethu. Umphostoli uPawulu ugcizelela leliqiniso kumaRoma 8: "Yena ongayigodlanga eyaKhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba kanjani ukuba angasiphi konke kanye naYo na? (Roma 8:32). Umphostoli uPetru uchaza lesithembiso athi: "Njengokuba amandla aKhe obuNkulunkulu esinikile konke okuqondene nokuphila nokumesaba uNkulunkulu" (2 Petru 1:3). Ngokufa kukaKrestu esiphambanweni, ukunqoba kwaKhe uSathane nemibuso namandla ehayidesi, uhlinzeke ngakho konke okudingekayo ukuze siphile impilo yokumesaba uNkulunkulu. Futhi wethembisa ukuhlinzekela nezidingo zethu zasekuphileni.

Qhathanisa u 1 Johane 1:7-9 nabaseFilipi 4:13, 19. Nakuba lezithembiso zingefani impela, zisifundisani ngesimilo sikaNkulunkulu? Zibe nomthelela onjani empilweni yakho lezibusiso?

_____

_____

Izithembiso esizifunde kulezindimana ngasinye sikhuluma ngento eyehlukile, kodwa isithombe sikaNkulunkulu ezisinika sona siyefana. Zisitshengisa uNkulunkulu othethelelayo nonothando, onamandla angenakulinganiswa, onaka izidingo zokuphila kwethu. Zisinika isiqiniseko sokuthi uNkulunkulu usinakekela ngokujulile.

Funda kumaHeberu 3:19; 4:1-3; noMathewu 13:58. Zisitshelani lezindimana ngesidingo sokukholwa?

_____

_____

Kunezithembiso eziningi ezimangalisayo zikaNkulunkulu eBhayibhelini, kanti uma ngokukholwa, sizithatha, sizikholwe ngoba uKrestu uthembisile, izibusiso zalezo zithembiso kuba ezethu. Ukungabi nokukholwa ekuthini uNkulunkulu angakwenza lokho akwethembisile eZwini laKhe okuvimbela ukugcwaliseka kwezithembiso zikaNkulunkulu ezimpilweni zethu. Thandaza ukuthi uNkulunkulu kuleli viki akuholele komunye umuntu odinga izithembiso zethemba ezitholakala eZwini likaNkulunkulu.

Ukwabelana NgeZwi

Izindaba ezimnandi ezokwabelana ngazo. Cabanga ngesikhathi empilweni yakho lapho wawuthokoziswe yizindaba ezimnandi. Kungenzeka ukuthi kwakumhla wenze isithembiso somshado, ukuzalwa kwengane, umsebenzi omusha, noma uthenge imoto entsha noma indlu. Wawesese kangoba wawufuna ukutshela bonke abantu ngalokho.

Kuyamangalisa ukwabelana nabanye ngentokozo yethu, kodwa izindaba ezinhle kunazo zonke emhlabeni wonke, indaba kaJesu. Uma sithola okusha eZwini laKhe mayelana nosindiso okukhona kuKrestu, izinhliziyo zethu ziyachichima ngenjabulo, sifise ukutshela omunye umuntu. Ngesikhathi abaholi bezenkolo bezama ukuthulisa ukushumayela kwabaphostoli, uPetru wathi: "Ngokuba thina asinakuyeka ukukhuluma ngalokho esikubonileyo nesikuzwileyo" (iZenzo 4:20). "Masinyane-nje umuntu efike kuKrestu, kutshaleka enhliziyweni yakhe isifiso sokwazisa abanye ukuthi usethole umngane oyigugu onguJesu; iqiniso elisindisayo nelingcwelisayo ngeke livaleleke enhliziyweni. Uma sembathiswe ukulunga kukaKrestu, sagcwaliswa yinjabulo kaMoya waKhe ongaphakathi, ngeke sikwazi ukuthula."—Ellen G. White, *Steps to Christ*, ikhasi 78.

KwabaseRoma 1:14-16, uPawulu uthi: "Nginecala kumaGreki nakwabezizwe, kwabahlakaniphileyo nakwabangaqondiyo, kanjalo mina ngokwami nginesifiso sokushumayela ivangeli nakinina baseRoma. Ngokuba anginamahloni ngevangeli, ngokuba lingamandla kaNkulunkulu, kube yinsindiso kulowo nalowo okholwayo, kumJuda kuqala, nakumGreki." Umphostoli uPawulu akazange akhathale ukulanda indaba yokuphenduka kwakhe. Inhliziyo yakhe yayichichima yinjabulo kuJesu. Kuyena, izindaba ezinhle kwakungezokwabelana ngazo. Wayengakwazi ukuthula.

Sinikwa miphi imigwaqo ebalulekile yokwabelana ngeZwi likaNkulunkulu kuIsaya 50:4, Umshumayeli 3:1, no 2 Thimothewu 4:2?

_____

_____

Uma sinikela izimpilo zethu kuKrestu nomsebenzi waKhe, uzosivulela iminyango yamathuba ukuze "sishumayele izwi" noma kuyisikhathi esifanelekile kulabo abavule izinhliziyo zabo. Kukho konke ukufakaza kwethu, asibe nemithetho yeBhayibheli emithathu engqondweni: lokho esikushoyo, indlela esikusho ngayo, nokuthi sikusho nini.

Obani abanye babantu oxhumene nabo, futhi ungaba kanjani ufakazi ongcono kubona na?

Ukujula Nomcabango:

Funda encwadini ka Ellen G. White ethi *Steps to Christ*, phansi kwesihloko "A Knowledge of God" amakhasi 87-91; "Bible Readings With Families," amakhasi 192-193, kuGospel Workers; ne"Bible Work Techiniques," amakhasi 481-486, ku *Evangelism*. Unkulunkulu uyasebenza ezinhliziyweni kuyo yonke indawo esizungezile. Uma sibona ngamehlo kamoya lapho uNkulunkulu esebenza khona, sizophawula amathuba okwabelana ngeZwi laKhe nabanye. Uma uNkulunkulu elungisa umhlabathi wenhliziyo, sinethuba lokuhlwanyela imbewu yevangeli. Umoya oNgcwele walungisa inhliziyo kaNikhodemu, owesifazane emthonjeni, owesifazane owayenomopho, isela esiphambanweni, induna yekhulu yomRoma, nabanye abaningi ukuze bamukele izwi laKhe engakahlangani nanabo uJesu. Ngenxa yezimo empilweni yabo, nokuthintwa uMoya oNgcwele, bakulungela ukwamukela isigijimi sikaKrestu. Kungenzeka sibe nokungabaza ukucela abantu ukuba sithandaze nabo, sabelane ngesithembiso saseBhayibhelini, noma sibaphe ipheshana elinesigijimi. Izikhathi eziningi, uma sizwa ukuthi asabelane ngokukholwa nomuntu othile, kungenxa yokuthi uMoya oNgcwele osithintile usethinte lowo muntu ukuze amukele ubufakazi bethu.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Uma kungeza umuntu kuwena ehlushwa ngunembeza kakhulu ngenxa yesigameko esithile, edinga ukuthethelelwa nguNkulunkulu, ungamnika ziphi iziyalo, futhi ungabelana naye ngaziphi izindimana zeBhayibheli? Athini awakho amava ngokuhlushwa unembeza, namandla entethelelo kaNkulunkulu kweyakho impilo?

2. Ngesinye isikhathi uNkulunkulu usixhumanisa nabantu ngoba efuna ukuthi bazi iqiniso laKhe. Singakubona kanjani ukuhola kukaNkulunkulu?

3. Gxila emandleni kaNkulunkulu neZwi likaNkulunkulu njengoba kuvezwe emlandweni wokudalwa nakuyo indalo uqobo. Asikwazi nokuqonda ngendalo iyonke ngoba inkulu futhi ibanzi. Uma ucabanga-ke ukuthi uNkulunkulu owayidala mkhulu ukwedlula lokho akudala. Singathola kanjani ukududuzeka ekwazini ukuthi uNkulunkulu esimkhonzayo unamandla angaka? Kungesikho kuphela ukuthi unamandla, kodwa futhi uyasithanda. Singathola liphi ithemba ngokwazi lezinto ngoNkulunkulu? Futhi lolu lwazi lungasisiza kanjani sibe ofakazi abangcono ngaYe kwabanye abantu?

Isifundo 8

**Ncwaba 15-21*

Ukusebenza NjengoJesu

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Math. 5:13, 14; Filipi 2:15; Marko 12:34; Efesu 4:15; Math. 4:23-25; Math. 25:31-46.

Indimana Yekhanda:
"Kepha ebona izixuku wabanesihe ngazo, ngokuba zazikhathazekile, zihlakazekile njengezimvu ezingenamalusi" (Mathewu 9:36).

UJesu wayebanaka ngempela abantu. Wayekhathazeke kakhulu ngezidingo zabo ukwedlula ezaKhe. Impilo yaKhe yayithandelene nabanye abantu ngokuphelele. Umsebenzi waKhe kwakungowesihe nothando. Wahlangabezana nezidingo zabantu zasenyameni, zomqondo, nezomphefumulo, kanjalo-ke, izinhliziyo zabo zavulekela amaqiniso ayewafundisa. Njengoba wayephilisa abanochoko, evula amehlo ezimpumputhe, evula izindlebe zezithulu, ekhulula abanamadimoni, esuthisa abalambile, futhi enakekela abaswele, izinhliziyo zathinteka, izimpilo zaguqulwa.

Kungenxa yokuthi uma abantu babebona ukunaka kwakhe kweqiniso, bavulelekela emaqinisweni ayewafundisa. "Indlela kaKrestu kuphela eyokuba nempumelelo ekufinyeleleni ebantwini. Umsindisi waxubana nabantu njengalowo obafisela okuhle kodwa. Wabatshengisa uzwelo, wahlangabezana nezidingo zabo, wazuza ukwethenjwa yibo. Wayesethi: 'Ngilandeleni.' "—Ellen G. White, *The Ministry of Healing*, ikhasi 143. UJesu wayazi ukuthi umhlaba udinga ukuboniswa ivangeli njengoba udinga nokushunyayelwa kwalo. Ubufakazi obuphilayo bempilo efana nekaKrestu ezinikele ekukhonzeni abanye, ingubufakazi obu namandla bamazwi esiwakhulumayo, futhi yenza ukufakaza kwethu kwethembeke.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ncwaba 22.*

Indlela uJesu Ayethatha Ngayo Abantu

Njalo-nje, uJesu wayefuna ukuthola okuhle kwabanye abantu. Wayebakhuthaza ukuba benze okuhle kakhulu. Okunye ukugxeka kwabaholi bezenkolo ngoJesu ukuthi "wamukela izoni aze adle nazo" (Luka 15:2, NKJV). Babekhathazekile ngoba wayejwayelene "nabantu abangakholwa." Inkolo babeyibuka njengokwehlukana esikhundleni sokuxhumana. Bamangala uma uJesu ezisho ethi "Ngokuba angizanga ukuzobiza abalungileyo, kodwa izoni ukuba ziphenduke" (Math. 9:13, NKJV). Inkolo yababhali, abaFarisi, nabaSadusi, kwakuyinkolo yobandlululo. Babecabanga kanje: "Enza konke ongakwenza ukuze ugweme ukungcoliswa yisono." Imfundiso kaJesu yayehluke kakhulu. Wangena kulomhlaba ofana nesidleke sezinyoka ukuze awusindise, hhayi "ukuwugwema. Ungukukhanya kwezwe" (Johane 8:12).

Funda kuMathewu 5:13, 14. UJesu wasebenzisa miphi imifanekiso emibili ukuchaza abalandeli baKhe? Ucabanga ukuthi kungani asebenzisa leyo mifanekiso? Bheka nakuJohane 1:9, Johane 12:46, Filipi 2:15.

Usawoti kwakungenye yezinto ezibaluleke kakhulu endulo. Wawuyigugu elikhulu, futhi ngesinye isikhathi amabutho amaRoma ake awusebenzisa njengemali. Wawuluphawu lokuceba okukhulu. Futhi wawusetshenziselwa ukuyolisa ukudla nokukugcina kungonakali. Ngesikhathi uJesu esebenzisa umfanekiso kasawoti ukufanekisa abalandeli baKhe, empeleni wayethi umcebo wangempela womhlaba akusibo abantu basezweni abacebile nabanamandla. Umcebo wangempela womhlaba amaKrestu azinikele, azimisele ukwenzela umbuso kaNkulunkulu umehluko. Izenzo zabo zothando nomsebenzi wokungazicabangeli kugcina ubuhle bomhlaba, kuyolise nomoya.

Umfanekiso wesibili owasetshenziswa nguJesu (kuMathewu 5:14) yilowo "wokukhanya kwezwe." Ukukhanya akubugwemi ubumnyama. Kukhanya ebumnyameni. Akuzehlukanisi nobumnyama. Kugqobhoza ubumnyama, kwenze ubumnyama kube ukukhanya. Abalandeli bakaJesu bafanele ukugqobhoza ubumnyama balomhlaba emiphakathini yabo, emizaneni, emadolobheni, nasemizini emikhulu, bakhanyise ngenkazimulo kaNkulunkulu.

Ngemuva kokucabanga ngamazwi kaJesu kuJohane 17:15-18, sifanele siwuzwe kanjani umqondo wokuzihlukanisa nezwe nokugwema izwe? Ngabe kusho into eyodwa? Wayesho ukuthini uJesu ngesikhathi ethandaza ethi abalandeli baKhe basezweni, kodwa abasibo abasezweni? Sikwenza kanjani lokho?

Indlela uJesu Ayephatha Ngayo Abantu

Inhloso kaJesu kwaku ukuveza okuhle ebantwini. Noma izimo zazilukhuni ngokungajwayelekile, wayebonakalisa umusa. Ivangeli likaLuka lithi izixuku "zamangala ngamazwi omusa aphuma emlonyeni waKhe" (Luka 4:22), kanti ivangeli likaJohane lenezela lithi "umusa neqiniso wavela ngoJesu Krestu" (Johane 1:17). Indlela ayephatha ngayo abantu yayibenza bazizwe bekhululekile. Amazwi aKhe amnandi ayethakaselwa yizinhliziyo zabo.

Funda kuMathewu 8:5-10 noMarko 12:34. Yimaphi amazwi agcwele ithemba kubantu ababili ababengathembisi—induna yekhulu yomRoma, nombhali ongumJuda?

Amazwi kaJesu enduneni yamabutho engumRoma eyetshengisa okungejwayelekile. Cabanga ukuthi lenduna yazizwa kanjani uma uJesu ethi akazange akubone ukukholwa okungaka ngisho nakwa Israyeli imbala. Cabanga futhi ngemicabango yombhali ongumJuda uma uJesu ethi: "Awukude nombuso kaNkulunkulu." UJesu wayenekhono lokukhipha okuyikona okuhle kakhulu ebantwini. Zimbalwa izinto ezisebenza njengokuncoma ukuze izinhliziyo zivuleleke ivangeli. Funa okuhle ebantwini abakuzungezile, ubazise ukuthi uyabathakasela.

Qhathanisa uIsaya 42:3; Kolose 4:5, 6; nabase-Efesu 4:15. Lezindimana zisifundisa ziphi izimiso ezimqoka mayelana nokwabelana ngokukholwa kwethu nabanye abantu kanye nobudlelwane bethu nabo?

Uma amazwi ethu kungakhuthazayo nagcwele ubuhle, azokuba nomthelela omuhle ezimpilweni zabanye. Isiprofetho sika-Isaya sithi uJesu "umhlanga ofecekileyo akayikuwaphula" futhi "umongo othunqayo akayikuwucima." Ngamanye amazwi, uJesu wayenesihe kangoba wayengeke akhubekise ngaphandle kwesidingo, umuntu osanda kukholwa, noma acime izinhlansana zokukholwa enhliziyweni yakhe.

Kungani indlela esikhuluma ngayo ibaluleke njengalokho esikushoyo, noma ngaphezu kwesikushoyo? Uthini ngalamazwi: "Iqiniso yiqiniso, umuntu angalithatha noma aliyeke"? Yini engalungile ngalamazwi ayiqiniso na?

Umsebenzi kaJesu Wokwelapha: Isigaba 1

Indlela yeNkosi yethu yokuvangela yedlula amazwi esiwafunde ngekhanda nemifanekiso (presentations); ijulile futhi inamandla njengokuphila uqobo. Zonke izinsuku sithintana nabantu abanezidingo ezinhlobonhlobo: ezasenyameni, ezisemqondweni, imizwa, nezomphefumulo. Ukrestu ushisekela ukuhlangabezana nalezo zidingo ngokusebenzisa thina uma sinaka isizungu sabantu, usizi lwabo, nokudabuka kwezinhliziyo, uma sitshengisa umdlandla kulokho okubathokozisayo, amathemba abo, namaphupho abo.

UJesu wasiza abantu ngezidingo ababengenakho ukuzisiza ngazo, ukuze ekugcineni akwazi ukuhlangabezana nezidingo zabo ezijulile. Izidingo ezinjalo yilezo abantu abaziyo ukuthi abakwazi ukuzisombulula bona ngokwabo. Kungaba yisidingo sokuhlukana nokubhema, ukwehlisa isisindo somzimba, ukudla ngendlela engcono, noma ukwehlisa ingcindezi yomphefumulo. Kungaba isidingo sokudla, indlu, noma ukwelashwa. Kungaba yisidingo sokwelulekwa mayelana nomshado noma umndeni. Kodwa okuyisona sidingo ngempela, yilokho abantu abakudinga kakhulu—isidingo sokuba nobudlelwane noNkulunkulu nokwazi ukuthi ukuphila kwabo kuqonde ephakadeni. Ukubuyisana noNkulunkulu kulomhlaba ogulayo yisona sidingo sethu esikhulu.

Funda indaba yomuntu ofe ohlangothi kuMathewu 9:1-7 neyowesifazane owayenomopho kuMarko 5:25-34. Yiziphi izinkomba esizitholayo kuzo zombili lezindaba zokuthi uJesu wayexhumanisa ukwelapheka komzimba nokuhlangatshezwa nesidingo esikhulu sokubuyisana noNkulunkulu?

Umsebenzi kaKrestu wokuphulukisa wawuhlanganisa okukhulu ngaphezu-nje kokuphulukiswa komzimba nemizwa. UJesu wayelangazelela ukuthi abantu bezwe ukuphelela okwanqanyulwa yisono. KuKrestu, ukuphulukiswa komzimba okungahambisani nokuphulukiswa emphefumulweni kwakungaphelele. Uma uthando lukaNkulunkulu lusiqhuba ukuba sifise ukuphulukiswa komuntu komzimba nemizwa, luzosiqhuba kakhulu futhi ukuthi sifune impilo enhle yomphefumulo walowo muntu ukuze aphile impilo ngokuphelele lapha naphakade. Angithi vele phela, bonke ababephiliswe nguJesu, babuye bafa. Ngakhoke okuyisona sidingo sabo sangempela kwaku esasemphefumulweni, akunjalo yini?

Yini engenziwa yibandla lethu emphakathini ukuhlangabezana nezidingo zabantu, sitshengise ukuthi siyabakhathalela ngempela? Cabanga ngabantu emphakathini wangakini. Lenzani ibandla lenu ukuletha umehluko ezimpilweni zabantu?

Umsebenzi kaJesu Wokuphilisa: Isigaba 2

Funda kuMathewu 4:23-25 noMathewu 9:35. Iyiphi indlela engu nxantathu eyayiyisisekelo somsebenzi kaKrestu? Wahlangabezana kanjani nezidingo zabantu, futhi lokho kwaba namthelela muni ezimpilweni zabo?

UJesu wahlanganisa ukusebenza okunxantathu—ukufundisa, ukushumayela, nokuphulukisa. Wabelana ngezimiso zaphakade ukuze sonke siphile izimpilo ezinenjongo. Wathi: "Ngize ukuze babe nokuphila, babe nakho kuchichime" (Johane 10:10). Umsebenzi waKhe wabonakalisa inala yomusa. Futhi uJesu weza ukusipha amandla okuphila izimpilo ezichichima manje naphakade.

Funda kuMarko 1:32-39. UJesu wachitha usuku lonke ephilisa abagulayo, ekhipha namadimoni. Esechithe isikhathi emthandazweni ekuseni ngakusasa lapho izixuku zazisafuna ukuphiliswa, wasuka waya kwelinye idolobha. Kungani engaziphulukisanga? Qaphela isizathu saKhe ezindimaneni 38 no 39.

Lendaba ivula amehlo. Ngemuva kokuphulukisa izixuku ngayizolo, ngakusasa uJesu uyazishiya izixuku ezimfunayo, ezigulayo, nezisadinga ukuphiliswa. Impendulo yaKhe ithi injongo yokuza kwaKhe emhlabeni ukushumayela ivangeli. UJesu wayengesiye-nje umenzi wezimangaliso wodumo. WayeyiNdodana kaNkulunkulu eyazela umsebenzi wokusindisa. Wayengenelisiwe-nje ukuphilisa umzimba. Wayelangazelela ukuthi abantu bathole ukuphila kwaphakade ayeze ukubanika khona. Wayichaza ngokusobala injongo yokuza kwaKhe emhlabeni ngalamazwi: "Ngokuba iNdodana yoMuntu ize ukufuna nokusindisa okulahlekileyo" (Luka 19:10). Isenzo ngasinye sokuphulukisa sinethuba lokubonakalisa isimilo sikaNkulunkulu, ukudambisa ukuhlupheka, nokwakha ithuba lokuphila kwaphakade.

Kungenzeka yini ukuphila impilo echichimayo esiyiphiwa nguJesu uma umpofu noma ugula? Ngabe uJesu wapha abantu okujule ngaphezu kokuphulukiswa komzimba? Yiziphi izindlela esingaholela ngazo abantu emaqinisweni uma sibasiza ngezidingo zabo zasemzimbeni nezemizwa?

Okuyikona Okubalulekile kuJesu

Umyalezo kaJesu kubafundi baKhe kuMathewu 24 ohlanganisa izigigaba zokuchithwa kweJerusalema nezinsuku ezandulela ukubuya kwaKhe, ulandelwa yimifanekiso emithathu eqondene yezikhathi zokugcina ku Mathewu 25. Lemifanekiso idweba izimpawu zesimilo okuyizona ezibalulekile kuJesu ebantwini abalindele ukubuya kwaKhe. Umfanekiso wezintombi eziyishumi uqhakambisa ukubaluleka kwempilo yeqiniso, engenakuzenzisa, negcwaliswe nguMoya. Umfanekiso wamathalente ayishumi ugcizelela ukubaluleka kokusebenzisa ngokwethembeka izipho uNkulunkulu asinike zona ngabanye kithina. Umfanekiso wezimvu nezimbuzi utshengisa ukuthi ubuKrestu beqiniso ngempela bukhonza ekuhlangabezeni izidingo zalabo uNkulunkulu abaletha ezimpilweni zethu usuku ngalunye.

Funda kuMathewu 25:31-46. UJesu ubuchaza kanjani ubuKrestu beqiniso? Bhala imikhakha yokusebenza ezikhuluma ngayo lezindimana.

Nakuba lomfanekiso ukhuluma ngokuhlangabeza izidingo zasemzimbeni—okuyinxenye yomfanekiso esingafanele ukuwuziba—kungenzeka yini ukuthi kukhona okungaphezu kwalokho lapha? Kukhona ukulambela nokomela uJesu okufihlakele emiphefumulweni yabantu, okulangazela ukweneliseka (Johane 6:35, Johane 4:13, 14). Sonke siyizihambi ezilangazele ikhaya size sibone ubuthina bangempela kuKrestu (Efesu 2:12, 13, 19). Ngokwasemphefumulweni, sihamba-ze, size sembathiswe ukulunga kwaKhe (iSambulo 3:18; iSambulo 19:7, 8).

Abaprofethi beTestamente eliDala babevame ukuchaza isimo somuntu njengaleso somuntu ogula ngendlela engethembisi (Isaya 1:5, Jer. 30:12-15). Isifo sesono siyabulala, kodwa umprofethi usikhomba lapho kutholakala khona ikhambi. "Ngokuba ngiyakubuyisela ukuphila kuwe, ngelaphe izilonda zakho, usho uJehova" (Jer. 30:17). UJesu uyikhambi lesifo semiphefumulo yethu esifuna ukusibulala.

Umfanekiso wezimvu nezimbuzi usiyala ukuba sihlangabeze izidingo zomzimba zalabo abasizungezile, kodwa wenza nokungaphezu kwalokho. Indaba kaKrestu ohlangabezana nezidingo ezisekujuleni kwemiphefumulo, kuyisimemo saKhe sokuthi sihlangane naYe ekusebenzeleni labo abasizungezile. Ukuphila izimpilo zokuzicabangela nokunganaki izidingo zomzimba, zomqondo, nezomphefumulo zabanye kungasho ukulahlekelwa kwaphakade. Emfanekisweni, labo abanikeza ngezimpilo zabo ngenxa yokungaphezu kwabo, bayanconywa yiNkosi yabo, bamukelwe embusweni, ngesikhathi labo abazinake bona benza izinto zabo, benganakile izidingo zabanye, bayalahlwa yiNkosi yabo.

Ukujula Nomcabango:

"Abaningi abanakho ukukholwa kuNkulunkulu, balahlekelwe yithemba nasebantwini. Kodwa bayazithakasela izenzo zesihe nosizo. Uma bebona umuntu ongaqhutshwa ukunconywa kwasemhlabeni noma inzuzo efika emakhaya abo ezosiza abagulayo, epha ukudla abalambile, embesa amahamba-ze, eduduza abadabukile, ebakhomba bonke kuYena Lowo abantu abayizithunywa zothando nesihe saKhe—uma bebona lokhu, izinhliziyo zabo ziyathinteka. Kuvela ukubonga ngaphakathi. Kukhwezeleke ukukholwa. Bayabona ukuthi uNkulunkulu uyabanaka, balungele ukulalela uma kuvulwa iZwi laKhe."—Ellen G. White, *The Ministry of Healing*, ikhasi 145.

Ukusebenza kukaJesu okungenakuzicabangela kuvula izinhliziyo, kudilize izindonga ezehlukanisayo, kudale umoya wokwamukela ivangeli. Ibandla lingumzimba kaKrestu ohlangabezana nezidingo ngothando yonke indawo. Ukrestu usithuma emiphakathini yethu ukuze senze umehluko ngegama laKhe. Nakuba kufanele ngempela siqaphele ukuthi asingcoliswa yizwe (okuyinto ekhona neyingozi ngempela ebandleni lethu), siyadinga ukufunda ukufinyelela ebantwini lapho bekhona, sisetshenziswe nguNkulunkulu ofuna ukubathatha lapho bekhona abalethe lapho kufanele babe khona.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Kungani ukusebenza kukaKrestu ngesihe kunamandla angaka ekudilizeni izindonga nokulungisa abantu ukuzwa amaqiniso enkolo na? Zama ukubuka ngamehlo engqondo ukuthi ukufakaza kwethu bekungaba namandla angakanani ukuba besingabonakalisa lokho kuzidela ngabanye abantu njengoba wenza noJesu.

2. Cabanga ngesikhathi lapho wake washo okuthile okuyiqiniso, kufanelekile, mhlawumbe kudingeka nokudingeka—kodwa wakusho ngendlela embi, ngezwi elibi noma ngomqondo omubi. Wafundani kuleso sigameko okuzokusiza kungakuphindi futhi, njengokulinda kuze kwehle umoya ngaphambi kokukhuluma, nokunye okunjalo?

3. Ake ugxile kulomqondo othi bonke abantu abaphulukiswa nguJesu noma abavuswa ekufeni, baphinde bafa. Lokho kufanele kusitsheleni ngendlela esimelwe ukwenza ngayo uvangelo noma ukusiza labo abasizungezile?

4. Singabenzela kanjani amathuba okukholwa labo abafuna ukusizwa ngezidingo abaziyo ukuthi bona abakwazi ukuzisiza ngazo?

Isifundo 9

**Ncwaba 22-28*

Ukuba Nomqondo Wokuphumelela

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:

Johane 4:27-30, 39-42; Math. 15:21-28; 2 Thes. 1:1-4; Rom. 15:7; Efesu 4:32; 1 Petru 3:15.

Indimana Yekhanda:

"Kepha mngcweliseni uKrestu abe yiNkosi ezinhliziyweni zenu, nihlale ningabalungele ukubaphendula bonke abanibuza isizathu sethemba elikini, kodwa kube ngobumnene nangokwesaba" (1 Petru 3:15).

Uma silokhu sifunda ngempilo kaJesu, kulapho simangaliswa yikhono laKhe lokwamukela abantu abaphe nokuzethemba. Nakuba wakhuza abaholi bezenkolo esebenzisa amagama aqinile, wabamukela ngenjabulo abantu ababelwa nesono, abahlushwa unembeza, nabazizwa belahliwe bengenathemba. Wayebapha umusa waKhe. Umusa waKhe wayewunika ngisho nesoni esibi kakhulu. Ukujula kwentethelelo yaKhe kwakujule ukwedlula ukujula kwesono sabo. Uthando lwaKhe lwalungenamikhawulo. UJesu akazange atshengise nokuncane ukuziqhenya noma ukuziphakamisa. Kuwo wonke umuntu wayebona isidalwa esenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu, nokho esiwele esonweni, eze lapha emhlabeni ukuzosisindisa. Akukho muntu owayengeke afinyeleleke ngothando lwaKhe. Akekho owasephansi ngendlela yokuthi umusa waKhe wawungenakufinyelela kuye. Wayehlonipha bonke ayethintana nabo, abaphathe ngenhlonipho ebafanele. Wayeholela abantu embusweni ngoba wayekholelwa ebantwini. Izimpilo zabo zaziguqulwa ngobukhona baKhe ngoba wayebanaka ngokujulile. Baba yilokho ayekholwa ukuthi bangaba yikho. Kulesifundo saleliviki sizobhekisisa ngokujulile indlela uJesu ayebuka ngayo abantu, sithole nendlela yokusebenzisa lawo macebo kokwethu ukuphila.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ncwaba 29.*

Ukwamukeleka Kwevangeli

Funda kuJohane 4:27-30, 39-42. Ukuhlangana kukaJesu nowesifazane waseSamariya kulitshengisa kanjani iqiniso lokuthi zonke izinhlobo zabantu zivulekele ivangeli, nasezindaweni ezingalindelekile?

Indawo yokugcina abafundi ababengalindela kuyona ukuthola izinhliziyo ezivulelekele ivangeli, kwakuseSamariya. AmaSamariya ayehlala ephikisana namaJuda ngezimfundiso nangokukhonza. Lokhu kungezwani kwase kuneminyaka eminingi. AmaSamariya ayekade efuna ukwelekelela ekwakhiweni kwethempeli eJerusalema, kodwa enqatshelwa lelo thuba ngenxa yokuganiselana kwawo nezizwe zabahedeni kanye nendlela ababechaza ngayo izwi. Umphumela walokho kwaba ukuthi amaSamariya azakhela ithempeli lawo entabeni iGerizimu. Abafundi babekubona kulula ukuyeqa iSamariya njengendawo engavundile ekushunyayelweni kwevangeli. UJesu wabona lokho abafundi ababengakuboni: izinhliziyo ezivumayo. UJohane uqala ngalamazwi uma ebhala ngalendaba: "Wasuka eJudiya, waphindela eGalile. Kodwa kwakudingeke ukuthi adabule eSamariya" (Johane 4:3, 4, NKJV). UJesu "kwakudingekile" ukuthi adabule eSamariya ngoba uMoya oNgcwele wamtshela ukuthi kukhona izinhliziyo ezilungele ukwamukela ivangeli kulendawo engalindelekile. Uma amehlo ethu egcotshwe nguMoya oNgcwele, sibona amathuba lapho khona abanye bebona ubunzima kuphela. Sibona isivuno esikhulu semiphefumulo sombuso kaNkulunkulu lapho abanye bebona kuphela ugwadule.

Funda kuZenzo 8:4, 5, 14. Ekugcineni waba yini umphumela womsebenzi kaJesu eSamariya na?

Abafundi babezodlula eSamariya ngaphandle kokunika abaseSamariya ithuba lokuzwa iqiniso leZwi likaNkulunkulu. UJesu wabona lokho ababengakuboni. Wabona ukuthi uMoya oNgcwele wayedale isimo sokwamukela ivangeli enhliziyweni yalo wesifazane. Ukuphenduka kwakhe kwaba nomthelela ebantwini abaningi kulelo dolobha. Ngeke sibone imiphumela esheshayo sonke isikhathi ngokufakaza kwethu, kodwa uma silokhu sitshala imbewu ezinhliziyweni ezilungele ukuyamukela, ngelinye ilanga iyothela isivuno sodumo lukaNkulunkulu.

Asiwazi ngokuqinisekile umthelela omuhle noma omubi, wamazwi ethu nezenzo zethu kwabanye abantu. Ngakhoke, kungani kufanele njalo-nje siqaphele esikushoyo nesikwenzayo phambi kwabanye abantu?

Ukuguqula Umqondo

Izikhathi eziningi isimo somqondo wethu yiwona oshoyo ukuthi sizokwazi yini ukuba nomthelela kwabanye abantu. Isimo somqondo esibukhali, esigxekayo nesingenabungane, sizoxoshela abantu kude nawe ngisho noma ukwazi ukufakaza, amazwi akho, noma eyiqiniso kangakanani, anethuba elincane lokwamukeleka. Ngokuphambene nalokho, umoya omuhle nokwethemba abanye abantu kubadonsela kithina. Lokho kwakha ubuhlobo. UJesu waphawula ngalokhu ngesikhathi ethi: "Angisanibizi ngezinceku, ngoba inceku ayikwazi okwenziwa yinkosi yayo; kodwa nginibize ngokuthi ningabahlobo baMi, ngokuba konke engikuzwe kuBaba nginitshelile kona" (Johane 15:15), NKJV). Abangane bayamukelana phezu kobuthakathaka kwabo namaphutha abo, futhi bayabelana ngokubathokozisayo nokubadabukisayo.

Funda kuMathewu 15:21-28 no Marko 14:6-9. Lezindimana zichaza abesifazane ababili abanezimo ezehlukene kakhulu. UJesu ubonakala elukhuni komunye kodwa emnene komunye. Yini etshengisayo kulezindimana ukuthi uJesu wayelulela umusa waKhe wokusindisa kubo bobabili, akha nokwethembana?

_____

_____

_____

Owesifazane kuMathewu 15 ungowaseKanani. UJesu usenqaba ngamabomu isicelo sakhe ekuqaleni, ukuze ngokuphikelela kwakhe, kukhule ukukholwa kwakhe. Ekugcineni uyasenza isicelo salomame, bese ekhuluma amazwi amangalisayo ayengeke akhulunywe nayimuphi umholi wezenkolo waseJudiya ngaleso sikhathi kowesifazane waseKanani ozihluphekelayo. Esidlangalaleni, wathi: "O, Mame, kukhulu ukukholwa kwakho!" (Mathewu 15:28, NKJV). Wenza ukuncoma okukhulu kunalokho okwakungenziwa yinoma yimuphi umfundisi wezenkolo. Cabanga-nje ukuthi inhliziyo yakhe yathokoza kanjani, nempilo yakhe yaguqulwa? Owesifazane owagcoba izinyawo zikaJesu ngamakha enani elikhulu wayengumJuda—owayedume kabi, owesifazane owehluleka empilweni, enza isono, kodwa wathethelelwa, waguqulwa, wadalwa kabusha. Ngesikhathi abanye bemsola, uJesu wamncoma, wathakasela nesenzo sakhe. Wathi: "Noma kuphi lapho lelivangeli liyoshunyayelwa khona emhlabeni wonke, lokhu okwenziwe yilo wesifazane kuyokhulunywa ngakho, kube yisikhumbuzo ngaye" (Marko 14:9, NKJV).

Ngokubuka lezindaba ezimbili esizifunde ngenhla, zinto zini ezidingekayo ukuze sibe nesimo somqondo wokuphumelela? Udinga ukusiguqula kanjani isimo somqondo wakho, kungekona-nje ekufakazeni, kodwa nasempilweni jikelele?

Ukushumayela Iqiniso Ngothando

Ubungane bubodwa, akuzuzeli abantu kuKrestu. Singaba nabangane abaningi, abantu esijabulela ukuba nabo, nabo bejabula uma benathi, kodwa uma singabatsheli ngokuthi uJesu usho ukuthini kithina, nokuthi wayishintsha kanjani impilo yethu, ubungane bethu ngeke benze emehluko waphakade. Yebo, bangakujabulela ukuba seduze kwethu. Ubungane bubodwa ngeke bulethe abantu kuKrestu, kodwa isimo somqondo esingenabungane, singaxoshela abantu kude noKrestu. Umphostoli uPawulu uyasikhumbuza ukuthi "sikhulume iqiniso ngothando" (Efesu 4:15). Izibopho zobungane ziyaqina uma sivumelana nabantu kangangoba sinakho, sitshengise ukubamukela, futhi sibancome uma kufanelekile. Kubalulekile ukuthi sizejwayeze ukufuna okuhle ebantwini, hhayi okubi.

Funda ku 2 Thesalonika 1:1-4. Bhala ezinye izinto uPawulu ancoma ngazo abaseThesalonika.

Kukhona labo abajatshuliswa ukufuna izinto ezimbi kwabanye abantu. Kubonakala bejabula uma umuntu engenzanga kahle into ethile, ngoba lokho kubenza bazizwe bengcono. Umphostoli uPawulu wayengenjalo. Wayefuna okuhle emabandleni ayewasebenzela. Yebo, wayewakhuza amaphutha, futhi akasigqibanga isono, kodwa wayegxile ekwakheni amabandla ayekade ewaqalile. Enye indlela akwenza ngayo lokhu ukuqhakambisa lokho abakwenze kahle.

Amazwi ka-Ellen G. White ayathathekisa. "Uma besingazithoba phambi kukaNkulunkulu, sibe nomusa nesihe, sibe nozwelo nokucabangelana, bekungaba khona abayikhulu abaphendukela eqinisweni lapho kukhona oyedwa manje."—*Testimonies for the Church,* vol. 9, ikhasi 189.

Zindla ngalamazwi angenhla umzuzwana. Kungasho ukuthini ebandleni lakho uma bekungachichima umusa, isihe, uzwelo ezinhliziyweni zelunga ngalinye? Lingabukeka kanjani ibandla elinjalo? Bheka kweyakho inhliziyo, uzibuze ngendlela ongathuthuka ngayo kulomkhakha.

Isisekelo Somkwamukeleka

Funda kumaRoma 15:7 nabase-Efesu 4:32. Ungasichaza kanjani isisekelo sakho konke ukwamukeleka? Yini ingqikithi yesimo somqondo owamukelayo?

Kulezindimana ezimbili umphostoli uPawulu usinika izimiso eziyizesekelo zokwamukelana kwethu. Ngoba uKrestu usithethelele, wasamukela ngabanye, singalokotha yini senqabe ukuxolelana nokwamukelana? Empeleni, kungenxa yesizathu sokuthi uJesu wasamukela ukuthi nathi singamukelana, yize sinamaphutha ethu. Cabanga ujule ngokuthi kusho ukuthini lokhu. Zicabange wena kanye nezinye zezinto owake wazenza nalezo osalwa nazo—izinto mhlawumbe ezaziwa uwena wedwa, izinto ongashaqeka uma zingaziwa abanye.

Kodwa-ke! Ngokukholwa, uyamukeleka kuKrestu owazi konke ngezinto abantu abangazazi ngawe. Yebo, wazi konke lokho, kodwa uyakwamukela noma kunjalo, hhayi ngenxa yokulunga kwakho, kodwa ngenxa yokwaKhe ukulunga. Manje-ke, kufanele sibe njani isimo somqondo wakho ngakwabanye abantu? Nansi into abantu abaningi abayithola elukhuni ukuyiqonda. Ukwamukela kweqiniso kusho ukwamukela abantu njengoba benjalo, nayo yonke imikhuba yabo, ngoba bengabantu abadalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu. Ngoba uKrestu wasifela "siseyizoni" waze "wasibuyisela kuNkulunkulu" siseyizitha zaKhe, singabaxolela abanye, sibamukele futhi. Uthando lwaKhe ngathi luba yisona isisekelo sethu sokwamukela nokuxolela abanye (Roma 5:6-10). Kodwa uma-nje sebakhekile ubudlelwane bokwamukela nokunaka, kuvame ukudingeka ukuqonda umuntu, ngothando, ngamaqiniso emiBhalo. Ukwehluleka ukwenza lokho ukwehluleka ukuthanda. Njengabangane, sinaka ngokwanele size sabelane nabangane bethu ngamaqiniso aphakade naguqula impilo. Isimo somqondo kaJesu sasingasho ukuthi "Zenzele umathanda. Kulungile. Ngiyakwamukela noma kunjalo." Kunalokho, sasithi: "Noma ngabe bewenzeni, ngizimisele ukukuxolela, ngikuphe amandla okushintsha." Uma iqiniso leBhayibheli lifundiswa ngokuzithoba, ngoMoya kaKrestu, ngesimo somqondo sothando, lizuza izinhliziyo, liguqule nempilo.

Kungenzeka kanjani ukwamukela umuntu kodwa ungamukeli impilo yakhe yesono? Singenza kanjani ukuba abamukelayo, kodwa ngaso leso sikhathi singathalalisi noma sivune isono na?

Ukufundisa Iqiniso Ngothando

UJesu akazange ayeke ukufundisa iqiniso "ngenxa yothando," ngoba lokho kwakungeke kube uthando. Uthando lufunela omunye okuhle ngaso sonke isikhathi. Uthando neqiniso akuphikisani. Iqiniso uma lifundiswa ngokuzithoba nangobumnene, lisho uthando. UJesu wathi: "Ngiyindlela, iqiniso, nokuphila" (Johane 14:6). UJesu uYena yedwa indlela yokusindiswa (iZenzo 4:12). Umusa waKhe uyasisindisa, ukuze sazi iqiniso laKhe, siphile impilo yaKhe. Iqiniso elingenalo uthando liholela ekugqilazekeni kokuzama ukusindiswa ngomthetho, okuyinto eklinya ukukholwa. Lokhu okubizwa ngothando, kube kungenalo iqiniso kuholela ekwamukeleni izinto ezingaphatheki, umuntu azithole entanta olwandle lokungabaza. Iqiniso elifundiswa ngothando liholela ebuKrestwini beqiniso obukhomba indlela, obunenjongo nesiqiniseko.

Funda ku 1 Petru 3:15; 2 Thimothewu 4:2, noThithu 3:4, 5. Yimaphi amazwi kulezindimana enza kulingane ukufundisa iqiniso leBhayibheli nomoya wokuzithoba, owamukelayo?

_____

_____

_____

Ababhali beTestamente eliSha abanzange baqhakambise uthando ngaphezu kweqiniso. Ngendlela enhle, bahlanganisa uthando neqiniso, umusa nomthetho, isihe nokwethembeka. UPetru uyala abazalwane ukuba "baziphendulele kubo bonke ababubuza isizathu sethemba elingaphakathi kwabo, ngobumnene nokwesaba" (1 Petru 3:15, NKJV). Ngamanye amazwi, udinga ukukwazi lokho okholelwa kukho, ukuthi kungani ukukholwa, ukwazi ukuchaza lokho okukholwayo, nesizathu sakho. Lokhu akusho ukuthi unazo zonke izimpendulo noma ukuthi ungaphendula abanye ngezinkolelo zakho. Into oyishoyo-nje ukuthi "ngobumnene nokwesaba"—okusho ukuthi ngokuzithoba nokwazi ubukhulu bezindaba okukhulunywa ngazo—ungakuchaza ukumele ukukholwa kwakho. UPawulu uyala insizwa uThimothewu ukuba "ashumayele iZwi! Noma isikhathi siyavuma, noma asivumi. Batshele, ubasole, ubakhuthaze, ngakho konke ukubekezela nokufundisa" (2 Thimothewu 4:2, NKJV). Ukhumbuza uThithu ukuthi ukulunga kukaNkulunkulu nothando lwaKhe okusindisa labo abazelwe kabusha kuYe (Thuthu 3:5).Nathi sibizelwe ukufundisa iqiniso ngothando nokuzithoba. INkosi yethu isimema ukuba sihlanganyele naYo ekwabeleni ngesigijimi sezinsuku zokugcina ngendlela eyamukela abanye,emhlabeni ofayo ungenaye uKrestu.

Uma bewungabuzwa ukuthi " Kungani ungumKrestu?" bewungaphendula uthini, ngasizathu sini?

Ukujula Nomcabango:

"KuKrestu kutholakala ubumnene bukamelusi, uthando lomzali, nomusa ongenakuqhathaniswa woMsindisi onesihe. Izibusiso zaKhe uzithulula ngendlela eheha kakhulu. Akeneliswa-nje ukuzimemezela lezibusiso; uphana ngazo ngendlela ethathekisa kakhulu, ukuze kube khona umdlandla wokuzithola. Ngokufanayo, izinceku zaKhe zifanele ukufundisa ngobucebi benkazimulo yesipho esingenakuchazeka. Uthando lukaKrestu olumangalisayo luzoncibikilisa, lugobe izinhliziyo, ngesikhathi ukusho izimfundiso njengomlolozelo kwehluleka. "Duduzani, nibaduduze abantu baMi, usho uNkulunkulu wenu. Khuphukela entabeni ende wena Siyoni, obika okujabulisayo, uphakamise ngamandla izwi lakho, wena Jerusalema obika okujabulisayo, uliphakamise ungesabi, usho emizini yakwaJuda ukuthi: 'Bhekani, nangu uNkulunkulu wenu!...Iyakwalusa umhlambi waYo njengomalusi, ibuthe amawundlu nje ngemikhono yawo, iwagone esifubeni sayo.' Isaya 40:1, 9-11."—Ellen G. White, *The Desure of Ages*, amakhasi 826, 827.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Kuyadabukisa, kodwa abanye abantu bazenza ngcono ngokukhomba iziphosiso zabanye. Singaqiniseka kanjani ukuthi asiweli kulowo mqondo onjalo?

2. Cabanga ngalokhu: Umngane wakho usanda kubuya emngcwabeni, bese ethi: "Ngithokoza kakhulu ukuthi u-anti usesezulwini, ungibhekile. Kungenza ngizizwe kamnandi kakhulu." Ngokwezimiso esifunde ngazo esifundweni sethu kulelisonto, ungaphawula uthini? Nakuba sibaluleke kangaka isifundo ngabafileyo, kungani kungesona isikhathi esihle sokushumayeza lowo muntu ngabafileyo?

3. Xoxani ngalamazwi maqondana nokufakaza kwethu kwabanye: "kona lokho-nje ukufuna okubi ebantwini, kudala ububi kulabo abafuna ububi kwabanye. Ngokuhlala emaphutheni abanye, siyaguqulwa sibe njalo. Kodwa ngokubuka uJesu, sikhulume ngothando lwaKhe nokuphelela kwesimilo saKHe, siyaguqulwa sifane naYe. Ngokuzindla ngomgomo ophakeme awubeke phambi kwethu, sizokhushulelwa endaweni emsulwa nengcwele, phambi kukaNkulunkulu. Uma sihlezi lapha, kuphuma ukukhanya kithina okukhanyisela bonke abathintene nathi."—Ellen G. White, *Gospel Workers*, ikhasi 479.

Isifundo 10

**Ncwaba 29-Mandulo 4*

Indlela Ethathekisayo Yokuzibandakanya

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Gen. 1:1, 2, 26; Eks. 18:21-25; 1 Kor. 12:12-25; iZenzo 16:11-15, 40; iZenzo 4:31; iZenzo 12:12.

Indimana Yekhanda:
"Wayesethi kubafundi baKhe: Ukuvuna kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana" (Mathewu 9:37, 38).

Umuntu othile wake wathi, "Kuyasiza ukuthi nibe baningi." Ngenye indlela kuyiqiniso lokho. Wake waqaphela ukuthi uyakhuthazeka ukuvocavoca umzimba uma ukwenza lokho nabanye abantu kunokuba uzivocavoce uwedwa zonke izinsuku? Abantu abaningi bajoyina izindawo zokuzivocavoca ngoba bekholwa ukuthi bazokukhuthalela ukuzivocavoca, bakuthakasele kangcono uma bekwenza lokho benabanye abantu. Ngendlela efanayo, uNkulunkulu wasidala ukuze sibe nobudlelwane. Siyizidalwa ezithanda ukuhlangana nabanye abantu, futhi-ke, ngendlela efana nokuvocavoca umzimba, kuyiqiniso nangezinto eziningi ekuphileni: senza kangcono uma kunohlelo olusesekelayo. Lokhu kuyiqiniso kakhulu kwezenkolo.

Kulo lonke iBhayibheli, amaqoqwana amancane ayaqhakambiswa njengenye yezindlela zikaNkulunkulu zokuqinisa ukukholwa kwethu, ukwandisa ulwazi lwethu ngeZwi laKhe, ukujulisa impilo yethu yokukhuleka, nokusihlomisa ukuze sikwazi ukufakaza. Ubaba, iNdodana, noMoya oNgcwele babenesabelo emsebenzini weqoqwana elincane. Umose wayengumholi weqoqwana elincane. UJesu waqamba iqoqwana laKhe elincane labafundi, kanti umphostoli uPawulu wahamba ezweni lamaRoma neqoqwana lakhe elincane labavangeli. Kulesifundo saleliviki, sizogxila kokushiwo yiBhayibheli ngamaqoqwana amancane, futhi uzothola indlela ethathekisayo yokuzibandakanya.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Mandulo 5.*

Amaqoqwana Amancane: Uhlelo LukaNkulunkulu Kuqala

Funda kuGenesise 1:1, 2, 26; Heberu 1:1, 2; nabase-Efesu 3:8, 9. Lezindimana zikubonakalisa kanjani ubunye bukaNkulunkulu?

Ubaba, iNdodana, noMoya oNgcwele bahlanganyela bonke ekudaleni. Ngamunye kubona babenemisebenzi eyehlukene kodwa basebenzisana ngokubambisana bobunye. Ubaba uYena uMqambi, umdwebi wohlelo. Izinhlelo zaKhe waziqhuba ngoJesu okwakunguYena owayedala ngokubambisana namandla kaMoya oNgcwele. Isenzo esinjalo esinamandla sedlula ukuqonda kwethu. Esingakuqonda, futhi sikuqonde kahle, ukuthi ukhona umhlaba, likhona izulu, nokuthi konke kwenziwa nguNkulunkulu (bheka amaRoma 1:18-20). Amaqoqwana amancane avela ngokomqondo kaNkulunkulu. Nakuba sidinga ukuqaphela uma sisebenzisa izifanekiso mayelana nezindlela zikaNkulunkulu eziyimfihlo, kodwa ake sisebenzise esisodwa lapha sithi uBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele yibona "iqoqwana elincane lokuqala" emlandweni wosindiso. Babesebenzisana ekudaleni abantu nasekubahlengeni ngemuva kokuwela esonweni.

Qhathanisa uJohane 10:17, 18 namaRoma 8:11; no 1 Korinte 15:15. Uvuko lukaKrestu lubutshengisa kanjani ubunye bukaBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele maqondana necebo losindiso na?

UBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele bahlangene "eqoqwaneni elincane" ngenjongo yokusindisa abantu. "Icebo losindiso laba nendawo yalo esigungwini sikaSimakade kusukela ekuqaleni."—Ellen G. White, Fundamentals of Christian Education, ikhasi 186. Ayikho into ebaluleke kuNkulunkulu ngaphezu kokusindisa abantu ngobuningi babo (1 Thim. 2:4; 2 Pet. 3:9). Amaqoqwana amancane angaba nezinjongo eziningi, esizofunda ngazo esifundweni saleliviki, kodwa okuyiyona enkulukazi ukubhekisa amehlo ekuzuzweni kwabantu abalahlekile, beze kuJesu. Okusho ukuthi ngokusebenza eqoqwaneni elincane, ngeke sigcine ngokuzisiza thina kuphela, kodwa nabanye. Okusho ukuthi okuyiwona mgomo wamaqoqwana amancane akube ukuzuzwa kwemiphefumulo.

Ake ugxile kulemfihlo yobunye bukaNkulunkulu wethu. Akulula ukukuqonda, akunjalo na? Kodwa, sinakho ukukholwa, futhi sethembe lokho esingakuqondisisi, akunjalo? Kungani lona kungumthetho obaluleke kangaka wokulandelwa ngamaKrestu ezindabeni zokukholwa?

Amaqoqwana Amancane EBhayibhelini

Ibhayibheli linezibonelo eziningi zamaqoqwana amancane ethandaza, enobudlelwane, ekhuthazana, esebenzisana ukwenza umsebenzi kaKrestu. Lamaqoqwana ayedalela abantu bakaNkulunkulu amathuba okwabelana ngemisebenzi nokusebenzisa ngokugcwele izipho zabo ezehlukene. Okusho ukuthi amaqoqwana amancane aveza amathuba okuthi uNkulunkulu asisebenzise ngokugcwele ngabanye ngabanye.

Funda kuEksodusi 18:21-25. Yisiphi isiyalo esilusizo umkhwe kaMosi uJethro, asinika, esenza emehluko omkhulu kuMose? Yini eyenza lelo cebo libaluleke kangako?

Umuntu ngamunye enkambini yakwa-Israyeli waba yinxenye yeqowana labayishumi, elaliholwa umuntu owesaba uNkulunkulu. Lamaqoqwana amancane ayeyizindawo zokusombulula izinkinga, kodwa futhi nokungaphezu kwalokho. Kwakuyizindawo zobudlelwane lapho kwakwenziwa khona izindlela zokugwema izinkinga, kuthuthukiswe nempilo yokukhonza. Kwakuyizindawo zombono, lapho kwakwabelwana khona ngamacebo kaNkulunkulu ngo Israyeli. Emaqoqwaneni afana nalawa, abantu bakwazi ukwenza ubudlelwane obusondelene nobunakayo obabungasiza bonke ababandekanyayo ukuthi balungise noma yiziphi izindaba ezazibadinga. Akungatshazwa, abantu ngalezo zinsuku, njenganamhlanje, babenezinkinga ababekhona abangabasiza ngazo. Amaqoqwana amancane enza amathuba obudlelwane obufudumele nobunakayo, ukukhula enkolweni, nokusombulula izinkinga. Kuyathathekisa ukuthi ochwepheshe ngamaqoqwana amancane basitshela ukuthi isibalo sabantu okuyisona esihle ukuze iqoqwana lisebenzisane kahle, siphakathi kuka 6 no 12. Lesi yisona sibalo uMose noJesu abasisebenzisa ekwakheni amaqoqwana abo.

Funda kuLuka 6:12, 13; Mathewu 10:1; noMarko 3:13-15. Kwakuyini inhloso kaJesu emikhakha-mibili ngokubiza abafundi, abakhethe babe yinxenye yomsebenzi weqoqwana laKhe elincane?

Inhloso kaJesu yokubiza abafundi kwaku ukubalungisela ngokukamoya nokusebenza ukuze benze umsebenzi ezweni. Ngobudlelwane naYe, babezokhula emseni. Ngokuthathela emihlanganweni yabo yamaqoqwana amancane, babezofunda indlela yokusebenza enenzuzo. Usuku ngalunye, njengoba babebuka kuJesu esebenza ukuthalalisa izidingo zalabo ababemzungezile, babezofunda ngokubukela, ukusebenzisa izipho zabo. Inhloso yamaqoqwana amancane kaJesu kwakungukukhulisana emoyeni, nokuvangela.

Cabanga ngesikhathi lapho wawuyinxenye yeqoqwana elincane labantu, akukhathalekile ukuthi kwakwenze njani, ababenakekelana, futhi benomgomo owodwa. Wafundani kulokho, okungakusiza uqonde ukubaluleka kwamaqoqwana amancane ekukholweni kwethu?

Ukuhlelelwa Ukusebenza

Funda ku 1 Korinte 12:12-25. Umzimba womuntu usinika isifanekiso esihle kangakanani wokusebenzisana ngokuzwana kwamaqoqwana amancane na?

UPawulu akagcini-nje ngokuveza ukubaluleka kwezipho zikaMoya empilweni yebandla, kodwa usinika nendlela ezingahlelwa ngayo. Ukhuluma ngezipho zikaMoya ngokuqondene nomzimba kaKrestu, nendlela ongasebenza ngayo. Ukufunda ngokwakhiwa komzimba womuntu kuveza ukuthi izicubu zomzimba zihleleke ngezigaba ezihlukene kodwa ezinokuxhumana. Isibonelo, okugaya ukudla, okuhambisa igazi, ukuphefumula, namathambo, ezinye izigaba ezimbalwa-nje zezicubu zomzimba. Izipho zikaMoya zifana nezicubu ezihlukene zomzimba. Zisebenza kangcono uma ziqoqeke ndawonye. Empeleni, izikhathi eziningi azikwazi ukusebenza zizimele zodwa. Imizimba yethu akuyona-nje inhlanganisela yezicubu ezehlukene, ezizenzela noma yini ezikwenzayo. Umsebenzi ngamunye womzimba uhlelwe kahle waba yinxenye ezosebenza ukufeza umgomo womzimba.

Konke lokhu kusitshela okuthile ngesimo esingasebenzisela kuso izipho zethu zikaMoya ngendlela enhle. Kulula ukuphela amandla uma sisebenza ngamunye, kodwa uma siyinxenye yeqoqwana elincane, nabantu abanezihloso ezifanayo nemigomo, sithola ukuthi imizamo yethu ingagxila kangcono futhi ikhule. Amaqoqwana amancane ayindawo enhle kakhulu yokuthi sisebenzise izipho zethu zikaMoya, futhi angaba yinhliziyo yomsebenzi wovangelo webandla.

U-Ellen G. White ugcizelela ukubaluleka kwamaqoqwana amancane ngalamazwi: “Ukwenziwa kwamaqoqwana amancane njengesisekelo sokusebenza kwamaKrestu, kuvezwe kimina yiLowo ongeke alenze iphutha. Uma kukhona isibalo esikhulu ebandleni, amalunga awehlukaniswe kube amaqoqwana amancane, angasebenzeli amalunga ebandla kuphela, kodwa nalabo abangakholwayo. Uma endaweni ethile kukhona ababili noma abathathu abalaziyo iqiniso, abazihlele babe yeqembu lokusebenza. Abagcine ubunye babo bunganqamuki, besebenzisana ngothando nobunye, bekhuthazana ukuze baqhubeke, kube yilowo nalowo ethola isibindi namandla ngokusizwa abanye.”—*Testimonies for the Church,* vol. 7, amakhasi 21, 22. Umsebenzi wamaqoqwana amancane ugcotshwe nguNkulunkulu ukukhulisa ilunga ngalinye ebandleni ngokukamoya, babe nobudlelwane obufudumele, futhi basebenzise izipho abaziphiwe nguNkulunkulu.

Ake uzindle ngamazwi kaEllen G. White angenhla. Hlaziya umusho ngamunye. Lesiyalo sasezulwini singasetshenziswa kanjani ebandleni lakho?

Amaqoqwana Amancane ETestamenteni EliSha

Ibandla lesikhathi seTestamente eliSha lakhula ngamalengiso. Eminyakeni embalwa-nje, lakhula lisuka eqoqwaneni elincane labazalwane laya emashumini ezinkulungwane. Kuningi okwaba nomthelela kulokhu kukhula ngesivinini. Umsebenzi kaJesu watshala imbewu yevangeli, walungisa izixuku ukuba zamukele ukushumayela kwabaphostoli. Ngemuva kokwenyuka kukaKrestu, uMoya oNgcwele wehlela ngamandla ngosuku lwePentekoste phezu kwabafundi abakholwayo ababethandaza. Okunye okwaba nomthelela ekukhuleni kwebandla leTestamente eliSha kwaba indlela okuhlelwe ngayo amaqoqwana amancane. Amaqoqwana amancane enza umehluko.

Funda iZenzo 18:1-5 neZenzo 20:1-4. Ucabanga ukuthi kungani uLuka abiza ngamagama abanye ababesebenza ngokubambisana noPawulu?

Kuyathathekisa ukuphawula ukuthi uLuka ubiza amagama alabo ababesebenza noPawulu. Kuyena, umuntu ngamunye wayebalulekile. Wayebazi ngamagama. Babesekelana ekuvangeleni kwabo. Nakuba embalwa amagama awabizayo, lokho kutshengisa ukubaluleka kokusebenza ngokubambisana noma abantu bembalwa. Ngokuqinisekile, yilowo nalowo kubona wayenesipho esehlukile kwesomunye. Babevela ezindaweni nezizwe ezihlukene. Indlela ababebuka ngayo izinto yayingafani sonke isikhathi, kodwa yilowo nalowo wayenegalelo elibalulekile emsebenzini kaKrestu. Ukungefani kwezipho zabo, imvelaphi yabo, namava abo, kwaba nomthelela ekukhuleni kwebandla. Bonke baba negalelo emsebenzini kaKrestu bethathela emaveni abo noJesu nezindawo abavela kuzo.

Qhathanisa iZenzo 16:11-15, 40; neZenzo 12:11, 12. Wenza simemo sini uLidiya kuPawulu masinyane-nje ngemuva kokuphenduka kwakhe? Bayaphi oPawulu noPetru ngemuva kokukhululwa ejele?

Abazalwane ngesikhathi seTestamente eliSha babevame ukuhlanganela emakhaya. Amakhaya amaKrestu aphenduka izizinda zovangelo nenhliziyo yomsebenzi wamaqoqwana amancane.

Wake wacabanga ngokuqala iqoqwana elincane ekhaya lakho, noma uhlangane nomngane niqale iqoqwana elincane ekhaya lomngane lowo? Uma vele sewuyilunga leqoqwana elincane, cabanga ngalokho ongabelana ngakho neklasi kuleliviki ngokusizakala kwalokho.

Isimo Samaqoqwana Amancane

Amaqoqwana yindlela uNkulunkulu ayisebenzisayo ukukhulisa ibandla laKhe. "Yizikhungo eziphephile" lapho abantu bekwazi khona ukukhuluma ngezinkinga zabo nokunye okubathinta bonke. Avula ithuba lokukhula enkolweni maqondana nobudlelwane bokunakana. Abaningi abangesiwo amaKrestu bayoqala ngokuzizwa bekhululekile ngokuba yinxenye yeqoqwana elihlanganela ekhaya kunokuya enkozweni okokuqala.

Funda iZenzo 4:31, iZenzo 12:12, neZenzo 20:17-19, 27-32. Bhala zonke izimpawu ezehlukene kulamaqoqwana angeTestamente eliSha. Misebenzi mini ayebandakanyeka kuyo lamaqembu?

AmaKrestu okuqala ayehlangana ndawonye ukunxusela abanye, ukuthandazela okubahluphayo bonke, ukuba nobudlelwane obufudumele, ukufunda iZwi likaNkulunkulu, ukuzicijela umsebenzi, ukuvikelana kubafundisi bamanga, nokuhlanganyela emsebenzini wovangelo. Amaqoqwana enza umehluko. Abantu behlanganisa izipho zabo ngobunceku, abantu abagxile emandleni kaMoya oNgcwele ukuze bavangele bayizikhali esinamandla ezandleni zikaNkulunkulu.

Funda kuMathewu 9:37, 38. Uthini uJesu ngesivuno, futhi siyini isisombululo saKhe kuleyo nkinga?

Abafundi bakubona kalufifi-nje ukuqhubeka kwevangeli, kodwa uJesu wabona amathuba amakhulu. Wabelana nabo ngezindaba ezimnandi zokuthi "ukuvuna ngempela kukhulu," wase ebatshela ngenkinga: "kodwa abavuni bayingcosane" (Math. 9:37). Isisombululo sikaKrestu kwaku "ukuthandaza eNkosini yesivuno ukuba ithumele izisebenzi esivunweni saYo" (Math. 9:38, NKJV). Amaqoqwana ayimpendulo yomthandazo kaKrestu owandisa izisebenzi ngokuphindaphindiwe ukuba zingene ekuvuneni kukaKrestu. Lapho kubheke khona konke ukusebenza kahle kwamaqoqwana, kusekufakazeni nokukhonza. Umsebenzi wamaqoqwana uzosheshe ufe uma egxile ngaphakathi esikhundleni sokugxila ngaphandle. Uma iqoqwana lizikhonza lona, lifane neqembu lokuxoxisana-nje, lizohluleka enhlosweni yalo, lilahlekelwe yisizathu sokuba khona kwalo. Amaqoqwana akhona ukuze aholele abantu kuJesu, akhulise ukukholwa kwabo kuYena, nokubahlomisa ukuze bafakazele uJesu.

Kungase kwenzeke yini ukuthi uNkulunkulu uyakubiza ukuthi uqale iqoqwana ekhaya lakho? Yini ungaqali ukuthandaza ngalokho uNkulunkulu akufake emqondweni wakho ukuba ukwenze? Ungazithola usendaweni enomvuzo omkhulu enkolweni yakho.

Ukujula Nomcabango:

Eminyakeni eminingi eyedlule, ibandla elincane elalisemaphethelweni edolobha laseYurophu lathatha isinqumo sokwenzela uNkulunkulu okuthile okugqamile. Lelibandla lalingakhuli. Akukho muntu awayeke wabhabhadiswa eminyakeni eminingi. Uma izinto zaziqhubeka ngalendlela, lalingeke libe nekusasa leli bandla. Umfundisi nesigungu sebandla bathandaza, befuna ukuthi benzeni. Kuthe uma befunda iTestamente eliSha, benza isinqumo sokusungula iqoqwana. Abazalwane abangu 9 ebandleni bawamukela lowo mbono. Bazinikela ukuthi bazothandaza ndawonye, bafunde indlela yokuqamba iqoqwana labo ezosebenza kahle. Bathatha isinqumo sokuthi amakhaya abo bonke kuzokuba yizikhungo zokuvangela. Leliqoqwana lafunda ukusebenzisa izipho zalo ngezindlela ezehlukene. Basungula uhlelo lwemithandazo nokupha abantu ukudla. Bakha ubudlelwane emphakathini. Benza izenzo zomusa emindenini yabo, kubangane, nakwamanye ama-Adventist ayekade esehlehlile. Abaholi bamaqoqwana baqala izifundo zeBhayibheli emakhaya angu 9 nabantu abangu 40 abamenyiwe. Bamangala ngalokho okwenziwa nguMoya oNgcwele. Ekugcineni abangu 17 kulabo abangu 40, babhabhadiswa. Ubufakazi balelobandla elincane, elalingakhuli ukuthi amaqoqwana enza umehluko omkhulu. Enye yezindlela zikaNkulunkulu zokubandakanya amalunga amaningi emsebenzini webandla.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Eklasini, xoxani kabanzi ngamaphuzu adingekayo eqoqwaneni ngalinye njengoba siwabonile esifundweni sangolwesiHlanu. Yikuphi okunye iqoqwana elingakwenza? Yiziphi izindlela iqoqwana elingasiza ngazo labo abanezipho ezikhethekile ukuba bazisebenzise ngendlela abangakaze bazisebenzise ngayo ngaphambili?

2. Kubaluleke ngani ukuthi amaqoqwana ahlale enombono wokubheka ngaphandle, ekuvangeleni na? Okusho ukuthi noma iqoqwana lengenza okungakanani ukwesekela nokukhulisa amalunga alo, kungani ukuhambisa ivangeli kufanele kube iyona into ephambili? Futhi, kungani iqoqwana lidinga ukuhlala lixhumene nebandla elingumama walo? Kubaluleke ngani lokho?

3. Wake waba yilunga leqoqwana, noma wezwa ngeqoqwana, elalingasebenzi kahle, laze lafa ekugcineni? Xoxani ngezizathu enicabanga ukuthi zabangela lokho.

4. Cabanga ngalendaba engenhla, yalokho okwenzeka eYurophu ngomsebenzi weqoqwana. Ucabanga ukuthi yini eyenza lisebenze kahle kanjalo? Yini abayenza leyo eyayilula kangako, kodwa futhi isebenza kahle? Futhi, kungani ukusebenzela endaweni "ephephile" njengekhaya, kuyindlela engcono yokuqala uvangelo emphakathini kunokuqala endlini yenkonzo?

Isifundo 11

**Mandulo 5-11*

Ukwabelana Ngendaba kaJesu

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Efesu 2:1-10, 1 Johane 4:7-11, Marko 5:1-20, Heb. 10:19-22, Gal. 2:20, 1 Korinte 1:30.

Indimana Yekhanda:
"Nginilobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu" (1 Johane 5:13).

Njengoba kushiwo kahle esifundweni esingaphambili, ayikho into efakazela amandla evangeli njengempilo eguquliwe. Abantu bangayiphikisa imfundiso oyiphethe. Bangayingabaza indlela oqonda ngayo iBhayibheli, kodwa akuvamile ukuthi baphikise ubufakazi bakho ngokuthi uJesu uyini kuwena, nalokho akwenzile empilweni yakho.

Ukufakaza ukwabelana ngalokho esikwaziyo ngoJesu. Ukutshela abanye ukuthi uyini kithina, nalokho akwenzile empilweni yethu. Uma ubufakazi bethu buphelele ekuzameni ukuchazela abanye ukuthi sihamba eqinisweni, nokuthi bona baphambukile, sizohlangabezana nokuphikiswa okukhulu. Uma ubufakazi bethu ngoJesu kuphuma enhliziyweni eguqulwe ngumusa waKhe, yathanjiswa uthando lwaKhe, yamangaliswa ngeqiniso laKhe, abanye bazothinteka yindlela iqiniso esikholwa yilo elibe nomthelela ngayo kithina. Iqiniso elishunyayelwa kubonakale impilo eguquliwe, lenza wonke umehluko.

Uma uKrestu eyingqikithi yemfundiso yonke, nemfundiso ngayinye yeBhayibheli ibonakalise isimilo saKhe, labo esifunda nabo iBhayibheli bazokulungela kangcono ukwamukela iZwi laKhe.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Mandulo 12.*

UJesu: Isisekelo Sobufakazi Bethu

NjengamaKrestu, sonke sinendaba ephathelene nathi esingayixoxa, indaba emayelana nendlela uJesu aguqula ngayo izimpilo zethu, nokuthi yini asenzela yona.

Funda kwabase-Efesu 2:1-10. Sasinjani singakamazi uKrestu? Yini engeyethu selokhu samukela uKrestu?

a. Singakamazi uKrestu (Efesu 2:1-3).

---

b. Ngemuva kokuba sesimazi uKrestu (Efesu 2:4-10)

Yeka leyo nguquko emangalisayo! Ngaphambi kokuthi simazi uKrestu "sasifile ngeziphambeko nezono," "sigcwalisa izinkanuko zenyama," "nangokwemvelo sasingabantwana bolaka" (NKJV). Ngendlela elula, singakamazi uKrestu, sasizula ngokungenanjongo silahlekile. Kungenzeka ukuthi sake sathola okwakubonakala sengathi injabulo, kodwa kwakukhona ukungaphumuli emphefumulweni, nokungeneliseki empilweni. Ukuza kuKrestu nokuzwa uthando lwaKhe kwenza wonke umehluko. Manje kuKrestu "siyaphila" ngempela. Ngenxa "yengcebo yomusa waKhe" "nesihe" saKhe, sathola isipho sosindiso. Usivusile ukuba "sihlale ndawonye embusweni wezulu kuKrestu Jesu, kuze kuthi ezikhathini ezizayo abonakalise ingcebo enkulu yomusa waKhe ngobubele kithina kuKrestu Jesu" (NKJV). KuKrestu, ukuphila kusho okusha, kunenjongo entsha. Njengoba esho uJohane: "Ukuphila kwakukuYe, ukuphila kwakungukukhanya kwabantu" (Johane 1:4).

Funda kwabase-Efesu 2:10. Lendimana isitshelani ngokuthi imisebenzi emihle inendawo emqoka ekukholweni komKrestu? Siwuzwa kanjani lomqondo uma kukhulunywa ngokusindiswa ngokukholwa "ngaphandle kwezenzo zomthetho" Rom. 3:28?

Impilo yakho iguquke kanjani ngenxa kaKrestu, inguquko engase isize omunye athole ulwazi ngoJesu?

Amandla Aguqulayo Obufakazi Bomuntu

Ujohane noJakobe, amadodana kaZebedi, babaziwa ngokuthi "amadodana okuduma" (Marko 3:17). Empeleni, uJesu owabanika leligama. Isibonelo solaka lukaJohane sibonakala mhla uJesu nabafundi baKhe benqamula eSamariya. Kwathi befuna indawo yokulala ebusuku, bahlangana nembibizane ngenxa yokucwasana kwabaseSamariya namaJuda. Abanikwanga ngisho nendawo yokuphumula ephansi kunazo zonke. UJakobe noJohane babecabanga ukuthi banaso isisombululo kulenkinga. "Kuthe abafundi baKhe oJakobe noJohane sebekubonile lokho, bathi: 'Nkosi, uyathanda ukuba sibize umlilo wehle ezulwini, uwaqede (amaSamariya), njengoba wenza noEliya?'" (Luka 9:54, (NKJV). UJesu wazikhuza lezelamani, basuka bahamba ngokuthula bonke. Indlela kaJesu indlela yothando, hhayi udlame. Phambi kothando lukaJesu, amawala kaJohane nolaka lwakhe kwaguqulwa waba nesihe esinothando, nomoya wesihawu nobumnene. Encwadini yokuqala kaJohane, igama elithi "uthando" livela cishe izikhathi ezingamashumi amane; kanti ngezindlela ezehlukene, livela ezingamashumi amahlanu.

Funda ku 1 Johane 1:1-4, 1 Johane 3:1; 1 Johane 4:7-11; no 1 Johane 5:1-5. Lezindimana zikutshelani ngobufakaza bukaJohane nezinguquko ezenzeka empilweni yakhe ngenxa yokuxhumana kwakhe noJesu?

_____

_____

_____

_____

Kukhona umthetho omdala ongumthetho wendalo. U-Ellen G. White uwusho kahle lomthetho ngalamazwi: "Ukusebenzisa indluzula kuphikisana nemithetho yombuso kaNkulunkulu; ufuna ukukhonza kothando kuphela; kanti-ke uthando aluphoqwa; aluzuzwa ngokuphoqa noma ukusebenzisa umthetho. Uthando luvuswa ngothando kuphela."—*The Desire of Ages*, ikhasi 22. Uma sizinikele kuKrestu, uthando lwaKhe luzokhazimula kithina luphumele kwabanye. Ubufakazi obukhulu bobuKrestu impilo eguqukile. Lokhu akusho ukuthi ngeke sisawenza amaphutha, nokuthi ngezinye izikhathi kungenzeka singabi yimihosha yothando nomusa esifanele ukuba iyona. Kodwa kusho ukuthi, ngokufanelekile, uthando lukaKrestu luzogeleza luphuma ezimpilweni zethu, thina sibe yisibusiso kulabo abasizungezile.

Ulubonakalisa kahle kangakanani uthando lukaKrestu kwabanye abantu? Cabanga ngomphumela wempendulo yakho.

Ukulanda Indaba kaJesu

Obani abavangeli bokuqala abake bathunywa nguJesu? Babengeyona inxenye yabafundi. Babengeyona inxenye abalandeli baKhe besikhathi eside. Abavangeli bokuqala abathunywa nguJesu kwakungabantu ababekade behlanya, benamadimoni, okwathi ngaphambidlana-nje babefaka itwetwe ebantwini bendawo ababehlala kuyona. Ngokusebenzisa amandla amadimoni, omunye walamadoda wagqashula amaketanga ayekade eboshwe ngawo, ehayiza ngendlela ethusayo, ezisika ngamatshe acijile. Usizi lwamazwi abo lwalusho usizi olujulile emiphefumulweni yabo (Math. 8:28, 29; Marko 5:1-5). Kodwa bahlangana noJesu, zaguqulwa izimpilo zabo. Babengeke besafana nakuqala. UJesu waxosha amadimoni abahluphayo aphume emizimbeni yabo, angena emhlambini wezingulube ezakhalakathela eweni zangena olwande (Math. 8:32-34; Marko 5:13, 14).

Funda kuMarko 5:`1-17. Kwenzekani kulamadoda, futhi abantu bendawo batholani ngesikhathi beza ukuzozibonela okwenzekile?

_____

_____

Laba ababekade benamadimoni manje base bengabantu abasha abaguqulwe ngamandla kaKrestu. Abantu bendawo babathola behlezi ezinyaweni zikaJesu, belalele lonke izwi eliphuma emlonyeni weNkosi. Singaphawula ukuthi ngokubhala kukaMathewu kwakhululwa ababili emadimonini, kanti uMarko ugxila koyedwa wabo. Kodwa okubalulekile nakhu, uJesu wabelapha emzimbeni, engqondweni, nasenhliziyweni.

Funda kuMarko 5:18-20. Ngokusobala laba abasanda kukhululwa emadimonini, labantu abasanda kuphenduka, babefuna ukuhlala noJesu, kodwa uKrestu wabathuma ukuthi benzeni?

_____

_____

"Okwemizuzwana-nje, yilamadoda kuphela ayenelungelo lokuzwa izimfundiso zikaKrestu. Abezwanga ngisho neyodwa intshumayelo. Babengakwazi ukufundisa abanye njengabafundi ababenoJesu zonke izinsuku. Kodwa emizimbeni yabo babenobufakazi bokuthi uJesu unguMesiya. Babengakhuluma ngalokho abakwaziyo; lokho abazibonele kona, bakuzwa, bakuphatha okungamandla kaKrestu. Yikho lokhu okungenziwa yinoma ubani onhliziyo yakhe ithintwe umusa kaNkulunkulu."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, ikhasi 340. Ubufakazi babo balungisela iDekapholi, amadoloba ayishumi asogwini lolwandle lwaseGalile, ukwamukela izimfundiso zikaJesu. Amandla obufakazi bomuntu lawo.

Ukufakaza Uqinisekile

Funda ku 1 Johane 5:11-13; Heberu 10:19-22; no 1 Korinte 15:1, 2. Yikuphi ukuqiniseka ngokuphila kwaphakade esikunikwa yimiBhalo okusenza sifakaze ngosindiso lwethu kuKrestu siqinisekile?

Uma singenaso isiqiniseko ngokusindiswa kwethu kuJesu, ngeke kwenzeke ukuthi sabelane ngaso nomunye umuntu. Asikwazi ukupha lokho esingenakho thina. Kukhona amaKrestu amahle, aphila phansi kwesimo sokungaqiniseki, bezibuza ukuthi bayoke bakulungele ngokwanele yini ukusindiswa. Ngokusho komunye umshumayeli omdala nohlakaniphile: "Uma ngizibuka, angiboni ukuthi ngingasindiswa kanjani. Uma ngibuka uJesu, angiboni ukuthi ngingalahlwa kanjani." Amazwi eNkosi ankenteza ngokuqinisekile kuyo yonke imiyaka, ethi: "Bhekani kiMi, nisindiswe, nina mikhawulo yomhlaba! Ngokuba nginguNkulunkulu, akekho omunye" (Isaya 45:22).

INkosi yethu ifuna sonke sijabule ngosindiso esipha lona ngesihle. Ilangazelela ukuthi sizwe ukuthi kuyini ukulungisiswa ngomusa waYo, sikhululwe ekulahlweni okulethwa unembeza wesono. Njengoba esho uPawulu kwabaseRoma 5: "Ngakho lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Krestu" (Roma 5:1). Wenezela athi singabanaso isiqiniseko sokuthi : "Akusekho ukulahlwa kwabakuKrestu Jesu" (Roma 8:1). Umphostoli uJohane uyaqinisa ukuthi "OneNdodana unokuphila okuphakade; ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila okuphakade" (1 Johane 5:12).

Uma ngokukholwa, simamukele uJesu, uyaphila ezinhliziyweni zethu ngoMoya waKhe oNgcwele, isipho sokuphila kwaphakade esethu namhlanje. Lokho akusho ukuthi, uma sesike sathola umusa kaNkulunkulu nosindiso kuKrestu, ngeke salahlekelwa yikho (2 Petru 2:18-22, Heb. 3:6, Samb. 3:5). Ngaso sonke isikhathi singakhetha ukumshiya, kodwa uma sesike sezwa uthando lwaKhe saqonda nokujula komhlatshelo waKhe, asifanele ukukhetha ukumshiya Lowo osithanda kangaka. Usuku ngalunye sizofuna amathuba okwabelana nabanye ngomusa esiwuphiwe ngoJesu.

Unaso yini isiqiniseko sosindiso kuJesu? Uma unaso, sesekelwe phezu kwani? Kungani unaleso siqiniseko? Sitholakalaphi? Ngakolunye uhlangothi, uma ungaqinisekile, kungani ungaqinisekile? Ungasithola kanjani leso siqiniseko?

Into Okufanele Kufakazwe Ngayo

"Ngibethelwe kanye noKrestu; akuseyiMi ophilayo, kepha uKrestu uphila kiMi; kodwa ukuphila engikuphilayo kalokhu enyameni ngikuphila ngokukholwa, okungukukholwa yiNdodana kaNkulunkulu eyangithandayo, yazinikela ngenxa yaMi" (Galathiya 2:20).

Ngokuqinisekile, kukhona ukuzidela uma samukela uKrestu. Kukhona izinto athi asehlukane nazo. UJesu wakwenza kwaba sobala ukuzidela okudingekayo uma simlandela: "Uma umuntu ethanda ukuza emva kwaMi, makazidele, athabathe isiphambano sakhe imihla ngemihla, angilandele" (Luka 9:23). Ukufa esiphambanweni ukufa okubuhlungu. Uma sinikela ukuphila kwethu kuKrestu, "nalomuntu omdala" wesono abethelwe (bheka kumaRoma 6:6), kubuhlungu. Kubuhlungu ngesinye isikhathi ukwehlukana nemikhuba esiyithandayo nesesibe nayo isikhathi eside, kodwa umvuzo wedlula lobo buhlungu. Ubufakazi obunamandla, obunomthelela oguqula impilo kwabanye, bugxila kulokho uKrestu asenzele kona, hhayi kulokho esikudelile ngenxa yaKhe. Lobo bufakazi bugxila emhlatshelweni waKhe, hhayi kulokho esikubiza ngokuthi "ukuzidela" kwethu. Ngoba uKrestu ngeke athi asehlukane nalokho okulusizo kithina. Kodwa, umlando wobuKrestu ugcwele izindaba zalabo okwadingeka benze ukuzidela okukhulu ngenxa kaKrestu. Akusho ukuthi labantu babethenga ukusindiswa, noma ukuthi izenzo zabo, yize zitshengisa ukuzidela okungakanani, zibenza babe bahle phambi kukaNkulunkulu. Kunalokho, imvamisa, ngokubona lokho abakwenzelwe nguKrestu, laba besilisa nabesifazane bayazivumela ukushiya konke e-altare lomhlatshelo, ngokubizwa uNkulunkulu.

Funda kuJohane 1:12, Johane 10:10, Johane 14:27, no 1 Korinte 1:30. Ubufakazi bethu njalo-nje besekelwe kulokho esikwenzelwe nguKrestu. Bhala ezinye zezipho zomusa waKhe ezibaliwe kulezindimana ezingenhla.

_____

_____

_____

Ngokwalezindimana ezingenhla, cabanga ngalokho uKrestu akwenzele kona. Kungenzeka ukuthi bewungumKrestu ozinikele yonke impilo yakho, noma mhlawumbe usanda kuphenduka. Zindla ngokuthi uJesu ube muhle kangakanani kuwena, nenjongo, ukuthula, nentokozo akunike kona. Cabanga ngezikhathi lapho akunika khona amandla okudlula phansi kwesimo esilukhuni empilweni yakho.

Yikiphi ukuzidela odinga ukukwenza ngenxa kaKrestu? Wafundani ngamava akho, okungaba yisibusiso kwabanye?

Ukujula Nomcabango:

Funda kuMarko 5:25-34. "Isixuku esasimangele siminyanise uKrestu asizwanga mandla aphilisayo. Kodwa kwathi lapho owesifazane owayegula, elula isandla sakhe emthinta, ekholwa ukuthi uzokwelapheka, wawezwa amandla aphilisayo. Kunjalo nasenkolweni. Ukukhuluma ngenkolo kalula-nje, ukuthandaza ngaphandle kokulamba komphefumulo nokukholwa okuphilayo, akusizi lutho. Ukukholwa kuKrestu ngomlomo-nje, okumamukela njengoMsindisi womhlaba, ngeke kulethe ukwelapheka komphefumulo. Ukukholwa okusindisayo akusikho-nje ukuvuma ngengqondo ukwamukela iqiniso....Akwenele ukukholwa ngoKrestu; sidinga ukukholwa nguYe. Okuyikona ukukholwa okuzosisiza yilokho okumthatha njengoMsindisi wakho uqobo; okusilethela ukulunga kwaKhe.... "Ukufakaza ngokwethembeka kwaKhe indlela ekhethwe yizulu yokwazisa uKrestu emhlabeni. Asiwuvume umusa waKhe njengoba sitshelwa ngawo abantu abangcwele basendulo; kodwa okuzosebenza kangcono kakhulu, ubufakazi balokho okwenzeka kithina. Singofakazi bakaNkulunkulu uma sibonakalisa kithina ukusebenza kwamandla angcwele. Wonke umuntu unempilo eyehlukile kwabanye, namava ehlukile kwawabanye. Unkulunkulu ufisa ukuthi ukudumisa kwethu kwenyukele kuYe, kube nophawu lomuntu ngamunye. Lokho kuvuma okuyigugu ukudumisa inkazimulo yomusa waKhe, uma kuhambisana nempilo efana nekaKrestu, kunamandla anganqandeki asebenzela ukusindiswa kwemiphefumulo."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, ikhasi 347.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yiziphi izingcezu zobufakazi obunamandla? Funda ubufakazi bukaPawulu ephambi kuka Agripha kuZenzo 26:1-23. Kwakuyini isisekelo sobufakazi bakhe?

2. Ucabanga ukuthi kungani ubufakazi bethu ngesikwenzelwe nguKrestu bunamandla kangaka? Kodwa nokho, uwuphendula kanjani umbuzo othi: Kulungile, kwenzeka kuwena lokho, kodwa ngenze njani uma ngingenawo amava anjalo? Kungani amava akho kudingeke angifundise okuthile ngokuthi ngimelwe ukulandela uJesu?

3. Yiziphi ezinye zezinto ongafuna ukuzigwema uma wenza ubufakazi bakho kumuntu ongakholwa?

4. Ake ugxile embuzweni omayelana nokuba nesiqiniseko ngosindiso. Kungani lokho kuyinxenye ebalulekile yempilo yobuKrestu? Singaqiniseka kanjani ngokusindiswa kwethu, kodwa ngaso leso sikhathi, singathathi izinto ngenjwayelo?

Isifundo 12

**Mandulo 12-18*

Isigijimi Sokwabelana Ngaso

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
2 Petru 1:12, 16-21; iSamb. 14:14-20; uMshum. 12:13, 14; iSamb. 14:6-12.

Indimana Yekhanda:
"Ngase ngibona enye ingelosi indiza emkhathini wezulu, inevangeli eliphakade ilishumayela kwabahlezi emhlabeni, nakuzo zonke izizwe, nemindeni, nezilimi, nabantu, isho ngezwi elikhulu ithi: 'Mesabeni uNkulunkulu, nimnike inkazimulo, ngokuba ihora lokwahlulela kwaKhe selifikile; nikhuleke kuYe owenza izulu nomhlaba nolwandle nemithombo yamanzi' " (iSambulo 14:6, 7).

Ukufa kukaKrestu okuyinhlawulo yethu, okwabantu bonke abake baphila , kungakhathalekile ukuthi nini noma kuphi. Ngakhoke ivangeli likhuluma kubantu bazo zonke izilimi, nezizwe. Lixhumanisa okwehlukaniswe ubuzwe. Yizindaba ezinhle ngokumangalisayo ukuthi uJesu, ngempilo yaKhe, ngokufa kwaKhe, nangovuko lwaKhe wanqoba imibuso namandla ehayidesi. Ivangeli liphathelene ngoJesu. Wasifela, manje uyasiphilela. Weza kwakanye ukuzosikhulula phansi kwesijeziso namandla esono, futhi uyabuya ukuzosikhulula ebukhoneni besono. Wafa ukufa okwakufanele thina ukuze sikwazi ukuphila impilo efanele Yena. KuKrestu siyalungisiswa, siyangcweliswa, futhi ngelinye ilanga siyokhazimuliswa. Ibhayibheli ligxile ekuzeni kukaJesu okubili. Weza okokuqala ukuzosisindisa, uzobuya ukuzosithatha siye ekhaya thina esithengwe ngentengo enkulu kangaka. Incwadi yokugcina yeBhayibheli, iSambulo, yabhalelwa ngokukhethekile, ukuze umhlaba ulungele ukubuya kukaJesu. Yisigijimi esiphuthumayo esibhekise kulesizukulwane. Esifundweni saleliviki, sizofunda ngokubaluleka kweSambulo emphakathini kulomnyakakhulu ka 21. Sindawonye, sizothola kabusha isimemo sikaJesu ebandleni laKhe lezinsuku zokugcina sokuthi libe nesabelo kulesigijimi sesikhathi sokugcina.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Mandulo 19.*

Isigijimi SikaPetru Seqiniso Lamanje

Kuwo wonke umlando wosindiso, uNkulunkulu wayelokhu ethumela isigijimi esikhethekile ngeZwi lesiprofetho ukulungisela abantu lokho okuzayo. UNkulunkulu akazunywa lutho (Isaya 46:9, 10). Ulungisa abantu baKhe ngokuthumela abaprofethi ukwembula isigijimi saKhe ngaphambi kokufika kwesijeziso (Amose 3:7). Ezinsukwini ezingaphambi kukazamcolo, uNkulunkulu wathumela isigijimi emhlabeni ngoNowa, ethi kuzofika uzamcolo. Egibhithe, uNkulunkulu wasebenzisa uJosefa ukulungisela indlala ngeminyaka eyisikhombisa yenala. Abaprofethi bamaJuda bexwayisa abaholi bakwa-Israyeli ngokuchithwa kweJerusalema okuzayo okwakuzokwenziwa abaseBhabhiloni. Isigijimi sikaJohane uMbhabhadisi sokuphenduka, salungisela isizwe ukuza kokuqala kukaJesu.

Funda ku 2 Petru 1:12. Usebenzisa maphi amazwi uPetru echaza isigijimi sikaNkulunkulu esiqonde esizukulwaneni ayephila kuso?

Funda ku 2 Petru 1:16-21. Sasithini lesigijimi "seqiniso lamanje" esasishunyayelwa nguPetru nabafundi na?

Isigijimi saphakade sangomnyakakhulu wokuqala sasithi uKrestu weza ezweni. Uthando lukaBaba lwabonakaliswa ngomhlatshelo kaKrestu esiphambanweni. Nakuba "inkokhelo yesono ingukufa," ngoKrestu ukuphila kwaphakade kuqinisekile kubo bonke abantu. Kusekukhetheni kwethu ukuthi ngokukholwa, sizokwamukela yini (Roma 3:23, Roma 6:23, Efesu 2:8). Lesigijimi sosindiso ngoJesu ngeke siphelelwe yisikhathi. Siyiqiniso lamanje kuzo zonke izizukulwane. Incwadi yokugcina yeBhayibheli, iSambulo, itshengisa uJesu nosindiso lwaKhe lwaphakade ngokuqondene nesikhathi sokugcina, ukulungisela abantu ukubuya kwaKhe okuseduze. Sembula amanga amasiko abantu nenkolo eyenza abantu bazicabangele bona. Kusukela ekuqaleni kuye ekugcineni, iSambulo sitshengisa uJesu nomsebenzi waKhe awenzela abantu. UJesu ufakazi weqiniso wesimilo sikaYise. Ungu "Mbusi phezu kwamakhosi omhlaba." Uyena owasithanda, wasigeza ezonweni zethu ngegazi laKhe, wasenza amakhosi nabapristi kuNkulunkulu waKhe noYise" (bheka iSamb. 1:1-6). ISambulo sikhuluma ngoJesu nesigijimi saKhe sesikhathi sokugcina sokulungisela abantu ukubuya kwaKhe.

Uma ucabanga ngencwadi yeSambulo, ufikelwa yini emqondweni? Imicabango yakho igxila kakhulu kwizilo nezifanekiso zesiprofetho ngaphezu kokugxila kuJesu? Ucabanga ukuthi kungani uJesu asinika iziprofetho kuSambulo? Ziwabonakalisa kanjani amacebo aKhe othando anawo ngabantu?

Ukugxila KweSambulo Esikhathini Sokugcina

Izincwadi zevangeli zigxile kakhulu ekufikeni kukaKrestu kokuqala. Zikhuluma ngokuzalwa kwaKhe, impilo yaKhe, nomsebenzi waKhe, ukufa kwaKhe novuko lwaKhe. Nakuba zikhuluma ngokubuya kwaKhe, azigxilile lapho. Incwadi yeSambulo igxile kakhulu ekupheleni kwempikiswano eseyithathe amakhulu eminyaka. Iziprofetho zayo ezinkulu, ngasinye, zivala ngokubuya ngenkazimulo kweNkosi yethu.

Funda kuSambulo 1:7, iSambulo 11:15, iSambulo 14:14-20, neSambulo 19:11-18. Ubona siphi isiphetho esifanayo kulezindimana?

_____

_____

_____

Kusukela kwisahluko sokuqala kuye kwesokugcina encwadini yeSambulo, isiqongo sesiprofetho ngasinye ukuza kukaJesu. "Iwundlu elahlatshwa" (Samb. 5:12) liyabuya njengeNkosi yamakhosi noMbusi wababusi (Samb. 19:16). Uzonqoba zonke izitha ezicindezela nezihlupha abantu baKhe (Samb. 17:14). Uzobakhulula kukuhlupheka kwesono, abayise ekhaya lenkazimulo. Impi enkulu phakathi kokulunga nobubi iyobe seyiphelile. Umhlaba uyokwenziwa ngokusha, abasindisiwe bayohlala neNkosi yabo kuze kube phakade (Samb. 21:1-4). KuSambulo 22:7 (bheka nezindimana 12, 17, no 20), uJesu uthi: "Bheka ngiyeza masinyane! Ubusisiwe lowo ogcina amazwi esiprofetho salencwadi." Kanjalo-ke, isimemo sokugcina sikaJesu kubo bonke abantu ukuthi basabele othandweni lwaKhe, bamukele umusa waKhe, balandele iqiniso laKhe ukuze balungele ukubuya kwaKhe okuseduze. ISambulo siphetha ngesimemo sikaJesu ethi: "Umoya nomlobokazi bathi: "Woza!" Nozwayo makathi: "Woza!" Nowomileyo makeze (iSamb. 22:17). Inkosi yethu imema bonke labo abafuna ukuphila kwaphakade ukuba beze kuYona. Umema labo kithina abasamukele isigijimi sosindiso, abalindele ukubuya kwaKhe, ukuba bahlanganyele naYe ukumema abanye ukuba bamukele isigijimi sothando lwaKhe. Uyasithuma ukuba siye emsebenzini waKhe wokwabelana nesigijimi saKhe ukulungisela umhlaba ukubuya kwaKhe okuseduze. Ayikho into enomvuzo ongaphezu kokuhlanganyela noJesu emsebenzini waKhe emhlabeni. Ayikho into eyenelisa ngaphezu kokusebenzisana noKrestu kulelicebo laKhe losindiso lezinsuku zokugcina.

Ukrestu, ebuya masinyane? UJohane wabhala lamazwi cishe iminyaka engu 2 000 edlule. Kodwa, ngendlela esiqonda ngayo isimo sabafileyo, kungani ukubuya kukaKrestu kithina ngabanye, kufana nomzuzwana ngemuva kokufa kwethu? Lokhu kusisiza kanjani ukuqonda ukuthi ngempela uyabuya uKrestu?

Isigijimi SeSambulo Sekikhathi Sokugcina

Ingqikithi yeSambulo isahluko 14. Lesahluko sibaluleke kakhulu ebantwini bakaNkulunkulu abaphila ezinsukwini zokugcina zomlando wabantu. Sembula isigijimi sikaNkulunkulu ebantwini sezinsuku zokugcina. Lesigijimi sezinsuku zokugcina simqoka ebantwini bakaNkulunkulu nasebantwini bonke.

Funda kuSambulo 14:14-20. Kusetshenziswe siphi isifanekiso lapha ukutshengisa ukubuya kweNkosi?

Kusetshenziswe isifanekiso sesivuno kulo lonke iBhayibheli ukuchaza ukubuya kukaKrestu (Math. 13:37-43, Marko 4:29). KuSambulo 14, isivuno sikakolo ovuthiwe simele ukusindiswa kwabalungileyo, kanti isivuno sesivini esivuthwe kwaze kweqa, simele ukubhujiswa kwababi. ISambulo 14:6-12 siqukethe isigijimi esiphuthumayo sezinsuku zokugcina sokulungisela abantu isivuno somhlaba sokugcina.

Funda iSambulo 14:6, 7. Yini umongo wesigijimi esitholakala kulezindimana ezimbili? Zisisiza kanjani ukuqonda ukuthi singobani thina maSeventh-day Adventist?

Isigijimi sengelosi yokuqala kuSambulo 14 siqondise esizukulwaneni esiphila kumnyakakhulu ka 21 esifisa injongo empilweni yaso. Sinikeza ivangeli lomusa kaNkulunkulu oletha intethelelo kubo bonke abantu. Sisihlanza ecaleni lesono, sisinike amandla okuba ngabanqobi. Lesigijimi siyisisekelo sokuthi siyigugu ngoba uKrestu wasidala, wabuye wasihlenga. Sikhomba ekuthini ngelinye ilanga konke ukungalungi kuyopheliswa ekwahluleleni kokugcina kukaNkulunkulu. Lezo yizindaba ezimnandi kakhulu ngoba sitshengisa ukuthi ububi ngeke buhlale kuze kube naphakade.

"Ngendlela ekhethekile, amaSeventh-day Adventist abekwe emhlabeni ukuba abaqaphi nabaphathi bokukhanya. Aphathiswe isixwayiso sokugcina esiya emhlabeni obhubhayo. Phezu kwawo, kukhanya ukukhanya okumangalisayo ovela eZwini likaNkulunkulu. Banikwe umsebenzi onesisindo kakhulu—ukumemezela izigijimi zezingelosi yokuqala, eyesibili, neyesithathu. Awukho omunye umsebenzi omqoka njengalowo. Abangavumeli lutho olunye ukuba ludle isikhathi sabo."—Ellen G. White, *Evangelism*, amakhasi 119, 120. Njengebandla, kodwa nokubaluleke ngaphezu kwalokho, njengamalunga ngamanye ngamanye, singawathathela kanjani enhliziyweni lamazwi?

Ukuqonda Isigijimi SikaNkulunkulu Ngokujulile

Isigijimi seSambulo sezinsuku zokugcina siveza uJesu ngokuphelela komusa waKhe osindisa bonke abantu (Samb. 14:6). Isimemo esikhulu sokwesaba noma ukunika inhlonipho kuNkulunkulu ngakho konke esikwenzayo—sihloniphe imiyalo yaKhe, sithobele umthetho waKhe njengoba eyokwahlulela ngawo (Samb. 14:7). "Ukwesaba" uNkulunkulu kuphathelene nendlela esicabanga ngayo. Yisimemo sokuphilela ukujabulisa uNkulunkulu, sibeke Yena kuqala kuyo yonke imicabango yethu. Yisimo somqondo sokulalela esenza ukuthi siphile impilo yokwesaba uNkulunkulu (iZaga 3:7, iZenzo 9:31, 1 Petru 2:17). Lesigijimi siphinde sisimeme ukuthi sinike uNkulunkulu udumo. Ukunika uNkulunkulu inkazimulo kuphathelene nesikwenzayo kuyo yonke imikhakha yempilo yethu.

Funda kuMshumayeli 12:13, 14, no 1 Korinte 6:19, 20. Lezindimana zisisiza kanjani ukuqonda ukuthi kusho ukuthini ukwesaba uNkulunkulu nokumnika inkazimulo?

Kulesikhathi sokunganaki ukuziphatha, lapho izigidi zabantu zithatha ngokuthi zizibusa zona, lesigijimi sehora lokwahlulela sisikhumbuza ukuthi sinokuziphendulela ngezenzo zethu. Kukhona ukuxhumana phakathi komqondo wokuhlonipha uNkulunkulu, ukumlalela, nokwahlulela. Ukulalela umphumela wobudlelwane obusindisayo noJesu. Ukulunga kwaKhe kuphela okwanele ukuze siphumelele ekwahlulelweni, futhi ekulungeni kwaKhe siphephile. Ngokulunga kwaKhe siphilela ukukhazimulisa igama laKhe ngakho konke esikwenzayo.

Funda kuSambulo 14:7, iSambulo 4:11, Genesise 2:1-3, noEksodusi 20:8-11. Yini isisekelo sakho konke ukukhonza uNkulunkulu kweqiniso, futhi iSabatha likubonakalisa kanjani lokho kuqonda?

Usathane uyalihlasela iSabatha ngoba uyazi ukuthi liwumongo wokukhonza. Liphakamisa uKrestu njengoMdali, linxusa bonke abesilisa nabesifazane yonke indawo, ukuba "bakhonze Yena owenza izulu nomhlaba" (Samb. 14:7). Likhuluma lishaye khona kulesikhathi sezimfundiso eziphikisana nokudalwa. Lisibizela ekukhonzeni loKrestu owasidala, nosinika ukubaluleka kweqiniso kuYena.

Cabanga ngokuthi iSabatha libaluleke kangakanani njengesikhumbuzo sikaNkulunkulu njengoMdali wethu, kanjalo-ke, okunguYena yedwa esifanele ukumkhonza. Vele, iyiphi enye imfundiso ebaluleke kangangokuthi uNkulunkulu ufuna inxenye yesikhombisa yempilo yethu masonto onke ukuze simkhumbule njengoMdali wethu?

Isimemo Sokugcina SikaNkulunkulu

Funda iSambulo 14:8, iSambulo 17:3-6, neSambulo 1:1-4. Sifundani ngeBhabhiloni likamoya kulezindimana?

Encwadini yeSambulo, igama elithi "Bhabhiloni" lisho inkolo yamanga eyesekelwe phezu kwemisebenzi yomuntu, amasiko enziwe ngabantu, nezimfundiso zamanga. Iphakamisa abantu nokulunga kwabo ngaphezu kukaJesu nempilo yaKhe engenasono. Ibeka imiyalo yabantu abafundisa inkolo ngaphezu kwemiyalo kaNkulunkulu. IBhabhiloni kwakuyisizinda sokukhonzwa kwezithixo, ukukhonzwa kwelanga, nemfundiso yamanga ethi umphefumulo awufi. Lenkolo yamanga, ifake ekukhonzeni kwayo ngendlela eyisinyenyela, imikhuba eminingi yokukhonza yaseBhabhiloni lasendulo. Isigijimi sikaNkulunkulu sezinsuku zokugcina kulomhlaba wethu ofayo, isigijimi sikaJesu nokulunga kwaKhe. Sizwakalisa ukunxusa kwezulu okuthi: "Liwile, liwile iBhabhiloni elikhulu. Phumani kulo bantu baMi" (Samb. 18:2, 4). UNkulunkulu weseke ibandla lamaSeventh-day Adventist ukuze liphakamise isigijimi sikaKrestu ngokuphelela kwaso konke. Ukuphakamisa uJesu kusho ukuphakamiso yonke into ayeyifundisa. Ukumemezela Lowo "oyiNdlela, iqiniso, nokuphila" (Johane 14:6). Ukubeka obala amanga eBhabhiloni uma kuqhathaniswa neqiniso likaJesu.

Funda kuSambulo 14:7, 9-11. Kulezindimana, kuqhakambiswa kuphi okukhonzwayo okuphikisanayo?

ISambulo 14 sichaza izindlela ezimbili ezehlukene zokukhonza—ukukhonza uMdali, nokukhonza isilo. Lezenzo ezimbili zokukhonza zimi phezu kosuku lokukhonza lukaNkulunkulu, iSabatha leqiniso, neSabatha lamanga. ISabatha lisho ukuphumula, isiqiniseko, nokuphepha esinakho kuKrestu uMdali wethu, noMhlengi, neNkosi ebuyayo. ISabatha mbumbulu lisho elamanga elifakwe umuntu ngokuhlakanipha kwakhe nemithetho eyenziwe ngumuntu.

Funda iSambulo 14:12. Ithini lendimana, kakhulukazi maqondana nokungaphambili? Umthetho nomusa kuvezwe kanjani kulendimana, futhi kufanele kusifundiseni lokhu ngokuthi umthetho nomusa kokubili izinxenye zevangeli ezingenakho ukwehlukaniswa?

Ukujula Nomcabango:

"UNkulunkulu ubize ibandla laKhe kulezinsuku, njengoba wayebize u-Israyeli wasendulo, ukuthi libe ukukhanya emhlabeni. Ulihlukanisile emabandleni nasezweni ngezigijimi zengelosi yokuqala, eyesibili, neyesithathu, ukuba lisondele kakhulu kuYena. Ulenze laba yinqolobane yomthetho waKhe, waliphathisa amaqiniso amakhulu esiprofetho salesi sikhathi. NjengemiBhalo eNgcwele eyayiphathiswe u-Israyeli wasendulo, lokhu kungcwele, futhi kumelwe ukwaziswa ezweni. "Izingelosi ezintathu zeSambulo 14 zimele abantu abamukela ukukhanya kwezigijimi zikaNkulunkulu, baphume njengezithunywa zaKhe ukumemezela isixwayiso emhlabeni wonke. UKrestu uthi kubalandeli baKhe: 'Nina ningukukhanya kwezwe.' Mathewu 5:14. Isiphambano saseKhalvari sikhuluma nalowo nalowo muntu owamukela uJesu, sithi: 'Bheka ukuba yigugu komphefumulo. "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo." ' Marko 16:15. Akungavunyelwa lutho luvimbele lomsebenzi. Yiwona msebenzi obaluleke kakhulu kulesikhathi samanje; kufuneka sifinyelele kude. Lolo thando olwatshengiswa nguJesu ngenxa yemiphefumulo yabantu ngomhlatshelo awenzela ukusindiswa kwabo, luzoqhuba abalandeli baKhe. "UKrestu wamukela ngentokozo enkulu wonke umuntu ozinikela kuYena. Uxhumanisa abantu nezulu, ukuze bamemezele ezweni izimfihlakalo zaloluthando olunguJesu. Khuluma ngalo, thandaza ngalo, cula ngalo, gcwalisa umhlaba ngesigijimi seqiniso laKhe, uqhubekele emikhawulweni ekude."—Ellen G. White, *Counsels for the Church*, amakhasi 58, 59.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Izigijimi zezingelosi ezintathu zeSambulo 14 ziyibonakalisa kanjani ingqikithi yebandla lamaSeventh-day Adventist?

2. Cabanga ngeSabatha nokubaluleka kwalokho elikumele. Njengoba sibonile kuleliviki, isigijimi esiqukethwe yilo sibaluleke ngendlela yokuthi uNkulunkulu uyala ukuthi sibekele eceleni inxenye yesikhombisa yezimpilo zethu ukuze simkhumbule Yena onguMdali noMsindisi wethu. Futhi, ngokwehlukile entabeni engcwele noma umuzi ongcwele, asidingi ukuya khona ukuyokhonza. Wonke amaviki, ngesivinini esingalinganiselwa kwinkulungwane yamamayela ngehora (eduze kwe-nkabazwe/equator), iSabatha liza kithina. Leliqiniso lisisiza kanjani ukuthi siqonde ukubaluleka kwalolosuku nokuthi lukhombani? Singakuchaza kanjani ukuwa kweBhabhiloni noma uphawu lwesilo ngendlela enothando? Sisho ukuthi, singawafundisa kanjani lamaqiniso ngendlela engakhubekisi, yize kuyinto eyaziwayo ukuthi noma singazama kanjani, abanye bazokhubeka?

Isifundo 13

**Mandulo 19-25*

Isinyathelo Sokukholwa

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Filipi 2:5-11; Math. 4:18-20; iZenzo 9:3-6, 10-20; Johane 21:15-1-19; 1 Johane 3: 16-18.

Indimana Yekhanda:
"Mawube kini lowo mqondo owawukhona nakuKretu Jesu, owathi enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu, kepha wazidela ethabatha isimo senceku, enziwe ngomfanekiso wabantu," (Filipi 2:5-7.

Eshiya inkazimulo yasezulwini, ukukhonzwa yizingelosi, nobudlelwane noYise, kwaku ukuzidela okungacabangeki. Kodwa uJesu weza kulomhlaba wokuhlupheka nokufa ukuze abonakalise isimilo sothando sikaYise, ukuze abuyise uthando lwabantu, nokubahlenga bonke. "Ngeke siyiqonde intengo yokusindiswa kwethu kuze abasindisiwe bame noMsindisi phambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Lapho-ke uma sesibona inkazimulo yekhaya laphakade siyokhumbula ukuthi uJesu washiya konke lokhu ngenxa yethu, ukuze angagcinenje ngokuba oshiye ikhaya laKhe, kodwa futhi wazibeka engcupheni yokwehluleka nokulahlekelwa yiphakade. Lapho-ke siyophonsa imiqhele yethu ezinyaweni zaKhe, sihlabelele sithi: "Lifanele iWundlu elahlatshwayo, ukwamukela amandla, nengcebo, nokuhlakanipha, nokunqoba, nodumo, nenkazimulo, nesibusiso. Isambulo 5:12."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, ikhasi 131. Umhlatshelo asenzela wona uJesu awunakulinganiswa ngentengo. Uma sivuma ukuholwa nguYe, samukele umyalo waKhe, sihlangane naYe ekufuneni abantu abadukile beze embusweni waKhe, kudingeka ukuzidela. Nakuba ukuzidela kwethu kungeke kuze kulingane nokwaKhe, ukuzuza imiphefumulo nakithina ukuthatha igxathu lokukholwa. Kusikhipha ekuthokomaleni kwethu, singene emanzini angaziwa. Ngesinye isikhathi iNkosi yethu ithi asizinikele, kodwa intokozo asipha yona yedlula kakhulu lokho kuzinikela.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Mandulo 26.*

Uthando LukaJesu Lokuzidela

Umphostoli uPawulu usikhuthaza ukuthi "mawube kini" noma "vumelani" umqondo kaKrestu ube kithina. Lokho kusiholela emibuzweni ethathekisayo. Wawunjani umqondo kaKrestu? Yini eyayibusa ukucabanga kwaKhe? Kwakuyini ingqikithi yokucabanga kwaKhe?

Funda kuFilipi 2:5-11. Lezindimana ziyiveza kanjani ingqikithi yokucabanga kukaKretu nephethini eyayibusa impilo yaKhe yonke?

Kusukela phakade, uJesu wayelingana noNkulunkulu. UPawulu ulisho ngalamazwi leliqiniso laphakade: "owathi enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu" (Filipi 2:6, NKJV). Leligama elihunyushwe ngokuthi "isimo" ngolimi lwesiGriki lithi morphe. Lisho okuyiwona umongo wento. Lixhumanisa izinto ezimbili ezinenani elilinganayo. I-SDA Bible Commentary ibeka kanje: "Lokhu kubeka uKrestu endaweni elingana nekaYise, abe ngaphezu kwanoma yimaphi amanye amandla. UPawulu uyakugcizelela lokhu ukuze akhanyise kakhudlwana ukujula kokuzehlisa kukaKrestu."—Volume 7, ikhasi 154. U-Ellen G. White uma ekhuluma ngemvelo yaKhe yaphakade, uthi: "KuKrestu kukhona ukuphila, kwasekuqaleni, okungatshelekiwe, nokungaveli entweni ethile."—*The Desire of Ages*, ikhasi 530. UJesu, owayelingana noNkulunkulu kusukela phakade, "wazithobisa." Ngolimi lwesiGriki kungathiwa "wathululula" amalungelo aKhe okulingana noNkulunkulu, wathatha isimo somuntu, waba yinceku ethobekile yabantu. Njengenceku, wabonakalisa umthetho wezulu wothando kuyo yonke indalo kwaze kwathi ekugcineni, wenza okuyisona senzo sothando esikhulu esiphambanweni. Wanikela ngempilo yaKhe ukuze asindise ezethu ngunaphakade. Ingqikithi yokucabanga kukaJesu kwakuluthando lokuzidela. Ukulandela uJesu kusho ukuthi asithande njengoba wathanda, sikhonze njengoba wakhonza, sisebenze njengoba wasebenza. Ukuvumela uJesu ngoMoya waKhe oNgcwele ukuthi akhiphe ukuzicabangela kwethu kuzosibiza okuthile. Kwabiza uJesu yonke into. Kodwa imiBhalo ithi ngoJesu: "Ngalokho-ke uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu, wamnika igama eliphezu kwamagama onke" (Filipi 2:9). Nakuphi ukuzinikela esikwenzayo lapha emhlabeni kuyokuba nomvuzo ezulwini. Kuyokuba nokuzinikela yonke indlela, kodwa intokozo yokwenza umsebenzi iyokuba ngaphezu kokuzinikela namhlanje, kanti nentokozo yaphakade yokuhlala noKrestu kuze kube phakade iyokwenza ukuzinikela esikwenzayo lapha kufane nento engelutho.

Wagcina nini ukufa umina ngaphakathi kwakho ngenxa kaKrestu? Impendulo yakho ikutshelani ngohambo lwakho lobuKrestu?

Ubizo Lokuzinikela

Zicabange unguPetru noJohane. Ilanga lisanda kuphuma ngosuku oluhle lwaseGalile, lixosha umoya obandayo wasebusuku. Imicabango yakho igxile entweni eyodwa: ukubamba izinhlanzi, eziningi futhi. Ukudoba bekuhamba kahle kamuva-nje, manje wethemba olunye usuku oluhle lokudoba. Kwase kuthi-ke ngokukhanya kwentathakusa, uyambona eza, uJesu waseNazaretha. Awuzange ucabange ukuthi emizuzwini embalwa yonke impilo oyakho izoguquka. Ngeke uphinde ufane nakuqala.

Funda kuMathewu 4:18-20. Ucabanga ukuthi kungani uPetru noJohane bavuma ukwenza lokhu kuzinikela okungaka kokulandela uKrestu? Yini kulendimana etshengisa ukuthi uJesu wayebabizela kokukhulu kunokubamba izinhlanzi?

Ngokufunda evangelini likaJohane siyathola ukuthi lamadoda ayesenolwazana ngoJesu isikhathi esingaphezu konyaka, kodwa ayengazange azinikele kuYena. Noma kunjalo, kufanele ukuthi kwakukhona ukuziphatha ngendlela engcwele kuJesu, okuthile ngokubukeka kwaKhe, amazwi, nezenzo, okwatshengisa labadobi baseGalile ukuthi ubabizela obizweni oluphakeme. Isizathu sokushiya izikebhe zabo, umsebenzi abaziphilisa ngawo, nendawo abayejwayele baze bamlandele ukuthi bezwa ngaphakathi ukuthi ubabizela emsebenzini omkhulu. Labadobi babona ukuthi babizelwe injongo engejwayelekile. Kungenzeka ukuthi uNkulunkulu akakubizi ukuthi ulahle umsebenzi wakho namhlanje, kodwa uyakubiza ukuthi wenze umsebenzi ongajwayelekanga—ukwabalena ngothando lwaKhe nokufakaza ngeqiniso laKhe ukuze kukhazimuliswe igama laKhe.

Cabanga ngobizo lukaMathewu, umqoqi wentela, kuMathewu 9:9. Yini oyibonayo kulendimana ethathekisa kakhulu?

Abaqoqi bentela kusabusa amaRoma, babaziwa ngenkohlakalo, besebenzisa amandla abo ombuso ukucindezela abantukazana. Babezondwa kakhulu futhi bebukelwa phansi kulo lonke elakwa-Israyeli. Isimemo sikaKrestu esithi: "Ngilandele" sisitshela ukuthi uMathewu wayeseke wezwa ngoJesu, enhliziyweni yakhe waba nokufisa ukumlandela. Kuthe sekufika isimemo, wayesekulungele. Wamangala ngokuthi uKrestu amamukele, ammeme ukuba omunye wabafundi baKhe. Ekujuleni kwezinhliziyo zethu sonke kukhona ukulangazelela okuthile okungaphezulu. Nathi siyafuna ukuphilela into elusizo, enhle, enenhloso ephakeme. Kanjalo-ke uKrestu uyasibiza njengoMathewu ukuba simlandele.

Cabanga ngalokho abantu abehlukana nakho ukuze balandele uJesu. Kungani kuyokuba nomvuzo ekugcineni?

UPawulu: Isitsha sikaNkulunkulu Esikhethiweyo

Ngesikhathi uPawulu amukela uKrestu, impilo yakhe yonke yaguquka. UKrestu wamnika ikusasa elisha. Wamkhipha endaweni ayethokomele kuyo, wamholela kuleyo ayengazange ayiphuphe nokuyiphupha. Ngokuholwa nguMoya oNgcwele, umphostoli uPawulu washumayela iZwi likaNkulunkulu ezinkulungwaneni zabantu kulo lonke elakhele ulwande iMediterranean. Ubufakazi bakhe baguqula umlando wobuKrestu nowomhlaba.

Funda kuZenzo 9:3-6. 10-20. Lezindimana zitshengisa kanjani ukuthi uJesu wayenecebo eliphakeme ngempilo kaPawulu?

UJesu uvame ukukhetha abantu abangalindelekile ukuba bafakazele igama laKhe. Cabanga ngalabo ababenamadimoni, umqoqi wentela, abadobi baseGalile, manje nalowo owayehlupha kakhulu amaKrestu. Bonke laba baguqulwa ngomusa, base bethunywa begcwele injabulo ezinhliziyweni, ukuyotshela abanye ngalokho uKrestu akwenzile ezimpilweni zabo. Abazange bakhathale ukuyisho lendaba. Ababekwenzelwe nguKrestu kwakumangalisa ngendlela yokuthi baphoqeleka ukwabelana ngakho. Abakwazanga ukuthula.

Qhathanisa iZenzo 28:28-31 no 2 Thimothewu 4:5-8. Yiziphi izinkomba esizithola kulezindimana zokuthi uPawulu akazange achezuke ekuzinikeleni kwakhe ngokuphelele kuKrestu ukusebenzela ukuzuza imiphefumulo?

Ekugcineni kwempilo yakhe, eyisiboshwa sasendlini eRoma, uPawulu waqinisekisa ukuthi "Ngakhoke makwazeke kini ukuthi lensindiso kaNkulunkulu ithunyelwe kwabezizwe; bona-ke bayakuzwa" (iZenzo 28:28). Umlando uthi wamukela bonke ababemvakashela, washumayela iZwi kubona (iZenzo 28:30, 31). Ekugcineni kwempilo yakhe, wanxusa uThimothewu ukuba enze umsebenzi womvangeli, kanti yena uqobo wathi: "Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiqedile ibanga, ngigcinile ukukholwa" (2 Thim. 4:7). Nakuba ukubizwa kwethu kungebe okuthathekisa njengokuka Pawulu, uNkulunkulu uyasibiza ngabanye ukuba sihlanganyele naYe kulomsebenzi wokushintsha umhlaba. Kusobala ukuthi phezu kwabo bonke ubunzima abhekana nabo eminyakeni (bheka 2 Korinte 11:25-30), uPawulu wayelokhu ethembekile obizweni lwakhe eNkosini. Indaba uPawulu owayekade ehlupha abalandeli bakaJesu kwaba iyona enomthelela omkhulu kakhulu futhi eyaba ubufakazi benkolo yobuKrestu (kulandela ekaJesu), namanje iwubufakazi balokho iNkosi engakwenza ngalowo onikela impilo yakhe emsebenzini weNkosi.

UNkulunkulu ukubize ukuthi wenzeni? Uyakwenza lokho?

Izimfuno Zothando

Uthando luzibonakalisa ngezenzo, njalo.. uthando lwethu ngoKrestu lusiphoqa ukuba senze okuthile ngabantu abadukile. UPawulu wakusho kahle ngesikhathi ethi ebandleni laseKorinte: "Ngokuba uthando lukaKrestu luyasiqhubezela" (2 Korinte 5:14). UbuKrestu akusikho kakhulu ukushiya imikhuba emibi ukuze sisindiswe. UJesu akazange "ashiye" izinto ezimbi ezulwini ukuze sisindiswe. Washiya izinto ezinhle ukuze abanye basindiswe. UJesu akasibizi-nje ukuthi sinikele ngesikhathi sethu, amathalente, nengcebo yethu emsebenzini waKhe; usibizela ukuthi sinikela ngezimpilo zethu. Emhlanganweni wasekuseni nabafundi baKhe ogwini lwaseGalile, uJesu wazisho kahle izimfuno zothando lwasezulwini.

Funda kuJohane 21:15-19. Mbuzo muni uJesu awubuza uPetru kwaze kwaba kathathu, yathini impendulo kaPetru? Kungani uJesu wabuza uPetru lombuzo izikhathi ezintathu?

Upetru waphika iNkosi yakhe izikhathi ezintathu, wakhipha impendulo yothando emlonyeni kaPetru uqobo izikhathi ezintathu. Phambi kwabafundi, uJesu wayebuyisela ukuzethemba kukaPetru bokuthi uthethelelwe ngothando lwasezulwini, nokuthi uJesu usambekele umsebenzi ensimini yaKhe.

Funda kuJohane 21:15-19 futhi, kodwa manje uqaphelisise ukwenanela kukaJesu isiqiniseko sikaPetru sokuthanda uKrestu. UJesu wamtshela ukuthi enzeni?

Uthando lwezulu luyasebenza, alulele. Uthando lweqinso lungaphezu komuzwa wokufudumala, ngaphezu komcabango omuhle. Lubandakanya ukuzinikela. Uthando lusiqhubezela ukuba senze okuthile. Lusiholela ekufuneni umhlaba odukile wabantwana bakaNkulunkulu abasweleyo. Ngesikhathi uJesu ethi kuPetru: "Ondla izimvu zaMi," kwakungumyalo nesiqinisekiso esiduduzayo. INkosi yayifuna impendulo othandweni, futhi yakhuthaza uPetru ngokuthi usenawo umsebenzi ambekele wona, yize uPetru adumaza uJesu mhla eboshwayo uJesu, futhi uPetru akagcinanga ngokuphika uJesu, kodwa wamphika ekhuluma nenhlamba, njengoba uKrestu wayeshilo. Yini eshiwoyo lapha? Kungenzeka ukuthi wake wayidumaza iNkosi yakho. Kungenzeka ukuthi wayiphika ngezenzo zakho izikhathi ezingaphezu kwesisodwa. Izindaba ezinhle ukuthi umusa usatholakala, futhi

NjengoPetru, wake "wayiphika" iNkosi? Uma kunjalo, ithini kuwena indaba yokuphika kukaPetru kanye namazwi kaKrestu kuye?

Ukuzinikela Kothando

Ekupheleni kwengxoxo phakathi kukaPetru noJesu, sibona abantu ababili behamba ogwini lolwandle. Uma amagagasi elokhu egubha, uJesu utshela uPetru ngentengo yokuba umfundi. Ufuna ukuthi uPetru aqonde kahle kamhlophe ukuthi uyobhekana nani uma amukela isimemo sikaJesu "sokondla izimvu zaMi."

Funda kuJohane 21:18, 19. UJesu wamtshelani uPetru ngentengo yokuba umfundi? Ucabanga ukuthi kungani uJesu waveza into eshaqisa kangaka kuPetru ngalesikhathi sempilo yakhe na?

Ngalamazwi, uKrestu watshela uPetru ngendlela uPetru ayofela ngayo inkolo yakhe ngelinye ilanga. Izandla zakhe zaziyokwelulwa esiphambanweni. Ngokwembula lokhu, uKrestu wayenika uPetru ilungelo lokukhetha. Wamnika ithuba lokukhetha impilo eletha intokozo enkulu kakhulu empilweni: ukubona imiphefumulo izuzelwa umbuso kaNkulunkulu. Ngosuku lwePentekoste wayezobona izinkulungwane zamukela uKrestu. Wayezokwenza izimangaliso ngegama likaJesu, amkhazimulise phambi kwezinye futhi izinkulungwane. Wayezokuba nentokozo engapheli yobudlelwane noKrestu emsebenzini waKhe. Kodwa lelo lungelo lalizohamba nentengo. Lalizobiza ukuzidela, ukudela impilo uqobo. UPetru wanxuswa ukuba enze isinqumo ebhekile. UPetru manje wayazi ukuthi akukho ukuzidela okukhulu ngendlela yokuthi angekwenze ukuze azihlanganise noJesu emsebenzini waKhe.

Funda ku 1 Johane 3:16-18. UJohane uthi luyini uthando, ngaphandle-nje kwento engaphatheki? UJohane uwuchaza kanjani okunguwona mhlatshelo wothando ngempela?

Ezweni laphakade, akukho lutho esake salwenza olubukeka njengomhlatshelo. Ukunikela ngesikhathi sethu namandla ethu, ngisho nezimpilo zethu, koyoba sengathi siphiwe umvuzo omkhulu ngokweqile kunalokho esikwenzile. Kuyinjabulo enkulu ukuguqula uthando lube yizenzo, ukuguqula izinhloso zibe ukuzinikela. Uma sisabela othandweni lwezulu ngokungagodli lutho ngokuthi sifakaze kwabanye njengamanxusa kaKrestu, sifeza injongo yokuphila kwethu, sithole okuyiyona ntokozo enkulu yokuphila. Njengoba uJesu washo kahle ethi: "Uma nazi lokho, nibusisiwe uma nikwenza" (Johane 13:17). Okuyiyona ntokozo enkulu empilweni nokujabula okuhlala njalo, kutholakala uma sifeza inhloso yokuba khona kwethu emhlabeni ngokuthi sikhazimulise uNkulunkulu nendlela esiphila ngayo futhi sabelane nezwe ngothando lwaKhe neqiniso laKhe.

Ukujula Nomcabango:

"Labo abongamele impilo yokukholwa yabazalwane, abaqambe amasu namacebo okunika ithuba kulelo nalelo lunga lebandla ukuthi libe nesabelo emsebenzini kaNkulunkulu. Esikhathini esedlule, kwakungavamile lokhu. Ayengekho amacebo okusebenzisa amathalente amalunga emsebenzini. Bambalwa ababonayo ukuthi balahlekelwe kangakanani ngenxa yalokho. "Abaholi emsebenzini kaNkulunkulu, njengezinduna zempi ezikhaliphile, badinga ukwenza izinhlelo zalokho okuzokwenzeka yonke indlela. Ekuhleleni kwabo, badinga ukuqaphelisisa umsebenzi amalunga angawenzela abangane bawo nawomakhelwane. Umsebenzi kaNkulunkulu kulomhlaba ngeke uqedwe kuze kuthi abesilisa nabesifazane abangamalunga ebandla lethu bafake igxalaba emsebenzini, bahlanganise amandla abo nawabefundisi nabaholi bebandla. "Ukusindiswa kwezoni kudinga umsebenzi oqinisekile, wokusebenzela umuntu nomuntu. Asibahambisele izwi lokuphila, singalindi beze kithina. O, ukuba-nje bengingakhuluma amazwi kwabesilisa nabesifazane azobavusa basebenze ngokukhuthala! Imizuzu esiphiwe yona manje, imbalwa. Simi emgceleni wezwe laphakade. Asikho isikhathi sokudlala. Umzuzu ngamunye ufana negolide, uligugu elikhulu ukuthi singalibala ukuzikhonza thina. Obani abazofuna uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo, bathole kuYe amandla nomusa okuba yizinceku ezethembekile ensimini yaKhe? "Kulelo nalelo bandla kukhona amathalente, okungathi ngokusetshenziswa kwawo kahle, athuthukiselwe ukuba lusizo olukhulu kulomsebenzi. Lokho okudingekayo manje ukwakha amabandla ethu umsebenzi omuhle wezisebenzi ezihlakaniphile, ezizobona amathalethe, ziwathuthukise—amathalente angafundiselwa ukusetshenziswa yiNkosi."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 9, amakhasi 116, 117.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yini umnyombo walesicaphuno sika Ellen G. White esingenhla? Singaba namthelela muni ekufakazeni kwakho nomsebenzi webandla lakho wokuvangela?

2. Uthando lwangempela lubonakaliswa kanjani sonke isikhathi? Yiziphi izinhlobo zothando-mbumbulu ezingenalutho lokwenza nothando lweqiniso na?

3. Eklasini, xoxani ngokuzidela okwake kwenziwa abantu ngenxa kaNkulunkulu, okuhlanganisa ukulahlekelwa yimpilo. Ungafundani kulezindaba?

4. Cabanga ngempendulo yakho embuzweni osekugcineni kwesifundo sangolokuQala, ngalokho owakudela ngenxa kaKrestu. Empeleni, yini owake wayidela? Wakwenzelani lokho? Kwakunesizathu esizwakalayo? Ungakuchaza kanjani kumuntu ongesiye umKrestu lokho owakwenza, nesizathi sokukwenza?